

UKUHLAKANIPHA

KUBHEKENE NOKUKHOLWA



Ngiyabonga, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise. Sawubona, sawubona. Mfowethu . . .

² Sanibona, bangani. [Omunye uthi, “Sawubona, Mfowethu Branham.”—Umhl.] Ngiyajabula ukubuyela endlini yeNkosi!

³ Ngisanda kubuyiswa lapho, emizuzwaneni embalwa edlule, ukuba ngikhulekele umfundisi omdala. Futhi ubesanda nje nokuthi zibaba emqondweni, okunjengakho. Akukho lutho olutholakala lungalungile kuye. Ukuthi nje usengongcwele omdala weNkosi. Emgwaqeni ezansi lapha, USathane uzame ukungigulisa, ukuba ngihlanze, futhi. Ngathi, “Sizodingeka nje ukuba sikhulekelane.” Kunjalo. Ya. Ngakho, bekunguMfowethu Coggins. Simazi kahle kakhulu, lapha etabernakele. Uvela enhla eCarolina. Futhi kade egula kakhulu, kakhulu, nje—nje ame futhi kuthi zibaba emqondweni. Kodwa akubonakali kunento eyodwa engalungile kuye, hhayi ngokomzimba. Ngakho, nguDeveli nje ezama ukumlinga. Ngakho, ungumlingi omkhulu, futhi ongokahle, futhi.

⁴ Nayizwa indaba ngodade omdala owayeya enkonzweni, wayengasho lutho olubi nganoma ubani. Bathi, “Ucabangani ngoDeveli na?” Wathi, “Awu, uyisitha esikahle.” Ngakho yilokho a—yilokho ayikho.

⁵ Siyajabula, kulokhu ukusa, ukuba sibe sendlini yeNkosi futhi, ngaleliviki, silindele ukuFika kweNkosi uJesu.

⁶ Futhi manje, bengizokhuluma ngendaba, kulokhu ukusa, “Ukuvikelwa yiGazi,” futhi kubonakale sengathi uMoya oNgcwele uthe ukushintsha umqondo wami ngalokho. Futhi nginenye indaba, yokufundisa. Ngoba, ngaleyonkathi, kamuva, ngithe, izolo ebusuku, “Kungani Ashintshe umqondo wami ngendaba yalolohlobo, ‘Ukuvikelwa yiGazi?’” Niyaqonda lapho indikimba ibizoba khona, “UIsrayeli phansi kwegazi, emasha eya esethembisweni,” niyabo. Futhi ngingahle ngikukhulume, ngesinye isikhathi esithize.

⁷ Ngakho ngikhumbulile, ephusheni engaba nalo lapha, kungekudala. Futhi mina, kuleliphupho, ngangifanele ukubekelela uKudla etabernakele, niyabo, lapha kuleliphupho. Bangaki olikhumbulayo, emavikini ambalwa edlule, nginephupho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Angikwazanga ukuninika incazo yalo. Futhi uma kungeke kungithathe isikhathi eside kakhulu, ngizonitshela nje, uma ningathanda ukuzwa. [“Amen.”] Kulungile.

⁸ Kuyivela kancane ukuthi ngiphuphe noma yini esile nje kuyo. Kungukuthi, ngokuvamile, ngiya embhedeni sekuleyithi, bese-ke ngiyaphaphama. Futhi ngibe nokwethuka noma ngikhathale, uyaphupha, bese-ke uyolala bese uphupha, bese-ke uyaphaphama. Niyazi ukuthi kunjani, umuntu onokwethuka njengami uqobo.

⁹ Futhi ngangiphumile noMfowethu Woods noMfowethu Sothmann, neNkosi yayikade inikeza abantu nje...benyuka ne...ezansi...Nalokhu kwakuseTucson, eArizona. NeNkosi ngokuphelele nje, kulolonke udaba, inikeza izincazo zamaphupho.

¹⁰ Manje, niyabo, uma noma ubani enikeza, engitshela ngephupho, indlela kuphela enginganikeza ngayo incazo, ngiphinde ngilibone lelophupho. Nabaningi benu lapha bayazi, ukuthi abanye benu bengitshela izinto, eningangitshelanga konke ngakho, ephusheni. Kodwa uma ngilithola, liphinda futhi, ngikuthole eningakushongo. Niyabo? Futhi ngakho uzofanele uphinde ulibone futhi, bese-ke Eyakutshela. Ngakho-ke, ngezinye izikhathi kuyasika. Ngezinye izikhathi kul'khuni, kungavumelani nomuntu. Kodwa ufanele ube neqiniso, ngoba yiZwi leNkosi. Uyabo? Isizathu, bakubhekile lokho. Futhi aLi neze...INKosi ibe yinhle kimi, ukuLidedela njalo libe ngeliqinisileyo.

¹¹ Futhi ngakho ngalobobusuku nga—ngaya kolala, ngase ngiphupha, qobo lwami. Futhi ngangicabanga ukuthi ngangi... Umfo engangivame ukushaya naye isibhakela, eminyakeni eyadlula. Abaningi, nina zingwazi ezindala... .

¹² Bengicabanga nje ngoMfowethu Roy Slaughter, emi lapho emnyango. Wayekade enakho, ngiqagele elinye lamalunga amadala kunawo onke lapha, ebandleni. UMfowethu Slaughter, ngiqagele, ukhona khona ngapha elinye lamalunga amadala kunawo onke. Futhi nje ngi—ngi... .

¹³ Ngisakhuluma ngaye, kunamaphuzu amaningi amahle ngoRoy Slaughter abantu abangazi lutho ngawo. Kunjalo. Ungumfowethu, futhi ngiqoka ukumnika isixhobo sezimbali ezincane manje, noma umqumbe, kunayo yonke inqwaba yomqhele wezimbali uma engasekho. Kunjalo. Kunamaphuzu amaningi akahle. UMfowethu Roy ubengumfowethu wangempela kimi, yena nomndeni wakhe, ephila phandle lapho, futhi wawusebenzela kanzima lowomndeni omncane, futhi ukhulisa esikahle isigejane sabantwana. Ngangi-wazi onke amantombazane akhe nabafana bakhe, futhi ngashumayela ngomngcwabo womfana wakhe omncane ngenkathi eseshonile.

¹⁴ Futhi ngiyakhumbula, ngesinye isikhathi lapha, sasinomfo esebenza endlini yokukhonzela. Ne...Futhi wayefanele akwenze, njengombazi nje. Sasingenayo imali eningi kakhulu. Futhi wayezofaka lelingaphakathi phakathi lapha. Futhi

kufika omunye owayefuna ukusebenza, futhi akakwenzanga. Wayesehlala ngakhona, wayesezisho ukuthi usebenze ingxenye yehora, noma okuthize, wayeselimala onyaweni. Kwase kuthike yena, kwenele nje ukuba alethe isimangalo ebandleni, futhi wasimangalela efuna izinkulungwane eziyishumi zamadola. Awu, sasingenalutho. Sasingazi lutho ngakho kwaze kwathi base bevele benaso isigwebo. Niyabo, bamangala. I—indoda, yayingenawo umshwalense, futhi ngakho-ke kwawela kithi. Sasingenayo, ukukhokha.

¹⁵ Futhi angibukhohlwa neze ubusuku, ngihlezi ngakhona ngqo, emuva phakathi *lapho*, ukuthi uRoy washona ephaketheni. Omdala... Ngiyaxolisa, Mfowethu Roy. Esidala, isikhwama semali esesimanikini, wayesehosha noma yimaphi amasheke ayenawo esikhwameni sakhe sokwenziwa esihoshwayo, izinto ezinjengalokho. Wathi, “Awu, Mfowethu Bill, ngizofaka lokhu kukho.”

¹⁶ Omdadlana uEvelyna, udadewabo, mhlawumbe uhlezi khona lapha, ndawondawo manje. Yena, “Mfowethu Branham, indlwana yami endala, ibiza kuphela amadola angamakhulu amathathu, kodwa sizofaka lokho nje kukho.” Niyabo? Leyo ngeyangoqobo, impahla yangempela, uma ukhuluma kimi. Lokho kusebhukwini lami, lokho okwangempela.

¹⁷ Ngiyakhumbula-ke, kamuvanyana kusukela kulokho, ngisemhlanganweni wami wokuqala ukuphuma. NgangiseSt. Louis, komunye wemihlangano yami yokuqala emikhulu. Netelegramu iyangena, “Intombazanyana yami ilele isesikhathini sokufa. Mfowethu Slaughter. Woza masinya.” Ngavele ngawelela ngale, ngaqala ukubeka izingubo zami esutkesini. Yilokho kuphela okwakukhona kukho. Angikwazanga nje ukwala kuye. Futhi nakhu siza. Ngiza ekhaya, ngahamba ngangena egunjini. Onesi, ezansi, isibhedlela lapho, esibhedlela samaKatolika eNew Albany, udela intombazanyana yakhe. Lapho nje sihamba singena egunjini, iNkosi uJesu yayiphilisa. Nanso yayilapho, niyabo. Niyabo?

¹⁸ Futhi njengesinkwa phezu kwamanzi, siyobuyela kuwe ngelinye ilanga. Ngisuka endabeni yami; kodwa ngibuyela ekuqaleni.

¹⁹ Futhi ngangivamise ukushaya isibhakela. Futhi kwakunomfo owayenegama lapha kulelidolobha. Umfondini usephuza kabi kabi manje. Omunye wabafana bakhe usembuthweni wamaphoyisa. USmith, uGeorge Smith, bambiza ngo, “Six-second Smith.” Wayehambela ukuyongiqeqeshela ukushaya isibhakela, ngenkathi sasine... ngaphambi kokuba kuqale iGolden Gloves. Sasiphandle lapha kwahulumeni. Futhi kulokho, ngani, wayengumuntu onesihluku kunabo bonke engake ngababona. Wayevele angishaye nje, futhi ngangivele ngishwibeke emoyeni. Futhi ngiyabuya. Ngathi, “Awudingeki

ukuba ube nesihluku kangaka ngakho. Uyabo?” Ngathi, “Ungishaya ungikhiphe umoya.”

²⁰ Wathi, “Ngiyakutshela, Billy,” wathi, “akunandaba ukuthi uqeqeshwe kahle kanjani, nokuthi usunolwazi olungakanani kwezokuzivocavoca, nokuthi uqine kangakanani, ngokosayizi wakho, kumbe noma yini kanjalo,” wathi, “umngqimuzo unqamula igazi uma ushaya *kanjalo*.” [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Wayesethi, “Ungahle ungizonde manje, kodwa uma wenyukela lapho eringini, qobo lwakho,” wathi, “uyokuthokozela.” Wathi, “Umzimba wakho wakha lokho, ukuba ubuye ngokushesha. Uma uthola ukushaywa bese uwa nje genu, bese ulala lapho futhi kubalwe. Kodwa uma umzimba wakho wakhiwe futhi ungayimela imingqimuzo,” wathi, “bese-ke, uma ukushaya, umngqimuzo onzima ukushaya,” wathi, “bese-ke uma ungabuya masinyane,” wathi, “ubuye ume ngezinyawo futhi. Uthole ukushaywa ukhishwe eringini, gxuma ubuye ungene.” Wayesanda kuqeda nje, wangishaya ngayothi ngqu ngaphandle kweringi. Ngakho wathi, “Uzofanele nje ukwenze lokho. Uyabo?” Futhi kwathi akangibulale. Wayethi akabe namashumi amathathu, esinda amaphawondi angamashumi amane kunoma ngake ngaba nawo. Futhi wayenga... Wayeyisilwi futhi ngangiseyimfunda nje, ngakho wayecishe athi akangibulale impela. Wathi, “Kodwa uyokuthokozela lokho uma usungena eringini.” Ngathola ukuthi lelo kwakuyiqiniso.

²¹ Manje-ke, ngibezwile labosayitsheni empini beqeqesha labobafana, futhi benendluzula. Babemzonda lowosayitsheni. Kodwa uma sekufika ekulweni, babemthanda, ngenxa yokuqeqeshwa okunendluzula.

²² Yileyondlela engazama ngayo ukuqeqesha amaKristu. “Ningaziphunguli izinwele zenu. Ningapendi ubuso. Ningakwenzi *lokhu*.” Kube yindluzula. Niyongithokozela uma sengifika e—ekupheleni komgwaqo. Niyabo? Ukuqeqeshwa, niyabo, nithole lokho kuqeqeshwa kahle. Kodwa asi—asihlale sikahle neZwi. Lingahle libe nendluzula, lisike imehluko yamahlelo ibe yizicucu, kodwa niyokuthokozela uma senehlela ekupheleni komgwaqo. Niyabo? Nama ngeNcwadi.

Ngakho, unkosikazi, wathatha, isandla sakhe sasikwesami, sase senyuka ngezinyawo.

²³ NoGeorge Smith manje, u, ngiqagele, useyindoda esimpunga. Ngiqagele unesikhombisa noma isishiyagalombili, iminyaka eyishumi ubudala kunami. Futhi wayesemuva eringini, futhi wayelokhu elwa. Nalababafo abasha abenyukayo, abafana abakhulu abamahlombe-abanzi, babengenakuqhathaniseka naye, nhlobo. Nje ba... Wayevele nje ababhaxabule ngomzuzu. Nomfo omusha wathi, “Ngingayibhaxabula leyondoda endala. Ngiyazi

ngingakwenza.” Ngakho yena, umfo omkhulukazi wezokuzivocavoca, wagxumela eringini lapho. Akahlalanga ingxenye yomzuzu. Ubuya uyaphuma, wathi, “Angazi ukuthi kuvelephi, kodwa uyindoda ngempela.”

²⁴ Futhi ngaleyonkathi nje, ngabuka umkami, ephusheni, ngase ngithi, “Nkosikazi, uyazi, yena wanginika ukuqeqeshwa kwami kokuqala.”

²⁵ Kwase kuthi-ke, niyazi, amaphupho ayinqaba. Ngehlela ko—kolukhulu ulwandle, namanzi ayegalopha ngempela. Nomgwedli...Manje, uMeda wayengenami ngaleyonkathi, umkami. Kwase kuthi-ke, kulokhu, u—umgwedli eza ewelela lapho, wase enginikeza isikejana esincane esigwedlwayo esithi asibe amafidi amabili nohhafu, amafidi amathathu ubude. Wayesethi... Sasimhlophe ngempela, iplastiki nje, futhi simhlophe. Wathi, “Nasi isikebhe sakho.”

“O,” ngathi, “bengingeke ngawela, ngalokho, kuleso.”

²⁶ Wathi, “Awu,” wathi, “leso sizogijima amamayela angamashumi amahlanu ngehora, sehla-senyuka *ngapha*.”

²⁷ Ngathi, “Singahle, sehle-senyuka nogu, kodwa singeke phandle *lapho*. Uyabo?” Ngasho.

²⁸ Wathi, “Awu, hamba nabo.” Ngase ngibheka, futhi nakhu kuhlezi uMfowethu Woods, noMfowethu Fred Sothmann, abazalwane ababili wayenami ngobusuku engaphupha ngabo iphupho. Futhi babehlezi esikejaneni esigwedlwayo esil’hlaza-tshani sinenqwaba yezindophi ezibamba useyili kuso, izindophi zokukhempa, amathende, nokunye nokunye. Futhi babehlezi lapho. Wathi, “Hamba nabo.”

²⁹ Ngathi, “Abasibo ngisho nabagwedli.” Ngathi, “Ngiyakwazi lokho.” Ngathi, “Yimina umgwedli. Futhi ngi—ngiyazi ngesikejana esigwedlwayo, ukusiphatha. Kodwa,” ngathi, “bona, abasoze. Bebengekwazi. Ngingehambe kanjalo, empeleni.”

³⁰ “Awu,” wathi, “bayakuthanda.” Wayesethi, “Awuhambi ngani ubuyele enhla lapha bese uyabekelela na?”

³¹ Ngakho, ngabuyela emuva. Nendawo encane lapho esasikade siphumele khona, indawo encane ebizwa nge Klondike, cishe amamayela angamashumi amane ukusuka kunoma yiyiphi impucuko, isitolo esisodwa esincane sabafuyi bezinkomo nezinto. Kwabukeka sengathi kwakuseKlondike, futhi kwaphenduka kwaba yilelitabernakele. Ngangimi khona lapha. Ngangibizela phakathi, imiphongolo emikhulu yokudla okubukekayo kunakho konke engake ngakubona. Oredishi, kubukeka sengathi, bengamafidi amathathu ubude; noteniphu, nohlaza, namazambane, nayo yonke into.

³² Wathi, “Bekelela inqwaba yakho.” Niyabo? Futhi ngangimi lapho, nje ngikubekelela phakathi.

³³ Ngase ngiphaphama. Ngangingakuqondi. Ngacabanga ukuthi kwakuyiphupho nje, ngase ngiqhubeka. Kwamkhathaza uMfowethu Woods nabaningi babo. Ngakho, nansi lapho incazo yayikhona. Ngangingeka ngilinde, njengoba nje nginitshelile izikhathi eziningi. Izinto izomele yenzeke ngaphambi kokuba ukwazi; izinto ezithize ezikuletha emgqeni. Nansi lapho incazo yayikhona. Ba . . .

³⁴ Sasikade simagange phesheya kwezilwandle. UMfowethu Miner Arganbright, umngane wami wesifuba, wayezokhokhela umkami nami izindleko, ukuba sithathe uhambo lwasePalastine. Futhi sasizoya eSwitzerland, bese siqhubekela ezansi eAfrika, bese siba semkhankasweni ngoJuni. Nomkami, noRebekah, nabo, wayexhukuma ngempela ukwazi ukuthi bazokwedlula eJalimane, eNgilandi, eFransi, nasePalastine. Babezolinda lapho ngize ngenze umkhankaso waseAfrika, bese-ke ngibathatha endleleni sengibuyela emuva. Futhi bonke babemagange kakhulu. Nangizwa ngithi, “Uma iNkosi ithanda,” njalo. “Uma iNkosi ithanda, ngihlose ukuthatha lowomkhankaso phesheya kwezilwandle. Angikazi ngempela namanje.” Ngakho ngangilindele kukho.

³⁵ Kodwa naku okwakuyikho. LoMnu. Smith, uGeorge Smith, lowo kwakungumqeqeshi wami wokuqala phakathi lapho, futhi wayengaphezu kokuqhathaniseka nanoma yimuphi wabantu abasha owayesezweni namhlanje, ekulweni kwakhe. Kwakungukuqeqeshwa kwami kokuqala, emgqeni womkhuleko. Niyabo?

³⁶ Izikhathi eziningi, ngenyusa abantu, kunemibono. Linda. Ya. *Lona*, umbono. *Lowo*, umbono. Akuzange nje kusebenze kahle. Manje, ngenkathi ngiqala ukuqala ukuphuma, ngangingamvumeli neze umuntu. . . Ngaphandle uma ngithole into ethize emgqeni, lokho kwakungesikho nje ncamashi, futhi Wangimisa, gobo lwaKhe, niyabo, futhi wangitshela ngakho, ngangiqhubeka futhi ngikhulekele abantu. Futhi, he, i—imiphumela wawuphindwe kamakhulu, ngoba ngifanele uku. . . Ngangikhulekela amakhulu amane noma amahlanu ngobusuku obubodwa. Lendlela, mhlawumbe amashumi amabili-nanhlanu noma amashumi amathathu, mhlawumbe ingabi miningi kangako. Mhlawumbe imibono eyishumi noma ishumi nanhlanu, futhi ngi. . . nanidingeka ningiqukule ningikhiphe, cishe.

³⁷ Ngibuyele kuleyonto efanayo futhi, niyabo, ngibuyele ekuqeqeshweni kwami kokuqala. Empeleni, akukho-lutho ensimini olwake lwama naKho, noma olungama, niyabo, ngoba yiZwi. Akusilo ihlelo elithize. YiZwi. Niyabo?

³⁸ Bese kuthi-ke, lapho, bese-ke uqaphela ingxenye elandelayo emva kwalokho, uMeda wasuka wahamba ephusheni. Ngenkathi ngifika olwandle, lokho kwakungukuthi: ukuya phesheya kwezilwandle.

³⁹ Manje, uMfowethu Arganbright wangibiza, ngobunye ubusuku, exhuxhuma ngakho konke, wayesethi, “Mfowethu Branham, kuzoba yiholide elilodwa elikhulu. UMfowethu Shakarian ube nokuhlaselwa yinhliziyiyo, ngakho imihlangano yaphesheya kwezilwandle isiyakhanselwa.” Futhi ba... Umhlangano waseSwitzerland, wayefuna ngiwelele lapho okobusuku obubodwa nje, futhi wayezoba nalowomhlangano wobusuku obubodwa. Bese kuthi-ke zonke ezinye zawo zonke zazizoba yiholide, nje ukuzulazula kujikelezwa izwe. O, khona, manje, okungukuthi kuhle kakhulu; uMfowethu Arganbright usezicongweni nje, zomKristu, umngani wesifuba kimi nomndeni wami.

⁴⁰ Futhi, kodwa, niyabo, esincane, isikejana esigwedlwayo esimhlophe seplastiki ayefuna ngingene kuso, sasiyiZwi likaNkulunkulu. Futhi akukho ukushumayela okwenele kukho, ukungibizela ngaphesheya kolwandle. Ngathi, “Hhe-e, hhayi lokho. Okwalokho nje na? Hhe-e.”

Wathi, “Hamba-ke, hamba nabo, njengoba behamba.”

⁴¹ Ngathi, “Abasibo abagwedli, abashumayeli. Yimina umfundisi. Ukuba bebehambile, bekuzoba yiholide, ngakho konke, nezindophi zokukhempa kuso.” Kodwa angikwenzanga. Ngakwala. Ngakho yayilapho-ke incazo ye—yephupho. Niyabo?

⁴² Wase engibiza-ke uMnu. Arganbright, ebusukwini obumbalwa obedlule, wayesengitshela ukuthi—ukuthi i—i... Kusobala, sezwa ukuthi imihlangano yaphesheya kwezilwandle yayisikhanseliwe, ngesizathu sikaMfowethu Shakarian. Futhi manje-ke akukho... Lapho, lo oseSwitzerland, nganginobusuku obubodwa kuphela. Futhi ngi... .

⁴³ UMeda wayedingeka angitshela, kuqala, ukuthi wayengafuni ukuhamba. Ngakho ngambiza, kuseFlorida, ngobunye ubusuku, noma eGeorgia, ngase ngimtshela. Ngathi, “UMfowethu Arganbright ushayile wayesethi sizofanele sihambe zingamashumi amabili kuMeyi.”

⁴⁴ Wathi, “Lokho akukho. Lokho akukho.” Niyabo? “Abantwana uthatha ukuhlolwa kwabo nje ngaleyonkathi. Ngeke ngahamba.” Niyabo, wadingeka akwale, qobo lwakhe, ngoba wayenguye owayengene. Kwakuyiholide lakhe. Futhi kwakulapho-ke.

⁴⁵ Ngisho namaphupho, yonke into, inekuchazayo. Yonke into inento ethize ndawondawo. Ngakho, amaphupho anezincazo.

⁴⁶ Manje, ngibuya... ngingahle ngisho ukuze nizoqonda, nalokhu kuyateyishwa. Emgwaqeni, ngiza ekhaya... .

⁴⁷ Ngaphambi nje kokuba ngiphumele lapho, bangaki ongikhumbulayo ngikuphindaphinda lapha, ukuthi iPhimbo lafika kimi, ekamelweni ngokunye ukusa emva kombono, futhi lasho ngokuthi, lakhuluma ngenyoka, futhi yona

iboshwa, nokuthi ngingesabi noma yini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wathi, “Ungesabi.” Wathi, “Angifakazisanga yini ukuba nawe noma ngabe uyaphi na?” Wathi, “Angifakazisanga yini ukuba nawe ezinkambweni zakho zokuyozingela na?” Niyakhumbula ngenkathi ngisho ngalokho engangizokuthola, ngingakasuki, nakho konke lokho na? [“Amen.”] Niyabo? Wathi, “Angifakazisanga yini ukuba nawe na?” Kwase kuthi-ke iPhimbo elimnandi ngempela lafika, lathi, “UBukhona bukaJesu Kristu obungehluleki neze bunawe noma ngabe uyaphi.” Futhi ngiyazi, ngalokho, senyukela entweni ethize. Angazi ukuthi iyini. Ngeke ngasho.

⁴⁸ Ngifika ekhaya, ngobunye ubusuku, noma ngoluny’suku, noma nje ngingakafiki ekhaya, ngawela embonweni. Ngase ngibona abanye abafo abancane, abondile, bebukeka njengabafana abasebancane, noma okuthize, babefake amakepisi. Futhi sasimi, sizingela. Futhi ngangidubule elikhulukazi, ibhere elikhulu elibukeka linsundu. Base-ke bejika base bethi kimi, bathi, “Kodwa kunokudideka okuthize ngomhlangano.”

⁴⁹ Ngathi, “Akunandaba ukuthi ukudideka kuyini, uma bengifanele ngihambe, noma ngabe kwakukuphi, ngizohamba noma kanjani, niyabo. Akunandaba.” Nombono wama. Angazi ukuthi lokho kukuphi. Kodwa, lokhu kuseteyipini. Kuzokwenzeka. Niyabo? Khumbulani nje, kuzokwenzeka. Ngumbono.

⁵⁰ Ngakho, manje, ngeSonto elizayo, ngizoba seTennessee, iNkosi ithanda, ngoMgqibelo ozayo ebusuku nangeSonto, noMfowethu M. E. Littlefield, e, o, lelo komkhulu lechurch of God ehla lapho eCleveland, eTennessee. UMfowethu M.E. Littlefield, ebandleni lakhe, leli engambusisela lona lapha, eminyakeni emibili noma emithathu eyedlula, eCleveland, eTennessee, ngoMgqibelo ozayo ebusuku nangeSonto ekuseni. Nje kube yinkonzo yangeSonto ekuseni kuphela, ngeSonto. Futhi kunginike isikhathi, umndeni wami wenyuke nami, bese siyabuya. Ngamethembisa, ngenyuke bese ngishumayela futhi ebandleni lakhe. Lokho kungeSonto elizayo.

⁵¹ Bese-ke, ngeSonto elilandelayo, uMfowethu Arganbright uzoba lapha noMfowethu Rowe, lowosomaqhinga waseWashington, oke, wasebenza phansi komongameli abathathu noma abane. Bazoba lapha ngaleloSonto, nanesithombe esisha. Ngifuna wonke umuntu azame ukuba lapha, uma kunokwenzeka, ngalesosikhathi. Ngifuna ukuba lapha, gobo lwami.

⁵² NgeSonto elilandelayo yiPhasika. Sibheke umhlangano omkhulu lapha, iPhasika. INkosi ithanda, ngifuna ukuba lapha ngeSonto lePhasika. Ngokuba... Futhi sinenkonzo yokuphuma kwelanga, njengokwejwayelekile. Umbhaphathizo,

nonke nina ozobhaphathizwa, iGama leNkosi yethu uJesu, yibani lapha ngeyangeSonto. Futhi bekukade kumagange, noma kwakhulunywa, esikhashaneni esedlule, kungukuthi asinayo indawo yokuhlala, singahle sithathe iBoy's Club, ihlalisa amakhulu ayisikhombisa noma ayisishiyagalombili, ngaphezu kwalapha nje, khona ngapha, iklabhu entsha khona ngapha ekhoneni lapha, ngibuyele ezansi lapha ngenzele inkonzo yombhaphathizo ngaleyonkathi. Bese ngibuyela enhla lapho, ukuze wonke umuntu akwazi ukuba nesihlalo esihlalisisana kahle enzele ekuseni ngePhasika. Sizozama ukubuka ngakho, leliviki, futhi sithole.

⁵³ Bese kuthi-ke inkonzo elandelayo, iqala-ke nge... Ngisuka lapha zingamashumi amabili-... zingamashumi amabili-nanhlanu noma zingamashumi amabili-nesithupha enyangeni. Bese kuba-ke ziyisikhombisa... ziyisithupha, ziyisikhombisa, ziyisishiyagalombili, nangamhla ziyisishiyagalolunye, nangamhla ziyishumi, ngisemuva le phezu kwe... ngaphandle kweVan-... noma iVictoria Island, emuva le phakathi kwamaNdiya, lapho khona ofanele uhambe ngesikebhe, ukufinyela kuwo.

⁵⁴ Umngani wami omncane oyisithunywa senkolo, umfowethu, nganginaye ekwindla edlule ohambweni lokuyozingela. Futhi uphuma ekhaya elithandekayo, yena nomkakhe. Nezingalo zakhe, yonk'into, konke kul'hlaza, izindawo ezehlukene. Awu, yilokho lokho okwakuyikho. Kwakusukela emazezeni, izimbungulu nezinto, niyabo, ukuthi ayekade ehlala khona phandle lapho, lapho ababedingeka nje ukuba baphile nganoma yini, phakathi kwalawomaNdiya. Wayelethe amanye awo ngale emhlanganweni, ushifu. Bonke bayiKatolika, ngempela bonke. NoMoya oNgcwele wehla wadabula lapho wase ukhipha lowoshifu, nabobonke labo ababenaye, futhi wabaphilisa bonke khona lapho emhlanganweni. Avele nje alushisa kalula lologu, ehla-enyuka, nezikebhe zawo ziphuma. Angabadobela ukudayisa, ehla-enyuka nogu. NoMfowethu Eddie uyabiza, futhi nginokuzwela okuncane ukuba ngihambe, niyabo, ukuba ngiye laphaya.

⁵⁵ Manje-ke sisuka lapho, futhi sinokuhamba usuku olulodwa ukusuka lapho, futhi sibe nobusuku obubili noma ubusuku obuthathu eFort St. John. Lokho kusenhla le emgwaqeni omkhulu waseAlaska. Nobusuku obubili lapho.

⁵⁶ Bese-ke, ngiza ekhaya, ne... Ngicabanga ukuthi ziyisikhombisa, ziyisishiyagalombili, ziyisishiyagalolunye nangamhla ziyishumi ngoJuni. Manje, nansi indawo nonke ebeningaya kuyo, kulemihlangano lapha, izoba seSouthern Pines. Niyamazi umfowethu onikeza okuhle kabi ukusifukula lapha, kungekudala. Empeleni, wangithumelela amanye amaningi amaphephabhuku. Bengifanele ngiwalethe. Ngizoba nawo lapha ngeSonto elizayo, iNkosi ithanda. Nalokho

kuseSouthern Pines, kuthi nje akube, o, ukushayela okungamahora ayisithupha noma ayisishiyagalombili ukusuka lapha, eSouthern Pines, eNorth Carolina. Noma, leyo yiSouth Carolina na? INorth Carolina. Ya. Kunjalo. Bese-ke, impela, bese-ke sizosuka lapho ziyishumi.

⁵⁷ Bese ngomhla ziyishumi nanye nangomhla ziyishumi nambili, noMfowethu Bigsby eColumbia, eSouth Carolina. Naleyo yindoda, iPresbyterian eyabhala udaba. Kimi, lwangishaya kangcono kunanoma yini abake bayibhala ngami. WayeyiPresbyterian, udokotela wezobunkulunkulu. Futhi wafika eChicago wayesebhala udaba. Lwe... Ngiyakhohlwa ukuthi lwaluyini manje. Lwaluluhle ngempela. Nginalo ndawondawo, nasephephabhukwini. Into ethize emayelana ne “Presbyterian, kuhlangukwa ePhentekoste,” noma into ethize efana naleyo, “umprofethi wephentekoste kwiPresbyterian,” into ethize. Futhi sizoba naye.

⁵⁸ Manje-ke, izolo ebusuku, sibize uMfowethu Roy Borders, osevele eseWest Coast. Futhi kunabanye babantu phandle lapho okunamaningi amabandla angangamashumi amathathu-nanhlanu namashumi amane ukubambisana emihlanganweni; eSedalia, eCalifornia; nangale eGrass City, futhi ukusukela lapho...noma eGrass Valley, njalo. Futhi ukusukela lapho, uqhubeke uyongena eOregon; kuqhubekele enhla e—eWashington.

⁵⁹ Bese kuthi-ke uMfowethu Arganbright, engena, siyahamba, sihlela khona manje, ngeviki lokugcina likaJulayi, ukuba sibe seAnchorage, eAlaska, ukuhlela izikhulu zesonto lapho zoSomaBhizinisi abangamaKristu, kulandela cishe imvuselelo yezinsuku eziyisithupha noma eziyisishiyagalombili engethemba ukuba nazo, leyo el'khuni, iAlaska enendluzula. Niyayazi ukuthi injani, abahlwayi nje nabezimayini. Nenyama yengulube ihemu namaqanda kubiza cishe amadola amathathu nofifti sente ipleyiti. Yi—yindawo enendluzula ngempela, kodwa badinga iVangeli.

⁶⁰ Manje, engihlose ukukwenza, ngukuthi, lezizinto engifundisa ngazo lapha, ngibekelela lokhu uKudla futhi ngikukhipha, ngifuna ukuhamba manje. Anginakho ukuholeleka okuyikho du kunoma yiyiphi indawo, kodwa ngiyahamba, ngihlwanyela izimbewu, zithunyelwe ngandawo ndawo, zaqala.

⁶¹ Umkami, ulapha ndawondawo. Wathola incwadi evela enenekazini eIllinois ngolunye usuku. Yashisa nje emphefumulweni wami wenhliziyo yami. Lelinenekazi lathi, “Dadewethu Branham,” lathi, “akungabazeki ukuthi kodwa izikhathi eziningi, futhi kwehle njalo, selokhu washada, ukuthi ufanele uhlupheke kaninginingi, uMfowethu Branham ehambile, unalabobantwana.” Lase lithi, “Abantwana,

kusobala, bakhalela uyise nokunye nokunye.” Wayesethi, “Ngiyazi ukuthi uchaza ukuthini, ngoba nginomyeni othandekayo, qobo lwami.” Lathi, “Kodwa, ngikutshela isimo sami.”

⁶² Lathi, “Ngi—ngibe nokuhlinzwa okukhulu okune, eminyakeni emine edlule.” Lathi, “Ngithatha cishe, izidambisi eziyishumi nanhlanu noma eziyishumi nesithupha ngosuku.” Lase lithi, “Ngithatha imijovo emithathu ehlukene yeLexron, nokunye nokunye, ngeviki.” Lase lithi, “Ngibeka inqwathshana yamaphilisi okulala, nento yakamuva, bese ngithulisa imizwa. Naleyomijovo, bese ngithatha amaningi njengamabili, amaphilisi okulala ayidabuli ebusuku, futhi akulaleki.” Lase lithi, “Udokotela wami ungitshele ukuba ngiqhubekele esikhungweni sabagula ngengqondo ngaphambili ngeke ngabuya. Kungahle kube nethemba ukuthi ngingasindisa umqondo wami.” Lase lithi, “Futhi akukho lutho emikhakheni yezemithi akukho ndawo okungangithinta.”

⁶³ Lase lithi, “Bengimagange ukuba ngizibulale, ngikuhlela, ukuba ngishiye umyeni wami othandekayo nentombazanyana yami.” Lathi, “Sakhe eKansas. Ngiyayithanda, ngoba ngibona okusanhlamvu kuvuthwa, futhi ngicabanga ngokuvuna.”

⁶⁴ Ngicabanga ukuthi laliyiMethodisti. Lase lithi lapho... Kwase kuthi-ke, ngale ekholeji leMethodisti eBloomington, eIllinois, bacosha iphepha, ukuthi ngangizoba lapho, ezinyangeni eziyishumi nanye ezedlule. Abaningi benu bayawukhumbula umhlangano waseBloomington. Nanilapho.

⁶⁵ Lase lithi, “Umyeni wami wangithola, nabanye abangani, sasesisuka sihamba.” Lase lithi, “INKosi yayazi ukuthi ngangingenakulumela olunye usuku futhi.” Lase lihambe kakhulu. Lase lithi, “Ngaba ngumuntu wokuqala. Indodana yakho, uBilly Paul, unginika ikhadi. Nangalobobusuku, ngenkathi owakho—ngenkathi umyeni wakho ebiza izinombolo, ngaba ngowokuqala emgqeni, ukuba ngikhulekelwe.” Lase lithi, “Ngathi nje ngingafika emsamo,” lathi, “wangitshela impilo yami futhi wangitshela engikwenzile, nanoma yini konke ngakho, wayesethi, ISHO KANJE INKOSI, sekuphelile.” Lathi, “Ngawo lowomzuzu omfishane, angikaze ngiphinde ngibe nobunye ubuhlungu.” Lathi, “Ngangisinda amaphawondi angamashumi ayisikhombisa-nento. Sengisinda ayikhulu-namashumi ayisithupha-nento manje.” Lase lithi, “Dadewethu Branham, uma unesizungu,” lathi, “Ngiyazi ukuthi uzizwa unjani, umabelana nezwe umyeni wakho, nezinto ezinjalo. Kodwa,” lathi, “khumbula nje, unkosikazi wekhaya omncane waseKansas ukhululekile namhlanje, ngoba yena wavuma ukunaka iNKosi.”

⁶⁶ Ngakhombisa uBilly. Ngathi, “Billy, ngifuna uthumele lena ngale kulelokhholiji leMethodisti.”

Welula isandla wayesethatha inqwaba, wathi, “Funda ezinye zalezi.”

⁶⁷ Ngathi, “Ngiyazi. Ngiyazi ziyamangalisa, kodwa lena yenele. Lena nje ibeke indawo.”

⁶⁸ Nakuzwa lokho na? “Engcolile! Engcolile!’ Imimoya emibi yamqhuba,” niyabo, yaye yayophuma emqondweni wakhe, “yaphumela emathuneni. Ngenkathi uJesu efika, Wakhulula abathunjiweyo.” NoJesu uyiZwi. Ngakho, thatha iZwi, futhi Liyokhulula abathunjiweyo.

⁶⁹ Lapha ngiyaxoxa, ngidla isikhathi sami, ngidla isikhathi senu, nokuningi kakhulu ukukusho.

Asikhothamise amakhanda ethu.

⁷⁰ Nkosi, njengabasazofa, siyazi asinaso esinye isikhathi esiningi kakhulu sokuxoxa. Uma ngilunguza phezu kwalesi esincane, isigejane esinhliziyo-zilambile sabahambi esivela ensimini, ekulimeni, abanye babo uze bevela emisebenzini yomphakathi, bevela ekusebenzeni. Nabanye babo bashayele bevela ekunqamuleni izintaba, izingwadule, namasimu namaxhaphozi, futhi babuthana lapha, bese-ke bezofanele bame. Kodwa bangabahambi. Abasibo abalelizwe. Balapha kuphela njengezimfakazo, njengezibani esibekwe egqumeni, esinikeza ukuKhanya emphakathini lapho bakhe khona. Bese kuthi-ke uma bebuthana ndawonye, ukuba babuye bazinikele, futhi bafakwe amandla ngeZwi, bayama, baba nenkwantshu ezithweni zabo, naba—badala nabasha, ngokufanayo.

⁷¹ BayaKuthanda, Nkosi. Yingakho belapha. Noma ubani uyazi ukuthi umuntu ubengeze, futhi ashayele amamayela, futhi ame ngasezibondeni, encikile, nemilenze iba nenkwantshu, ukuba nje abukwe. Nanalesisigejane, Nkosi, singa—singabantu abampofu. Asizi sifake ingubo enhle ngokucolisakele. Siza lapha ukuzokhonza Wena. Inhloso eyodwa enhliziyweni yethu, impokophelo eyodwa nenjongo eyodwa, leyo nguWe, Nkosi.

⁷² Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzothi kakhulu ubavuze. Kwangathi kungebebikho oyedwa odlula kuleminyango, namhlanje, kodwa lowo ozoba nokuPhila okuPhakade. “Khona-ke izinhlopheko zomgwaqo ziyobonakala zingelutho, uma sesifika ekupheleni kwendlela.” Uma begula, baphilise, Nkosi.

⁷³ Futhi manje sikhulume nje ngeminye imihlangano, noma ngaphandle kokwazi okuyikho du, khona-ke ngiyahamba, uma kuba yintando yaKho, nje ukusabalalisa iziMbewu. Zizomila, uma Ziwela emhlabathini ofaneleyo. Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi UzoZiqondisa kulowomhlabathi ofaneleyo.

⁷⁴ Okubekwe emsamo, noma ipulpiti, bengifanele ngisho, lapha kulokhukusa, ngamaduku, amaphasela amancane. Kuchaza ukuthi abantu bayagula, bengaba dingayo. O Nkulunkulu

waseZulwini, Owavusa uKristu kwabafileyo futhi uMethule kithi ngalolusuku lokugcina, ngesimo sikaMoya oNgcwele, kwangathi Lowo Osezindaweni zonke angabuka phansi; owazi konke, wazi izinto zonke; onamandla onke, ongonamandla onke. Angabhekisisa lamaphasela amancane. Futhi kwangathi wona, uma esethinta abagulayo nabahluphekile, kwangathi uMoya oNgcwele ungaphilisa lowomkhuleko ezindlebeni zikaNkulunkulu, futhi kwangathi bangaphiliswa masinyane.

⁷⁵ Nkosi, cabanga ngalowo wesifazane omncane bandla. Ngisanda kucaphuna ubufakazi bakhe nje, “Phandle lapho eKansas namhlanje, ejabule, kungekho-buhlungu. Akukho-dokotela ongathola noma yini engalungile kuye. Akusekho-zinhlungu, akusekho zidambisi, akusekho maphilisi okulala; uselala kahle nangokuphilileyo. Yonke into ihamba kahle.” O Nkosi, ngeqiniso, uma Ufika, yonke into ikahle-ke. SiyaKubonga ngalokho.

⁷⁶ Manje, Baba, njengoba siphendukela eZwini, busisa iZwi laKho. Kwangathi Lingebuyele-ze kuWe, kodwa kwangathi Lingafeza lokho eLihloselwe khona futhi lanikelwa kukho. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

⁷⁷ Manje, nizwa kahle, wonk’umuntu na? Emuva ngemuva, kukahle na? Yikuphi okungcono kunakho konke, uma ngikhuluma *kanje*, noma ngikhuluma *kanje* na? *Ngapha*, lelicala ngapha kungcono na? Ngabe kungcono kini nonke emuva lapho na? Kulungile, ngizodonsa lokhu ngapha, kusondele nje kakhudlwana-ke.

⁷⁸ NgeSonto eledlule, yiviki, ngi—ngibe leyithi kancane, ngithe ukuba nenkonzo ende. Angifuni ukuba ngaleyondlela. Futhi manje, kanye ngasikhathi, akuyikungihlupha nakancu, uma othize ehlezi phansi, ebona labo abamile, bengathanda ukushintshana ngezindawo nabo, isikhashanyana, babaphumuze. Bekungaba yisenzo esihle kakhulu sobuKristu. Futhi manje, manje, mhlawumbe, nga—ngaleliPhasika, singahle sibe nenye indawo yokubambela i—i—nkonzo enkulu.

⁷⁹ Manje sifuna ukuphenya, kulokhu ukusa. Nonke nina mabutho tholani iNkemba yenu—yenu manje, futhi sizomemezela impi esitheni. Sasivame ukucula iculo elincane niyazi.

Impi iyalwa, O butho elingumKristu,
Ubuso nobuso imi ngomumo iqgolozelene.

Nilizwile iculo.

Izikhali zimenyezela, imibala iwoleleka,
Okulungile nokungalungile kubambene
namuhla.

Niyabo? Kunjalo.

Impi iyalwa, kodwa ningadikibali,
 Qinani nasemandleni aYo nibambisise;
 Uma uNkulunkulu engakithi, ibhanela laKhe
 liphezu kwethu,
 Siyocula iculo lomnqobi ekugcineni.

⁸⁰ Kunjalo. Sifuna ukuphenya manje ku, kuqala, ukufunda kokufundwa komBhalo otholakala kuJohane oNgcwele 10, amavesi amahlanu okuqala.

Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, Ongangeni ngesango esibayeni sezimvu, kodwa ekhwela ngenye indawo, lowo uyisela nomphangi.

Kepha ongena ngesango ungumalusi wezimvu.

Umlindisango uyamvulela; ne—nezimvu ziyalizwa izwi lakhe: ubiza izimvu zakhe ngamagama, aziholele phandle.

Nxa esezikhiphile izimvu zakhe, uhamba phambi kwazo, izimvu zimlandele: ngokuba zilazi izwi lakhe.

...umfokazi azisoze zamlandela, kodwa ziyakumbalekela: ngokuba—ngokuba zingalazi izwi labafokazi.

⁸¹ Manje, indaba kulokhu ukusa, engikhethe ukufundisa ngayo okwesikhashana esincane, ithi: *Ukuhlakanipha Kubhekene nokuKholwa. Ukuhlakanipha Kubhekene nokuKholwa.*

⁸² Manje, mibili kuphela imithombo, noma ngemithombo emibili, esifanele siphile ngayo. Benikwazi lokho na? Manje si...

⁸³ NginemiBhalo eminingi ebhalwe phansi lapha. Futhi ngifuna nina... Sizothi mhlawumbe sibhekisele kuyo, lapho siqhubeka. Futhi—futhi ngizozama ukuphuma ngokukhulu ukushesha okungenzeka. Futhi angizukuzama uku... Ngikwendlale nje, ukuze nizokwazi ukukuthatha kusukela lapho kuqhubeka. Niyabo?

⁸⁴ Kodwa kunemithombo emibili kuphela esingadonsa kuyo ukuphila kwethu. Nomunye wayo ngukuhlakanipha, nomunye ngukukholwa; futhi uma sicabanga ukuthi ukuhlakanipha kuvezani, bese kuthi-ke ukukholwa kuvezani. Kodwa, leyomithombo emibili, sibuyela emuva kulokhu ukusa bese siyithathela okwesifundo sangeSonto, bese siyikhipha eBhayibhelini; bese sikhombisa ukuthi iyini, nokuthi izokwenzani, nokuthi yenzeni, ngosizo lweNkosi.

⁸⁵ Manje, ukukholwa nokuhlakanipha. Manje, ukuqala nje, sizozaphela, ukuthi, kuGenesisi, isahluko 1, sithola ukuthi—ukuthi ukukholwa kwethulwa, nokuhlakanipha kwethulwa. Futhi, namhlanje, leyomithombo emibili kusalokhu yethulwa esintwini. Siyathola, ukuthi, uNkulunkulu wayenguMqalisi wokukholwa, ukukholwa, ukuba abantu

bakholwe nokuthi bethembe iZwi laKhe. NoSathane ungumqalisi wokuhlakanipha, ezama ukuthola abantu ukuba bamukele ukuhlakanipha kwakhe, bese ebadonsa basuke ekukholweni okuseZwini likaNkulunkulu. Leyomithombo emibili.

⁸⁶ Sikuthola kuxaka kakhulu ukuthi uGenesisi, lesisahluko sezimbewu, siqala sisuke ngaleyondlela. Futhi siyabona ukuthi zonke izinto esinazo, namhlanje, ngokwasekuqaleni zaqala kuGenesisi, ngoba igama elithi *Genesisi* lichaza “ukuqala.” Futhi uma sibona lezizinto esiyizo, namhlanje, indlela eziyiyo, zazifanele zibe nokuqala ndawondawo. Nizofanele nilandele zonke into ibuyele ekuqaleni.

⁸⁷ Futhi nanku umcabango omncane wenu. Yonke into eyayinokuqala, inokuphela. Kodwa yizinto ezazingenakho ukuqala, engapheli, izinto kuphela eziPhakade.

⁸⁸ Ngakho-ke, ngizothanda ukubuza umbuzo. Besingake size sikwazi kanjani ukwenza okuphusile egameni lokuthi “ubudodana bukaNkulunkulu obuPhakade”? Uma WayeyiNdodana, Wayenokuqala. Uma WayeyiNdodana ePhakade, Wayengaba kanjani yiNdodana futhi abe Phakade na? Ngokuba, *indodana* i—ingumkhiqizo wento ethize. Kodwa, uma Wayeyiyo—Wayeyiyo, wayengeke abe yiNdodana ePhakade. Ayikho into enjalo, “iNdodana kaNkulunkulu ePhakade.” Imbanga, uma E—uma Wayengenakho ukuqala, khona-ke Angebe yilutho kodwa oPhakade. Kodwa, uma WayeyiNdodana, Wayenokuqala, ngakho Angebe yiNdodana ePhakade.

⁸⁹ KwakunguNkulunkulu oPhakade ebonakaliswe eNdodaneni. Ehhe. Niyabo? UNkulunkulu oPhakade, ngoba uNkulunkulu yiyonanto kuphela ePhakade.

⁹⁰ Nendlela kuphela esingake size siphile ngayo yingoba sinokuPhila okuPhakade. Lomzimba uyafa, zonke ezezingxenyane zethu ziyafa. Kodwa ingxenyane ePhakade nguNkulunkulu, futhi angefe. Manje, manje, iZwi, iBhayibheli, liPhakade, ngoba LinguNkulunkulu esimweni seZwi. Futhi okwakukuNkulunkulu, emicabangweni yaKhe, kungakabikho noma yiliphi iZwi elikhuluniwe, kwakunguNkulunkulu. Niyakubona na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] KwakunguNkulunkulu. Ngakho-ke, ngokuthi samiselwa ngaphambili, thina esinjalo; sithi “thina,” ngithemba ukuthi ngikanye nawe owamiselwa ngaphambili; kwakuyi—yizinto eyayinoNkulunkulu ePhakadeni.

⁹¹ Bese kuthi-ke, uma ungumntwana kaNkulunkulu ozelwe ngokusha, unguye, futhi unoMoya oNgcwele kuwe, niyizibonakaliso zeZwi likaNkulunkulu elikhuluniwe ngaphambi kokuba Libe yiZwi. Lizofanele libe ngumcabango ngaphambi kokuba libe yiZwi. IZwi lingumcabango okhuluniwe. Nemicabango wawukuNkulunkulu, bese kuthi-ke

sasikuNkulunkulu ePhakadeni, futhi sakhulunywa saba khona ngeZwi. O, okunje pho...Ngaliphi iZwi na? *Leli* iZwi, iZwi likaNkulunkulu.

⁹² Manje, uNkulunkulu unguMqalisi wokukholwa. USathane ungumqalisi wokuhlakanipha. Ngokuba, uNkulunkulu wanika abantwana baKhe bokuqala iZwi laKhe, wayesebatshele ukuthi bafanele bakholwe yiLeli; wayesebeka ukufa, ukwehlukana, isijeziso, uma behluleka ukuLikhola.

⁹³ NoSathane ufika ngapha futhi uzama ukunikezela kuEva, ukuhlakanipha, "Uyohlakanipha, wazi okuhle nokubi, njengoNkulunkulu." Manje, niyabo, ukuqala nje, niyabona masinyane impela ukuthi ukuhlakanipha kuvela kuDeveli. Lokho kuyaxaka, akunjalo na? Kodwa kungamaqiniso. Ukuhlakanipha kuvela kuDeveli. Ungumqalisi wokuhlakanipha.

⁹⁴ Manje, kusobala, noma yini uDeveli anayo, iyimpendukezelo yokwasekuqaleni. Isono singokuphendukeyelwayo, impendukezelo yokulunga. Ukuphinga kuyimpendukezelo ye—yesenzo esingokomthetho. Amanga ayimpendukezelo yeqiniso.

⁹⁵ Futhi ngakho u—ukuhlakanipha engifuna niqondiswe kukho, singakaqali. Kunokuhlakanipha kukaNkulunkulu, ukuhlakanipha kukaNkulunkulu, kungukuthi, hlala neZwi laKhe. Kodwa uSathane, ekuhlakanipheni kwakhe, wazama ukusonta iZwi, ngakho yilokho—kuhlakanipha engikhuluma ngakho.

⁹⁶ Kunesibalo esithize sokukholwa esihamba noSathane. Ukuze we—wemukele uSathane, ufanele umkholwe uSathane, ngakho kunokukholwa okuphendukeyelwe entweni ephendukeyelwe. Nanoma yini eyozama ukusonta iZwi likaNkulunkulu, ukuLenza lisho into ethize eLingayisho, ngumoya ongalungile, niyabo, enikezela ngokuhlakanipha okumelene nokuhlakanipha kukaNkulunkulu. Ngakho, sizobhekisela kukho njengokuhlakanipha, futhi hhayi ukukholwa kukaSathane.

⁹⁷ Abaningi balabobantu abakhola lokho, baqotho, futhi bayakhola, ngakho konke nje ukukholwa abanakho, ukuthi baqinisele. Niyabo? Uzofanele uqaphele. Ublankethe weluleka ndlela zombili manje. Kodwa, yena, ba...Indlela kuphela yokuba uqiniseke, ngokubuyela eZwini lasekuqaleni. Yilapho yonke into yesekeleke khona, eZwini.

⁹⁸ Manje, sithola ukuthi lemibango emibili, noma imithombo, ingukuthi: owodwa, ukuhlakanipha; nomunye, ukukholwa. Futhi yayazana selokhu kwaba yindalo, ensimini yaseEdene.

Manje, kunabantwana macala omabili.

⁹⁹ Manje, kuyini uku—ukuhlakanipha esikhuluma ngakho na? Into thize engayikuvuma ukuthi lonke leliZwi liyiQiniso.

Kuyinto ethize eyosusa eQinisweni, izizwakalisa yona qobo lwayo njengokwazi okuphakeme kakhulu, ukuhlakanipha okuningi. Futhi uma ukuhlakanipha kwalolohlobo kuvela kuSathane, abantwana bakhe baphila ngalokho kuhlakanipha.

¹⁰⁰ Futhi uma ukukholwa kukaNkulunkulu kwafika ngoNkulunkulu, noNkulunkulu uyiZwi, abantwana bakaNkulunkulu baphila ekukholweni. IBhayibheli lathi, “Abalungileyo baphila ngokuhlakanipha?” [Ibandla lithi, “Qha.”—Umhl.] Ukukholwa! “Abalungileyo bayakuphila ngokukholwa.” Hhayi lokho angakufunda, kodwa lokho angakukholwa. Kulungile.

¹⁰¹ Manje, manje siyathola. Asithathe ukuhlakanipha, kuqala. Ukuhlakanipha kunomzindlo. Ukukholwa akunamzindlo. Kodwa ukuhlakanipha kunemizindlo. Asiqale nje siphenye eBhayibhelini, futhi asiphenye manje kuGenesisi, isahluko 3 kuGenesisi, futhi nje sifundise lokhu.

¹⁰² Manje senzani, sizama ukwenza kulokhu ukusa na? Silandela lokho iNkosi eyakusho, “Qongelela uKudla.” UzoKudinga, ngolunye lwalezizinsuku. “Qongelela uKudla.”

¹⁰³ Manje, uGenesisi 3:1, asifunde manje, sibone ukuthi ukuhlakanipha kunemizindlo kanjani.

Futhi inyoka yayinobuqili kunazo zonke izilwane zasendle ebizenzile iNkosi uNkulunkulu. Yathi kowesifazane, Ya, ngempela uNkulunkulu ushilo yini, (ekholwa, esho iZwi), ukuthi Ningadli emithini yasensimini na?

Owesifazane wathi enyokeni, Singadla izithelo zemithi yasensimini:

Kepha...zithelo zomuthi ophakathi nensimu, uNkulunkulu ushilo ukuthi, Ningazidli, (ecaphuna iZwi), ningazithinti, ukuba ningafi.

¹⁰⁴ Manje, ukukholwa kubambelela kuLokho. Niyabo? Manje bhekisisani.

...inyoka yathi kowesifazane, Aniyikufa nokufa:

¹⁰⁵ Ukuzindla, imizindlo, “UNkulunkulu ulunge kakhulu. UNkulunkulu unesihawu kakhulu. Ukuthanda kakhulu.” Niyamuzwa lowoDeveli omdala ofanayo namhlanje. “UNkulunkulu ulunge kakhulu ukuba angenza lokhu. UNkulunkulu akayikukwenza lokhu. UNkulunkulu akayikujezisa.” Uyokwenza nje khona impela iZwi laKhe elathi Uyokwenza. Niyabo?

¹⁰⁶ “Aniyikufa nokufa.” Niyabo? Uzama ukwenzani na? Umtholela ukuba azindle naye. Ngomzuzu ozindla ngawo eZwini likaNkulunkulu, khona-ke ulahlekelwa ukukholwa. Niyabo? Ungabi no “yebo, oqhabo, mhlawumbe kunjalo.” Hlala

naLo ngqo. Niyabo? UEva wayenokuvelela okukahle, kodwa walalela imizindlo yakhe.

¹⁰⁷ Kunabantu abanengi kakhulu nje namhlanje onokwazi okukahle, owaziyo ukuthi leliZwi lifanele libe yiZwi likaNkulunkulu, futhi LiyiZwi likaNkulunkulu, kodwa bayama futhi badelele esinye isitshudeni sasekholiji sibazindle baphume kuLo, basuke kuMoya oNgcwele, basuke ezintweni zikaNkulunkulu. “Imizindlo, sifanele siyilahle phansi.”

¹⁰⁸ Manje, ivesi 4.

Kepha . . .

Ngizonitshela ukuthi kungani uSathane asho. Ngizofunda ivesi 4, kuqala, bese kuba ngelesi 5.

Inyoka yathi kowesifazane, Aniyikufa nokufa—kufa:

Kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nizidla, kuyakuvuleka amehlo enu, nibe njengonkulunkulu, nikwazi okuhle kokubi.

¹⁰⁹ Niyabo, umnika ukuzindla, “Ungathanda ukulingana noNkulunkulu na? Thatha. . .” Ngamany’amazwi, “Ufuna ukuba kahle ngempela noNkulunkulu na? Thatha iseluleko sami. Ngilalele. UNkulunkulu akaqonde khona Lokho. Wayengakuqondile nje.”

¹¹⁰ Uma uzwa lokho, suka kukho. Kunjalo. Lokho ukuswebeza kwenyoka. Kuzwakala kunomqondo. Kodwa ungazindli, nhlobo. Kukholwe nje, okwashiwo nguNkulunkulu. Manje, ngenkathi i. . .

Owesifazane ebona ukuthi umuthi ulungele ukudliwa, . . .

¹¹¹ Niyabona ukuthi kwakuyini na? Imizindlo yakhe yamlethela ekutheni azi ukuthi kwakulungile, kwakuqinisele.

. . .nokuthi uyabukeka esweni, nokuthi umuthi unxanelekile. . .

¹¹² “Ukwenza abe nokukholwa”? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.]

. . .ukwenza abe nokwazi, ekuhlakaniphiseni, . . .

¹¹³ Niyabona ukuthi kwakuyini na? USathane ethula ukwazi, ukwazi okwakuphambene neZwi, “ekuhlakaniphiseni.”

. . .wathatha izithelo. . .wadla, wanika nendoda yakhe kanye naye; nayo yadla.

Ayesevuleka amehlo abo bobabili, babona ukuthi bahamba-ze; bathunga amaqabunga omkhiwane, bazenzela izibhinco.

¹¹⁴ Manje, kwaqalwa yini na? Umzindlo. Niyabo? Ukukholwa akunakuzindla. Awuzindli, nhlobo. Uyakholwa. Uma ukhulekelwa, futhi wemukele iZwi likaNkulunkulu

ngokuphiliswa, ungazindli ngemizwa yakho. Ungazindli ngalutho olunye. Akukho mzindlo kukho. UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula.

¹¹⁵ O, ngingathanda kanjani ukuma lapha imizuzu embalwa, bese ngiphumula kulokho, bese ngikhipha indikimba kukho. Angikwazi ukukwenza, futhi ngishumaye lezi, cishe ezingamashumi amane noma izindikimba ezingamashumi amahlanu engizibhale phansi lapha. Kodwa umzindlo . . .

¹¹⁶ Uma iNkosi inikeza umbono. . . Ngizonitshela nje, indledlana yami uqobo yengane esancela. INkosi inikeza umbono wento ethize ezokwenzeka, ngani, angikhathali ukuthi yini ephambene nawo.

¹¹⁷ Futhi khumbulani, yonke into engethulwa, ephambene, uSathane uyoyenza. Uyozama ukuzindla, “Ungeke wakwenza.”

¹¹⁸ Isibonelo nje, lokho engisanda kukucaphuna nje emizuzwaneni embalwa edlule, ngokuhamba. . . Manje, lokhu bekuthe ukuba luhlobo lokusuka endleleni yezinyawo. Ngaphambi nje kokuba umama wami ashone. NeNkosi yayazi ukuthi ngangingezukukwazi ukugcina lokho kunqumelana izinsuku nalabobazalwane, ngokuyozingela. Futhi wanikeza umbono, wayesengithumela kude le eBritish Columbia.

¹¹⁹ Futhi ngenkathi sifika lapho, umphelekezeli wathi, “Angikaze ngiyibone inyamazane emachopho-asasiliva. Sengihlale lapha yonk’impilo yami. Nangaphandle kwalokho, siyoze siyothi ngqu phezulu ezweni lezimvu, sigibele amahhashi. Ayikho inyamazane emachopho-asasiliva. Akukho. . . Awuzukuyithola phezulu lapho.” Niyabo? Niyabo? Ezama, niyabo, ezama ukudeda; ukuzindla.

¹²⁰ USathane wathi kimi, “Kuzoba, nje a—nje awuwuqondanga kahle umbono.”

¹²¹ “Kodwa angizange. Izobakhona. ISHO KANJE INKOSI.” Futhi ngenkathi inyamazane ikaribowu yenyuka, futhi sayithola leyo, eyayisembonweni, njengoba nonke nazi.

¹²² Wayesethi-ke, umphelekezeli wathi kimi; umfowethu okahle kakhulu, ukuba naye manje emavikini embalwa, umKristu osemusha. Wathi, “Mfowethu Branham, umfowethu wayenesithuthwane. Futhi wena wagibela wenyuka ngalelohhashi ngalolosuku, futhi wangitshela into ethize ukuba ngiyenze, ne ‘sithuthwane somfowethu siyonqamuka.” Wathi, “Ngenkathi ngenza khona impela uMoya oNgcwele owakutshela ukuba ungitshela khona,” wathi, “akakaze abe nelumbo, kusukela ngalolosuku.”

¹²³ Wathi, “Manje nakhu lapho esikhona, esicongweni salentaba. Futhi amamayela amathathu ezansi ngqo, akukho ngisho nehlashana elingama intshi amane ukuphakama. Akukho lutho kodwa utshanyana bamakaribowu, amaceke

ambalwa, futhi aba kuphela ama intshi amabili noma amathathu ukuphakama.” Wathi, “Utshanyana bamakaribowu namaceke, ayothi ngqu elevelini lapho kungamili mithi khona, namahhashi ethu ayehhakwe elevelini lapho kungamili mithi. Futhi manje, ngokwalokho owangitshela khona singakezi lapha, ukuthi, ndawondawo phakathi kwalapha nalapho lowomfana emi khona, efake leloyembe eliyisikoshi, uzobulala ibhere elimpunga elimachopho-asasiliva elingamafidi ayisishiyagalolunye.”

Ngathi, “lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.” Niyabo?

Kwakuyini na? USathane ezama ukungithola ukuba ngikukholwe ngokungesikho lokho.

¹²⁴ Saqala ukwehla intaba. Sesisondelela kakhulu, wayelokhu ethi, “Mfowethu Branham, sesicishe sibe yimayela ukusuka kukho manje.”

Ngathi, “Uyangabaza, Bud na?”

“Lutho nhlobo.”

¹²⁵ Safika phakathi cishe kwengxenye yemayela. Wathi, “Sesiyingxenye yemayela kuphela manje.”

¹²⁶ Ngathi, “Kunjalo.” Ngathi, “Cabanga nje, engxenyeni yemayela!” Ukulahla imizindlo.

¹²⁷ Wathi, “Buka. Singabona yonke into phambi kwethu ngqo. Akukho-lutho laphaya.”

¹²⁸ “Kodwa,” ngathi, “uNkulunkulu Owanginika iZwi angalidala elilodwa lapho. Ungazindli. Kukholwe nje. Unganaki lutho ekuzindleni okuningi. Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Kholwa nje lokho Akusho. Yilokho kuphela.”

¹²⁹ Ngangimi lapho, ngabuka phezulu emagqumeni, ndawo zonke, nje utshanyana bamakaribowu obuphuzi; ilanga lishona; amagquma, emahle. Wawungabona noma yiyiphi indawana encane nomaphi, amamayela amathathu phezulu entabeni, ngaphezu kwami ngqo. Futhi ngenkathi ngiphenduka ukuba ngibuke, cishe amamayela amabili ngaphambi kwami, noma imayela nengxenye, noma imayela amabili, kwakumi elimpunga elimachopho-asasiliva elingamafidi ayisishiyagalolunye. Ukuthi lafika kanjani lapho, angazi. Kodwa lalilapho. Niyabo?

¹³⁰ Ungazindli. Kholwa. Akunandaba ukuthi-zimo zini, unganaki-zimo. Kholwa.

Manje uNkulunkulu wathi, “Mhla—mhla uwudla, kumhla ufa.”

¹³¹ USathane wathi, “Ake ngikutshela into ethize, uyabo. Manje, Lokho, lokho yi. . . O, ya, sithi uNkulunkulu uqinisile. Impela. Kunjalo. Siyalikholwa leloZwi. O,” uSathane wathi, “Ngiyakukholwa Lokho, ngempela ngempela. Kodwa, lalela, ake ngikutshela, Wayengaqondile ngempela Lokho.”

Wayeqonde Lokho. Wayeqonde lokho nje Akusho.

132 USathane wathi, “Manje, buka, ngizokutshela ukuthi kungani Akwenza. Ngempela Waye... Uyabo, a—a—awuhlakaniphile, okwamanje. Awunakuhlakanipha. Uyabo? Ufana nemvu nje, ukuba uholwe. Awuzimele ngesingawe.” Yileyondlela uNkulunkulu akufuna ngayo. “Awukaze... Awuna Ph.D., okwamanje. A—a—awunayo nje imfundo eyenele. Uyabo? Kodwa mina nginokuhlakanipha. Ngizokufakazisa kuwe. Manje, buka, awazi ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Uyazi kukhona into enjalo, kodwa awazi ukuthi iyini. Ake ngikukhombise ukuthi yenziwa kanjani.” Yilokho kuphela ayefuna ukukutshela lowo wesifazane. Yilokho kuphela ayefuna ukukwenza. “Ake ngikukhombise ukuthi yenziwa kanjani.”

Wathi, “Kodwa siyakufa.”

133 Wathi, “Ngempela uNkulunkulu akayikukwenza lokho. Kodwa Uyazi ukuthi uyohlakanipha nawe.” Niyabo?

134 Ebeka ukuhlakanipha kwakhe kumelane neZwi likaNkulunkulu. Nakho ukuhlakanipha engikhuluma ngakho. Niyabo? Ukuhlakanipha okumelene nokukholwa, kubhekene nokukholwa. Nanso impi yokuqala. NeZwi likaNkulunkulu labambelela alangaxhamazela futhi laba ngeliqinisile. Ngenkathi behlanganyela kokwenqatshelwe, bafa; futhi banakho, selokhu kwasukela lapho. Niyabo? Yilapho, okwafakazeleka khona lapho, ngale kwesithunzi sokungabaza.

135 Manje sizokuhambisa isikhashanyana. Manje, benginoGenesisi 3:1, 17, futhi manje... noma 1 kuya kwele 7, njalo, futhi manje, manje, lapho ukuhlakanipha kunemizindlo. Bangaki okukholwayo lokho manje na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Nithi manje. . .

136 Udokotela uthi, “Awu, ngizokutshela.” Manje buka, thatha lona wesifazane omncane engisanda kunikeza ubufakazi bakhe. Udokotela uthi, “Akukho ongakwenza. Awusekho. Akusekho mathemba ngawe. Qhubekela esikhungweni sabagula ngengqondo. Mweliseleni lapho.”

137 Wathi, “Ngingakaweleli lapho kwelinye lalawomagunjana, ngizozibulala.”

138 Kwase kwenzekani-ke na? UNkulunkulu ufika enkundleni. Nangesikhangiso sakhe, ndawondawo ephapheni ngaphesheya le eKansas, eBloomington, eIllinois, wezwa. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa.” Niyabo? Awu, umyeni wakhe wamletha naye. Babeyizithandani ngempela, bethandana.

139 Cabangani. Iminyaka emine, nokuhlinzwa okukhulu okune; eziyishumi nanhlanu, izidambisi eziyishumi nesithupha. Lokho kwanele ukubulala osazofa. Niyabo? Nayo yonke leyomijovo, kabili noma kathathu ngeviki. Futhi ngiyazi omunye wayo kwakuyiLextron, futhi ngiyakhohlwa ukuthi omunye wawuyini. Kwakuyinto ethize yesimo sokugula ngengqondo. Wayejova lemijovo, futhi, ngaphandle kwalokho, amaphilisi amabili

okulala. Futhi angakwazi ngisho nokulala, ngalokho. Elusizi, egula imini yonke, ubusuku bonke, unyaka nonyaka. Akukho okwakungenziwa.

Kodwa, “Ukukholwa kuvela ngokuzwa.” Niyabo?

¹⁴⁰ Manje, esefika lapho, uNkulunkulu wambeka emsamo, engowokuqala. Niyabo? Futhi kulokho oku... Ngani, ini? Ngenkathi ngenyukela kuye, ngase ngithi, “Sawubona, dade? Sawubona?” Akazange ezwe lutho ngalokhu. Akazi lutho ngakho. Kodwa ngathi, “Ungu Nkk. uS'bani-bani. Uvela eKansas.”

¹⁴¹ Manje, ngokushesha, lokho ku—kuyamcabangisa. “Awume kancane. Ngimzwile nje esho, ukuthi, ‘UKristu wayenguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi lapha sifakazisile, eBhayibhelini, kulobubusuku, ukuthi uKristu wethembisa ukubonakala ngezinsuku zokugcina, eBandleni laKhe, nezinto abazenza ezansi eSodoma, nokunye nokunye,’ lapho eshumayela ngakho.” Okuyintshumayelo yami yokuvula. “Ngokuba, manje, lapha ngiyakubona kwenzeka, khona lapha.” Niyabo? “Manje, yebo.”

¹⁴² “Manje, uke waba kodokotela abaningana. Ube nokuhlinzwa okune.”

¹⁴³ “Ulutholaphi lololwazi na? Kuvelaphi lokho na? Leyo encane, indoda esinempandla ayikwazi lokho. Kuvelaphi na?”

“Futhi endleleni yakho uza neno, into *enje-na-kanje*.”

¹⁴⁴ “Awusho!” Niyabo? “Manje, yilokho impela nje asanda kuqeda ukushumayela ngakho. Lelo yiZwi.”

¹⁴⁵ Kodwa, uyazi, uSathane wathi, “Uyazi, wemukela lokho, umelusi wakho...” Lokho akuhlangene ngalutho nakho. Niyabo? Lahla imizindlo. Niyabo? “Kodwa udokotela wakho wathi uzofanele uye esikhungweni sabagula ngengqondo.” Lahla imizindlo.

¹⁴⁶ “Ngilinde ukubona ukuthi uNkulunkulu uzothini ngakho.” Niyabo? Manje-ke uNkulunkulu... Angazanga ukuthi ngithini. Kwase kuthi-ke uMoya wakucosha wase ukuqhumisa kuphuma.

¹⁴⁷ Wakukholwa. Akazange azindle, “Unyaka nonyaka, nonyaka, ukuguliswa yimizwa, umqondo ungasekho, ukuhlinzwa okuningi nayoyonke into, zonke lezizinto; ngani, akunamqondo, ukucabanga ukuthi bengingaphiliswa lapha, ngomzuzwana.” Kodwa akacabanganga ngemizindlo. Wavele wakholwa nje. Ukukholwa kwakwenza, futhi waphiliswa, ngaso lesosikhathi.

¹⁴⁸ Ungathanda ukumbhalela, ngani, uBilly angakunika ikheli lakhe. Kunjalo, manje. Manje, ukukho-...

¹⁴⁹ Ukuhlakanipha kuyozindla. Manje... Kodwa ukukholwa akunamzindlo. Akwenzi lutho kodwa kubambebelela eZwini. Kubamba isithembiso.

¹⁵⁰ Manje asifunde kancanyana. Asiphenye kwabaseRoma, isahluko 4, futhi sifunde kancane nje. Futhi kuze kube sithola ukuncizwa ngempela ngesikhathi, sizofunda lemiBhalo nje, kwabaseRoma, isahluko 4. Imbangela, ngikuthanda ngempela ukufunda iZwi. Kuyakusiza uku—ukuLifunda. KwabaseRoma, isahluko 4, futhi asiqale ngevesi 17. Lalelani.

¹⁵¹ UPawulu, eloba umlando ngempilo kaAbrahama, niyazi, akukho lutho olushiwo ngoAbrahama ebalekela ezansi eGerari, futhi akukho lutho emlandweni, niyazi. Nje kungukuthi, “UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu,” uPawulu, lowomphostoli omkhulu, ebhala umlando ngoAbrahama.

¹⁵² Ivesi 17, “Njengoba kulotshiwe . . .” Ngiyakuthanda lokho: uPawulu, ehlala neZwi.

(Njengokulotshiweyo ukuthi, Ngikumisile ube-nguyise wezizwe eziningi.) . . .

¹⁵³ “Ngikwenzile.” UAbrahama wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlano ubudala. Wahhlala nomkakhe kusukela ese . . . bobabili babesebasha. Kwakungudadewabo ingxcnye. Bengenabantwana; wayengazali yena wayeyinyumba. Kodwa uNkulunkulu wahlangana naye wayesethi, “Ngikwenzile,” inkathi edlule, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, kusobala, “ngikwenze ube-nguyise wezizwe eziningi.” Hhayi owabantwana abaningi, kodwa izizwe eziningi. Kucabangeni nje.

. . . phambi kwalowo akholwa nguye, uNkulunkulu, ngisho uNkulunkulu, yena ophilisa abafuleyo, nobiza okungekho ngokungathi kukhona.

¹⁵⁴ Ungazindli, nhlobo. Lalela.

. . . biza okwakungekho ngokungathi kukhona.

Owathi kungekho-themba . . .

¹⁵⁵ He! “Kungekho ngisho nethemba.” Ukuba-ke wayezindlile na? “Kungekho ngisho nethemba.”

Owathi kungekho-themba wakholwa ngethemba, ukuze abe-nguyise wezizwe eziningi; njengalokho okwashiwo, Yoba-njalo nenzalo yakho.

¹⁵⁶ Akunandaba ukuthi into enye ethize ithiwani. “UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula.” O, uma uEva kuphela wayehlale nalokho! Niyabo? Kodwa wama, ukuba azindle, athole ukuhlakanipha okuthize. UAbrahama wayengafune-kuhlakanipha. Wafuna iZwi nje. “UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuqeda.”

¹⁵⁷ Niyazi, ngishumayelile ngakho, isikhathi esiningi. Bahamba futhi bathenga konke amanabukeni nophini, nayo yonke into, balungiselela ingane, noSara wenza izicathulwana. Futhi

kwedlula unyaka nonyaka. “Akabusiswe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani. Kunjalo.”

158 “Ngani, yena,” udokotela wayeyothi, “awu, angeke aba nayo. Ungeke waba nayo.”

“Futhi ungangitsheli. Sizoba nayo, noma kanjani. Yilokho-ke.”

159 “Kungekho-themba, nokho wakholwa ngethemba.” Amathemba alisekho lonke, nokho wakholwa ngalo ngenkathi ithemba lase livele lifile, kuye. Ithemba lase lifile kulolonke ucwaningo lwesayense, onke amasu okuhlakanipha. Ithemba lalingasekho, kodwa wayesalokhu ekholwa ngalo. Kwakuyini na? Ukukholwa kulo; ukukholwa ngethemba ngenkathi ithemba lalingasekho lapho. Mm! Ngingathanda ukulibala kulokho isikhashana. Ukukholwa ngethemba ngenkathi kwakungekho-themba lapho, nokho wayesalokhu ekholwa ngethemba. Niyabo? Imbangela, wathi, “Wangitshela, ‘Zoba-njalo nezinzalo.’”

160 Manje, ivesi 19. “Engabanga-buthakathaka eku ‘hlikanipheni, ukwazi, waba nesiqu sakhe’”? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Qhabo.

...engabanga-buthakathaka ekukholweni, (ha, nakho lapho okhona), kanakanga umzimba wakhe usufile, . . .

161 Ithemba lalingasekho. Umzimba wakhe wawusufile. Lalelani, elilandelayo.

...eneminyaka engaba-ngeyikhulu, nesizalo sikaSara sifile:

162 Ithemba lase lifile. Umzimba wakhe wawusufile. Isizalo sikaSara sasesifile. Wenzani na? Ivesi elilandelayo, “Akangabazanga.” O, he!

Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, ukuhlakanipha; kodwa waqina ekukholweni, enika uNkulunkulu udumo;

163 O, he! Ini?

Eqinisekile ukuthi, lokho akwethembisile, unamandla futhi nokukwenza.

164 Mm! Akunandaba ukuthi kanjani, akukho mzindlo kukho, nhlobo. Uthatha i—iZwi nje bese ebambelela kuLo. Manje, uma leli liyiZwi likaNkulunkulu, niyaLikhola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Pho nilingabazalani noma yiliphi iZwi laLo, noma yisiphi isithembiso saLo na? [“Amen.”] Ningasho kanjani ukuthi Leli yingxenyane, naLeli alilungile; naLeli liyilelo, nicoshe enikufunayo na? Ningeke nakwenza. Kuphakathi kokuthi lilungile lonke noma akukho nakunye okwaLo okulungile. Kunjalo. Ngakho, uthi ungabona nje ukuthi LiyiQiniso, Libambe. UngaLidedeli, akunandaba ukuthi zimo zini, ukuthi

bazama kanjani ukuzindla, “Ngani, ungeke.” Ungakwenzi, ungakwenzi lokho, nhlobo. Hlala naLo ngqo. UNkulunkulu walethembisa.

165 Uma ngihamba manje ukuba ngithathe isinqumo sami sokumela uKristu, futhi Ungiphe uMoya oNgcwele, uMoya waKhe ufakazelana nokuPhila kwaKhe kimi. Bese-ke uma sengifika ekutheni ngife, uSathane uzama ukuba athi, “Manje, uyabo, ubungekho-nhlanganweni.” Hlala neZwi ngqo. “Awukwenzanga *lokhu*. Awukwenzanga *lokho*.” Akunandaba ukuthi *ini*, *lokho*, uSathane akanamzindlo ngaLo. LiyiZwi likaNkulunkulu. Hlala neZwi. Niyabo? Lilahla yonke imizindlo. Niyabo? Awunawo nayimuphi umzindlo; ubambelela eZwini nje. Niyabo?

166 Manje, ukukholwa kwethembela kalula nje eZwini laKhe. Niyabo? Yilokho Ayefuna bakwenze. Lokho—lokho, manje, nithola isendlelelo manje. Yilokho impela uNkulunkulu ayefuna isintu sikwenze: ukuba sethembele kulo lonke iZwi Alisho.

167 NoEva wethemba inqwaba eningi yaLo. Kodwa into eyodwa encane ayemukela, “Awu, uma ngiba ngogcwele ukuhlakanipha, mhlawumbe—mhlawumbe kwakungaleyondlela. Mhlawumbe kufanele kube ngalendlela.” Niyabo? Manje-ke khona lapho yilapho alahla khona ukubambelela kwakhe. Yilapho aqala ukucwila khona, khona lapho. Yilapho isintu sonke sehlela khona ngqo ethuneni, kusukela khona lapho, ngoba wangabaza iZwi elilodwa.

168 Abanye babo bathi, “Awu, ngiyakholwa ukuthi *Leli* liqinisile. Ngiyakholwa ukuthi *Lelo* liqinisile. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasindisa, kodwa angikholwa ukuthi Uyaphilisa. Ngiyawukholwa uMoya oNgcwele, impela, wehla ngoSuku lwePhentekoste, kodwa akukho-ndawo lapho okukhona noma yini ethi uMoya oNgcwele wehla, emva kwePhentekoste.”

169 O, mfowethu! Yileiyondlela abakusho ngayo; bazibiza ngamabandla kaKristu. Niyabo? “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bephika iZwi.” He! Hhe-e! Yilokho-ke. Niyabo?

170 Ufanele ukholwe. Ungazindli. Kholwa. Ungazami ukuba nokuhlakanipha. Kholwa iZwi nje.

171 Ukuhlakanipha kuzama ukuzindla nokwethula indlela engcono. Manje, yilokho impela uSathane akutshela uEva. “Manje, awuzukufa. Ngempela ungeke, ngoba uNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo.”

172 UnguNkulunkulu olungileyo. Nendlela kuphela engingamethemba ngayo, ukuba nguNkulunkulu olungileyo, ukuthi Uyohlala neZwi laKhe.

173 Ungangilindela kanjani ukuba ngibe neqiniso ngibe ngingenalo iqiniso na? Uma ngikutshela into eyodwa, ngenze enye into, izwi lami lithe ukuba ngelixegayo. Niyabo?

174 Nokho, okuMenza uNkulunkulu olungileyo, yingoba Wakhuluma iZwi, futhi sifanele siphile ngaleloZwi. “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke kaNkulunkulu, aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Manje-ke, UNkulunkulu uzofanele ahlale naleloZwi. Yilokho okuMenza uNkulunkulu olungileyo.

175 Manje, uma Ethi, “Awu, Ngizobayeka bazedlulele *nalokhu*. Mina, Ngizobayeka benze *lokhu*. Awu, *lokho* kulungile. O, Mina, Ngizo—Ngizowelela *lapha*,” ngani, Uyintekenteke, niyabo; Akasuye uNkulunkulu; U—Ungumuntu ojwaleyekile nje. Niyabo? Kodwa, ukuba nguNkulunkulu olungileyo, Uzofanele ahlale neZwi laKhe. Lokho kubeka wonk’umntwana... Uma Ezoyekela *lona* aphinge, *lona* omunye aphuze kancane, na—na *lona* omunye engenza amanga kancane, *lona* omunye angeba kancane, nalona omunye angenza—ngenza *lokhu*; bese-ke engenza ngivume ukulandela nje, ukuba ngingene na?

176 Unendlela eyodwa, futhi wonke ongenayo ungena ngalelosango. “Isango lincane, nendlela iyingcingo. Akukho kungcola okuyongena kulo.” Ngale eSambulweni, wathi, “Wonke ongaphandle abathakathi, izifebe, nezinja, nokunye nokunye.” “Nibusisiwe nina enenza yonke imiyalo yaKhe, ukuze abe nelungelo eMthini wokuPhila.” Kunjalo. Yinye indlela, leyo ngekaNkulunkulu.

177 Asikuzindli, ayikho enye indlela. Awu, ibandla lamaRoma lithi, “Yithina iBandla. Lelo—leloBhayibheli alifanele ngisho noku... Ngani, ngani, Lona, ubungeke...” UmBhishobhi Sheen wathi, “Ukuzama ukuphila ngaLo, kwakufana nokuhamba udabula emanzini anodaka.” Niyabo? Niyabo? Uzokwenza kanjani lokho na? Niyabo? Manje-ke, uma eqinisile, khona-ke iBhayibheli linephutha. IBhayibheli liqinisile; yena unephutha. Manje uzothini na? Uma iZwi likaNkulunkulu liqinisile, kuphakathi kokuthi umBhishobhi Sheen noma—noma iBhayibheli. Akusuyena kuphela umBhishobhi Sheen, kodwa uMfu. uS’bani-bani, noDr. uS’bani-bani, noS’bani-bani. Bengingeke ngilibize igama lendoda, ngaphandle uma yakusho emsakazweni. Ngakho, yakusho kwaphumela emsakazweni, ngakho ngiqagele ngingalibiza igama layo. UDr. uS’bani-bani noS’bani-bani, washo *ukuthi-nokuthi nokuthi-nokuthi*. Manje ubani ozomkholwa, uNkulunkulu noma bona na?

178 “Awu,” uthi, “Alikuchazi ngempela nje ngaLendlela.” Likuchaza ngayo nje indlela eLilotshwe ngayo.

179 Awu, lawo amanga okuqala kaDeveli. Wathi kuEva, “Alichazi khona nje ngempela *lokho*. Ngempela uNkulunkulu ulunge kakhulu ukuba angenza lokho. Awuyikufa.” Kodwa bafa.

Futhi bayofa, ngaso sonke isikhathi. Ufanele uhlangabezane neZwi!

¹⁸⁰ Ukuhlakanipha kuzama ukuthatha i—indlela engcono, indlela yesimanje, indlela yokuthandwa ngabantu, i . . . indlela elula kakhulu, izitholela yona ngapha.

¹⁸¹ Njengamanje, uthatha umfo lapha, mhlawumbe uNkulunkulu uyahamba ayosebenzana naye. Manje, ucabanga ukuthi uzofanele akhuphuke. Uzofanele enze umkakhe eze kahle emgqeni. Uzofanele ayeke amaphathi akhe amakhadi. Uzofanele ayeke ukuya emidansweni. Umkakhe uzofanele ayeke izinwele zakhe zikhule. Uzofanele ayeke ukupenda ubuso. Uzofanele ayeke ukubhema, ukuphuza. Uzofanele aphume kuleyonhlangano enkulu akuyo. Uzofanele azithobe ealtare. Uzofanele ame futhi abizwe ngohlanya, umgingqiki ongwele, uBelzabule, noma yini engabizwa. “Ngizoba ngokholwayo, kodwa ngizokwehlela *lapha*, ngijoyine lelibandla ezansi *lapha*. Uminyene kakhulu.” Nakho lapho okhona. Niyabo? Nakho ukuzindla, ukuzindla.

¹⁸² Manje sizofinyelela ephuzwini elikhulu, emizuzwini embalwa, ngalokho. Niyabo? Uzokwazi kanjani ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile, ke na? Niyabo?

¹⁸³ Manje, kuzama ukwenza iZwi lisho into ethize, ukwazi kuyakwenza. Ukwazi, ukuhlakanipha, kuzama u—ukuzindla. Ukuhlakanipha kuthola indlela engcono. Ayikho enye indlela kodwa indlela kaNkulunkulu. Ukuhlakanipha kuzama ukukhomba, kuthi, “O, awu, manje, uyazi, besingeke sakwenza lokho *ngalesi isikhathi*.” Sifanele sikwenze, noma kanjani. Niyabo? Kuzama ukuthola indlela elula kakhulu. Kuzama ukwenza iBhayibheli lisho izinto eLingazisho.

Manje wena uthi, “O, Mfowethu Branham, manje u . . .”

¹⁸⁴ Awulinde isikhashana nje. Sizobuyela embewini futhi. Kwakuyini uDeveli azama ukuyenza ngokuhlakanipha na? Wenza iZwi likaNkulunkulu lisho into ethize eLingayishongo. Kunjalo. Wazama ukwenza iZwi likaNkulunkulu lisho into ethize eLingayishongo. Ngakho yingaleyondlela okuza ngayo namhlanje, uma bezama ukwenza iZwi likaNkulunkulu lisho into ethize eLingayisho.

¹⁸⁵ Awu, bathi, “Awu, ngizokutshela, Mfowethu Branham, awunayo incazo ekahle.”

¹⁸⁶ IBhayibheli lisho, ukuthi, “Kasikho isiprofetho esingachasiswa ngumuntu ngokwakhe.” Ngani na? Kungani singechasiswe ngumuntu ngokwakhe na? Ngani na? “IZwi leNkosi leza kubaprofethi.” Lichasiswa ngumprofethi. Lingeke laba ngelesichasiso somuntu, ngokwakhe. Abaprofethi sebevele banichasisela Lona. Nakho, kulotshwe khona Lapho. Yileyondlela okufanele kube ngayo.

187 UNkulunkulu uzofanele abe nenye into ethize eqavile bonke abantu ozofanele ehlulelwe ngayo.

188 Uma kungebandla, yilona liphi eliqinisileyo na? Cishe amakhulu ayisishiyagalolunye awo, izinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye ezehlukene. [UMfowethu Branham uyakhwehlela—Umhl.] Ngiyaxolisa. Yilona liphi lawo eliqinisile na? Wazi kanjani ukuthi uyangena na? Uma-ke uyiMethodisti, neBaptisti iqinisile na? Uma-ke uyiPentecostal, amaPresbyterian eqinisile na? Uma-ke uyiKatolika, namaLuthela eqinisile na? Uma-ke uyiLuthela, namaKatolika eqinisile na? Niyabo?

189 Kuzofanele kube nesisekelo esithize ndawondawo. Ngakho uma iZwi . . .

190 “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.” Niyabo? IZwi lalikuNkulunkulu. LalinguNkulunkulu. Laliyimicabango yaKhe owawukuYe, njalo Lapho. Imicabango kaNkulunkulu uPhakade njengoba uNkulunkulu enjalo. Amen. Lolo akusilo ubisi oselwengulwe ulaza, mfowethu. Niyabo? Nakhu kufika. “Imicabango kaNkulunkulu wawuyiZwi laKhe, ekuqaleni,” lokho ngukuthi, “ePhakadeni,” manje, ngenkathi “ukuqala” kuqala ukuqala, isikhathi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, imicabango kaNkulunkulu, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.” Niyabo? Imicabango yaKhe yilokho Ayeyikho.

191 Lowo nguwe, nawe. Lokho imicabango yakho eyikho yilokho oyikho. Akunandaba ukuthi yini ozama ukuyiphila, ngenye into ethize, imicabango yakho yilokho oyikho. Ungahle uhambisane, uziphathise okomfo okahle, kodwa enhliziyweni yakho uyisiphingikazi nanoma yini. Yilokho oyikho, imicabango yakho.

192 Nemicabango kaNkulunkulu wawuyiZwi laKhe elalinaYe futhi likuYe, futhi LalinguNkulunkulu. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. NalowoLizwi waba yinyama.” Imicabango kaNkulunkulu wezwakaliswa emzimbeni womuntu, “Waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” Nakho lapho okhona.

193 Manje, uma unokuPhila okuPhakade namhlanje, ukuNkulunkulu. NgoBukhona bukaNkulunkulu kuwe, ungumcabango kaNkulunkulu ozwakalisiweyo. Whewu! Manje-ke, ungalaleli kunoma yimiphi imizindlo, funa umqhele wakho uthathwe, unikwe omunye. Ungathathi noma yimiphi imizindlo, nhlobo. Kholwa nje lokho uNkulunkulu athi kuyiQiniso, futhi uhlale naLo.

194 Imizindlo, ngokuhlakanipha, kuzama ukwenza iZwi lisho into ethize eLingayisho.

Manje wena uthi, “Yiqiniso lelo, Mfowethu Branham na?”

¹⁹⁵ Awu, asibuyele emuva nje kuGenesisi bese siyathola. Asiye kuGenesisi, isahluko 3 sikaGenesisi, futhi sizofunda i—i—ivesi 4, sibone uma—uma ukuhlakanipha kuzama ukwenza iZwi lisho into ethize eLingsiyo. Isahluko 3 sikaGenesisi, ivesi 4.

Inyoka yathi kowesifazane, Aniyikufa nokufa:

¹⁹⁶ Niyabona ukuthi yethulani na? Kuyini na? Izama ukwenza iZwi lisho into ethize eLingayisho. Niyabo?

UNkulunkulu wathi, “Niyokufa.”

¹⁹⁷ Ukuhlakanipha, njengoba uSathane wayekwethula kuye, wathi, “Aniyikufa nokufa.” Niyabo? Kuzama ukwenza iZwi lisho into ethize, ukuthi, “Alinjalo.”

¹⁹⁸ Kuyilokho-ke ukuhlakanipha namhlanje. O, mfowethu, besingahlala kanjani kulokho! Amakholi, izikole zesayense yezenkolo, leso yiso impela isidleke sabo. Lokho yimishoshaphansi yabo, uzama ukwenza iZwi likaNkulunkulu lisho into ethize eLingayisho.

¹⁹⁹ Ngiphosela inselelo noma ubani ukuba angikhombise isiVumokholo sabaPhostoli eBhayibhelini. Ngiphosela inselelo noma ubani ukuba angikhombise “ubudlelwane babangcwele” eBhayibhelini. Bobabili iProtestane, iKatolika bayakukholwa. Nginiphosela inselelo ukuba ningikhombise noma yiyiphi yalezozinto, eBhayibhelini. Niyabo? Yimishoshaphansi yokuhlakanipha izama ukuzindla.

²⁰⁰ “Ukulwa kwethu akusikho okwenyama, kodwa okwamandla, silahla zonke izizindlo, niyabo, sidiliza izizinda zikaSathane.” Leso esikhulu, esihlotshisiwe, isidalwa esihle! Hhayi isidlova esingungqeqe; qhabo, qhabo, lokho kungaphakathi. Kodwa, ngokwangaphandle, isono sihle ngokuphindwe kabili. Niyazi, isono sihle.

²⁰¹ Bangaki abesilisa phakathi lapha, nabesifazane, osedlule eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala na? Phakamisani izandla zenu. Angizange... Bengingafanele ngibuze abesifazane. Kodwa ngi... Sonke siyalivuma iqiniso. Ngifuna ukunibuza umbuzo. Niyabona namhlanje ukuthi abesifazane bahle ngokuphindwe kabili, cishe, kunoma babevame ukuba yikho, ekuhleloleni emuva, ngokwesilinganiso ezweni lonke na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Impela. Bahle ngokuphindwe kabili kunalokho ababevame ukuba yikho.

²⁰² Thola ezinye izithombe ezindala. Buka ugogo; iziketi zakhe ezinde; ukwelukwa kwezindle zehle zayoshaya emhlanje wakhe. Wayengakhangisi kangako ukuba umbuke.

²⁰³ Buka owesimanje namhlanje. Ingubo encane empintshe isikhumba kwehla, lokho, sonke isimo, angenyakaze engonanga. Ehamba, ecothoza ehla ngomgwaqo, nakho konke ukupenda ubuso nezimonyo uMax Factor angazibeka kuye, cishe. Elungisa

izinwele zakhe njengentombazanyana ethize. Agqoke isiketi esincane siphezulu nje, cishe, phezu kwamadolo akhe, uma sikhona asifakile, nhlobo. Kodwa, mbuke, uyabukeka. USathane uyazi ukuthi kwenziwa kanjani. Ungumqalisi wobuhle, lolohlobo lobuhle oluphethela esonweni.

²⁰⁴ Umhlaba, qobo lwawo, uyisizalo. Wazibekaphi uNkulunkulu izimbewu zaKhe na? Zibekwaphi izimbewu na? Esizalweni. UNkulunkulu wabeka izimbewu. Futhi yenzani indoda na? Njengodeveli, esizalweni, uyokwenza umntwana akhubazeke uma engakwenza. Yilokho odeveli akwenzile emhlabeni, ebhastelisa, enza izidalwa, akunjalo. Kungcono ngikushiye kanjalo okwalokho; angisoze ngafinyelela kukho konke okwalokhu lapha, engikubhale phansi. Niyazi ukuthi ngichaza ukuthini. Yingalesosizathu kunendalo ekhubazekile esizolahlwa. UNkulunkulu useqedile ngayo. Izwe lonke liphumile ohlelweni. Yonke into ayilungile. Imifudlana yonakele. Umoya wonakele. Ukungcola! Kuyanuka!

²⁰⁵ INdiya elidala, kungekudala, lathi, “Mlungu, angisafuni ukuphila isikhathi eside. Sengiqedile ngokulwa.” Lathi, “Ziphi izingane zami na? Ngabe zibulawa yindlala na? Uphi umkami na?” Lathi, “Ungakafiki lapha nabesifazane bakho nogologo, nesono, sasihlala ngokuthula. Yimihlaba yethu. UNkulunkulu usinika wona, kodwa niyasephuca wona. Niyohlwula ngawo, suku lumbe.”

²⁰⁶ Kubukeni, namhlanje. Lezo ezinkulu, izingwadule ezibukekayo nezintaba zisakazwe ngokunuka, isono, amabhodlela kagologo, amakani kabhiya. Yonke indawo igcwele izindawo zokuphuzela nombhedo. IReno, iNevada, logogwadule olukhulu ngaleya, alulutho kodwa ubufebe. Amadolobha amakhulu anjalo, sekuze kwathi ngisho nomoya nesimo sendawo sonakalisiwe. Lapho okwake kwamila khona izintaba ezinkulu ezibukekayo, manje sekunqanyulwe ngazo zonke izinhlobo zayo yonke enye into. Lapho izihlahla zazimile khona, ziyagawulwa. Lapho izingwadule, amanzi ayegeleza ngokukhululeka, asonakalisiwe. Izwe lonke lizoba no—nokusakazeka. Umhlaba uzozala umntwana wawo embewini. Kade uphendukezelwe, ngodeveli bewudwengula, bewusebenza, impela, uyi—yindalo ephendukezelwe. UNkulunkulu uzowulahla bese ephinda eqala futhi. Kunjalo.

²⁰⁷ Kwavela kukuphi na? Umuntu oyedwa ekholwa okukodwa okuncane... ewukholwa ngokungesikho isimo esisodwa esincane seZwi likaNkulunkulu.

²⁰⁸ Umhlaba wonke uyabubula. IBhayibheli liyasho, ukuthi, “Ngisho nemvelo qobo lwayo ibubulela lolosuku lokukhululwa, ilindele ukwambulwa kwamadodana kaNkulunkulu.” Izihlahla ziyalwa, kuba yize. Izimbali zizama ukukhanyisa indlela ye... Kodwa, ziyabubula futhi ziyakhala, futhi ziyazi ukuthi

kukhona okungalungile. Okuphendukeyelwe! Isizalo ngeke sazala lokho kuphelela, ngoba siphendukeyelwe. Umhlabathi uyanuka. Ubhukude ngegazi longenacala. Une. . . Unjenge. . .

²⁰⁹ Bengingasho into ethize, ibingahle inganambitheki kakhulu. I—i—iyanuka. UNkulunkulu wathi, “Iyanuka,” phambi kwaKhe, ingcole kakhulu. Hamba ungene endlini yokuzikhulula, imichamo, futhi nje kuyanuka, konakalisiwe. Yilokho impela izwe elinuka khona, futhi, njengoNkulunkulu elinuka. Ukungecola, yonke into ingcolile.

²¹⁰ UNkulunkulu uyoliqhumisa libe yizicucu. “Ngiyodala amazulu amasha nomhlaba,” Washo. Yebo, mnumzane.

²¹¹ Kuyini na? Isizalo sawo asikasizali isikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Uzale into ephendukeyelwe. Ngani na? Uzama ukuba ngukuhlakanipha.

²¹² Angimelene ngalutho neFlorida. Angiqondile lokhu kini bantu baseFlorida. Kodwa ngenkathi nginqamula futhi ngayongena eFlorida okokuqala, ngase ngibuyela emgqeni waseGeorgia lapho, ngama khona lapho ngase ngithi, “Njengesakhamuzi saseMelika, nginikela ingxenye yami ibuyele kumaSeminole lapho kungokwakhona.” Ngani, awanakekela kangcono amageceke awo kunoma ngenza izinwele zami, yonke into icijwe kahle. Amasundu linezibani phezu kwalo lonke. Izikebhe ezinkulu zoseyili eziphambili nezinto, bezama ukuletha isikhathi seminyaka eyiNkulungwane ngaphandle kokuphenduka. Kimi, yisigejane sokungelutho.

²¹³ Okunye okuphindwe kasigidi, ngingaqoka ukukhwela eBritish Columbia, ngiye esicongweni segquma, bese ngibuka phesheya kwezintaba uNkulunkulu azidalayo, nezandla zomuntu ezingazange zikuthinte. Impela.

²¹⁴ Yana kulamadolobha, amakhaya amakhulu, lokho, lokho akungihehi. Ngiyaluzonda lolohlobo lwezinto. Niyabo?

²¹⁵ Kodwa ngiyazi ukuthi ngosuku olulodwa, usuku olulodwa, kuyoguqulwa. Wona uyokhipha umntwana wakhe ohluphekile. Umhlaba, uyoguqulwa, ngosuku olulodwa. Okeyi.

²¹⁶ Ukukholwa kukholwa ukuthi kulotshiwe, futhi kuthi, “IZwi alinazimfa.”

²¹⁷ Senake nabezwa abefundisi bethi, “Awu, ngiyakutshela, i—ihumusho iKing James Version, noma lelihumusho iRevised Version, noma *leli* lapha, nje li—nje lithe ukwehluka kancane. Ngempela, ngempela lalingaqonde khona Lokho”? Nikuzwile lokho na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] O, he! Izwe lonakaliswe yikho. Niyabo? Kodwa ukukholwa akukukholwa lokho.

²¹⁸ Ukukholwa kuyakholwa, uNkulunkulu ongenza mina, angayigcina leyoNcwadi ngokuhlelekile ukuze mina ngiphile ngayo. Uma uNkulunkulu Owangenza ezongehlulela, engeke agcina iNcwadi yaKhe ngokuhlelekile, khona-

ke UnguNkulunkulu ompofu kabi. Nakho lapho okhona. Ngikholwa ukuthi lonke iZwi laLo liyiQiniso. Yebo, mnumzane. Kwenzani lokhu, ukukholwa lokho na? Kunikeza ukukholwa indawo ephelele yokuphumula kuLo. Niyabo? Ungeke wakholwa ngokungesikho, ukuthi leloZwi lixovwe ngakho, noma ngayiphi indlela. Ufanele uLikholwe ngendlela nje eLiyiyo.

²¹⁹ Uma uzama ukusebenzisa ukuhlakanipha, ukuba uthi, “Manje buka lapha. Akunamqondo ukuthi uNkulunkulu wathi kwakuyokwenza into enjenga *le*.” Kodwa uNkulunkulu wayenza. Niyabo? Kunjalo. Manje, uma uthi, “Awu, manje, uma uNkulunkulu enza *lokhu*, uma Athatha impilo yomuntu ngoba wayengesuye umLevi, futhi wabeka isandla sakhe phezu koMphongolo ngenkathi Wawusuzokuwa.” Akunandaba ukuthi wayekangakanani, Wathatha impilo yakhe ngawo.

²²⁰ UNkulunkulu wathi, “AbaLevi nje, bodwa, bayothinta Lowo.” Wayithatha. Yilokho okwashukumisa uDavide, niyazi. Niyabo? UmLevi, kwakungelutho kodwa umLevi wayefanele ukuthinta lowoMphongolo. Futhi nakhu kwakukhona uMphongolo, ubuyela imvuselelo ngqo, noyedwa ngaphandle kwalokho wazama ukuphatha iZwi.

²²¹ Lokho kuyakhombisa ukuthi ngogcotshiweyo kaNkulunkulu kuphela ozothinta leloZwi. Lezizivumokholo namahlelo awanamsebenzi ukuba agange ngaLo. Nje uMoya oNgewele onelungelo kuleloZwi, futhi ngukufa kunoma yimuphi omunye ukuLithinta. Noma, ukulikholwa ngokungesikho noma yikuphi kwaLo, noma akufundise, “Naye uyothathwa, isabelo sakhe, siyokhishwa eNcwadini yokuPhila.” Ningabeki izandla zenu phezu kwaLo. Dedani kuLo. Lalelani. Kholwani nje lokho eLikushoyo. Ningathathi-zwi lamuntu omunye. Thathani eLakusho. Hlalani neZwi ngqo. Ngukufa ukwenza noma yini enye kuLo. Manje, ngoba ku . . .

²²² Kwenzani ukukholwa na? KuLikholwa ngendlela nje eLiyiyo. Yileyo ndlela uNkulunkulu aLilondolozwe ngayo kusukela phansi onyakeni, futhi Nanti. LiyiZwi likaNkulunkulu, kimi. UNkulunkulu uyakuhlonipha lokho. Kunikeza ukukholwa okuphelele ebuqinisweni baLo.

²²³ Ubungake uze umshade kanjani owesifazane uma leyontombi ibi—ibi—ibiphume yabaleka futhi yenze yonk’into, futhi yaphila ngobufebe nayo yonke enye into ethize na? Futhi—futhi, nokho, wahamba wase uyithola endlini yobufebe. Aphume, futhi wayeyi . . . Yena uthi, “Awu, ngizo—ngizozama ukuba yi—yintombazane engcono.” Ungeke waba nokukholwa kulowo wesifazane. Niyabo? Ungeke wakwenza. Angaba kanjani owesifazane nokukholwa endodeni eyenze into efanayo na? Ungeke nje wakha ukukholwa kwakho lapho. Akukho lutho lokwakhela phezu kwalo. Niyabo? Ungeke wakwenza.

224 Ubungaphuma kanjani lapha bese uthi, “Nasi isikebhe esinenqwaba yemigodi kuso, futhi ngizofaka amasaka otshani kuso. Mhlampe, mhlawumbe buzo—buzovimbela igagasi, ukuwela umfula?” Futhi bengingefune ukuthatha ishansi ngaso, sibe sikhona esisodwa sihlezi lapha esakhiwe kahle. Impela.

225 Kungani siyothatha enye isayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu inezimbobo konke kuyo na? Ifakazelekile ukuthi ayilungile. Niyabo? Kanti, *nansi* eyodwa ihlezi lapha, ngempela eyiZwi likaNkulunkulu, Owavimbela igagasi, kusosonke isiphapho esinzima nesivunguvungu. Sibambebele ngakho konke ukwethemba ebesingaba nakho. Siyohlala njalo sinjalo. Kulungile.

226 “Kodlula amazulu nomhlaba,” kwasho uJesu, “kepha iZwi laMi alisoze.” Ngani na? APhakade. Ayekhona ekuqaleni. Uza lapha nje ukuzwakalisa iZwi likaNkulunkulu. Wayengukuzwakalisa kukaNkulunkulu. UNkulunkulu wayeZizwakalisa ngeNdodana yaKhe.

227 Lezi zonke zaqala kuGenesisi, isahluko sembewu, futhi besinjalo selokhu kwathi nhlo. Selokhu kwathi nhlo, ibisenkundleni, bekuyinto efanayo, ukulwa phakathi kokuhlakanipha nokukholwa, ilwa njalo. Ngakho, ukuhlakanipha ngokukaDeveli nokwabantwana bakhe.

228 Senake naqaphela na? Nonke nizibonile izimvu. Nonke nizibonile izimbuzi. Kodwa, niyazi, ukukhala kwazo zombili kusondelene kakhulu, kuthatha umelusi wezimvu wangempela ukusho umehluko. Beka imbuzi endala phandle lapho, uyidedele ikhale, ikhale. Bese-ke uya ngapha bese ubeka imvu lapho, bese uyidedela ikhale. Ukulalele. Zizwakala zifana nje. Kodwa umelusi wezimvu wangempela angalibamba lelophimbo.

229 UJesu wathi, “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi.” Niyabo? Zingasho ukuthi ngabe yimbuzi yini. Awu, Uyimvu, qobo lwaKhe. Ehhe. Aka. . . “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi. Abafokazi azisoze zabalandela.” Yini iPhimbo laKhe na? Nanti, iZwi. Niyabo? “Izimvu zaMi ziyalazi iphimbo laMi.” Niyabo?

230 Aziyikuvumela noma ubani athi, “O, manje, lapha. Ngiyaxoxa, iPhimbo likaNkulunkulu, nalo. Leli lisho *lokhu* lapho.” Kodwa ngu, niyabo, Sathane. Sizofika kulokho ekuncanyaneni nje, nginipholisele khona lokho. Niyabo?

231 Manje, manje niyabona ukuthi iZwi-mbewu lingeke lamila esimweni sendawo, ke, yokwazi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Kuthi nje ukwazi kungaxubana nokukholwa, kufa khona lapho.

232 UEva uyafika wayesethi, “INKosi uNkulunkulu yathi: ‘Mhla sidla kuwo, ngalowomhla siyafa.’” Wayesema-ke ukubona ukuthi wayezothini.

²³³ Wathi, “Kodwa, lalela, s’thandwa sami, wena ntwana ethandekayo. Uyabo? Ngempela uNkulunkulu wakwenzela inhloso. Uyazi ukuthi lokho kunjalo. Uyabo, ungowesifazane, wenzelwa lenhloso. Kuyilokho-ke. Awukwazi manje, kodwa wenzelwa lenhloso. O, uyintwana ethandekayo, s’thandwa. Ehhe. Buka lezozandlana ezingamathonqazana. Uyabo? Ngani, impela uzokwenza. Ngempela.”

“Kodwa Wathi, uma si—uma sikwenzile, besiyi ‘fa.’”

²³⁴ Wathi, “Kodwa, o, ucabanga ukuthi olungileyo, uBaba onothando, uNkulunkulu, ubengenza into enjengaleyo na?” Wenzani na? Walalela ukuzindla, wathatha ukuhlakanipha kwakhe. Wathi, “Ngumuthi, uyajabulisa. Umuntu angawunxanela.” Futhi wathatheka yiwo. Kunjalo impela. Futhi ngenkathi enza, kwenzekani na? Njengoba bekungenza kunoma yimuphi wesifazane. Uthi nje ungathatheka yiwo, uqeda khona lapho. Kunjalo.

²³⁵ Manje, niyabo, imbewu ayeyibambile, nowayezothi ekugcineni abe ngumama, ngentando kaNkulunkulu, ngeZwi elikhulunywe. Wayezothi ekugcineni abe ngumama. Kodwa, akakwazanga ukulinda, wahamba wayongena kulokho.

²³⁶ Manje, niyabo, manje-ke, wathi nje angakwenza lokho, wemukela ukuhlakanipha kanye neZwi, nokuhlakanipha kwakuphambene neZwi. . . Niyaqonda, thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Uma ukuhlakanipha kukanye neZwi, futhi kufakazeleka ukuba kanye neZwi, neZwi liziveza Lona uqobo ngento efanayo, khona-ke yiZwi. Kodwa uma ukuhlakanipha kumelene neZwi, futhi kungekanye neZwi, kodwa kuzama ukuthola into ethize yokwenzela kuLo noma kususe kuLo, ngokukaDeveli. [“Amen.”]

²³⁷ Nezimbewu zikaMoya oNgcwele zeBhayibheli zingeke zimile esimweni sendawo yokuhlakanipha. Lokho kubulala onke amakholi ezwani. Lokho kushaya izimbobo ziphume ngqo ngawo, kuyawaphantshisa, futhi u—ukwahlulelwa kugeleza kungene. Kunjalo. Kwenza ngempela, niyabo, ngoba iZwi lingeke lamila kanye nokuhlakanipha, ukuhlakanipha kwezwe. Ngeke kukwenze.

²³⁸ UEva wayezofanele akholwe iZwi njengoba Lanikezelwa kuye. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wayengezokufanele ukuba alalele noma ubani omunye asho noma yini ngaLo; ngendlela nje eLanikezelwa kuye, yileyo ndlela ayefanele aLikholwe ngayo. Ngabe akubangabikho ukufa, ukuba wayekholwe Lelo. Kunjalo.

²³⁹ Nowesilisa noma owesifazane oyothatha iZwi likaNkulunkulu ngendlela nje eLinikezelwa ngayo kithi, siLibambe ngendlela uNkulunkulu aLisho ngayo, LingukuPhila. Kodwa ukulixubanisa nokunye ukuhlakanipha kwenye inhlangano, ufa khona lapho, njengoba nje kwenza ekuqaleni.

Leyo yiMbewu. Yileyo indlela, yileyondlela eLenza ngayo okokuqala, yileyondlela eLiyokwenza ngayo ngaso sonke isikhathi. Belingayo njalo. uNkulunkulu evuma, sizokufakazisa lokho ngeBhayibheli, kulokhu ukusa. Yileyondlela kuphela elingamila ngayo, ngukuzehlukanisa Lona uqobo nayo yonke imizindlo, kumbe noma yini enye into, futhi nje sikholwe iZwi.

UEva wayefanele aLithathe ngendlela nje uNkulunkulu aLinikezela ngayo kithi.

²⁴⁰ Futhi ngizwakalisile futhi nganitshela ukuthi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ulondoloze futhi wagcina leliBhayibheli, futhi yileyondlela uNkulunkulu anginika Lona ngayo lapha. Angifuni kuhlakanipha okunye. Ngifuna nje ngendlela uNkulunkulu alisho ngayo Lapha.

²⁴¹ Manje, ngithemba ukuthi anginilimazi. Kodwa uma iBhayibheli lathi ngifanele ngi “phenduke,” Lichaza ukuthi ngiphenduke; hhayi ukuba ngenze ukuzihlawulisa, kodwa ngiphenduke.

²⁴² IBhayibheli lathi ukuba mina ngibhaphathizwe, iGama lika “Jesu Kristu,” Lalingachazi enye into ethize. Lalingachazi “uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Lasho Lokho.

²⁴³ “Awu,” wena uthi, “UMathewu 28:19 wathi, ‘Nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.’” Yilokho impela okwakuyikho.

²⁴⁴ Manje, uma lokho kungenjalo, uma bengenayo into eyiyonayona, khona-ke ukukholwa uPetru ayenakho, ukubhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, nabo bonke abanye beBhayibheli, khona-ke babene—nesambulo esingamanga uNkulunkulu asibusisa. Lokho kuMbuyisela emuva ngqo: Wayefanele ambusise uEva ekuqaleni, ke.

²⁴⁵ Igama lika “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” lezo yiziqu ezintathu. Linye kuphela iGama. Ungeke wabhaphathizwa eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele uze ubhaphathizwe eGameni lika “Jesu Kristu,” ngoba lelo yiGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. NeBhayibheli lonke lilotshwe kwaphuma kanjalo. Wonke umuntu eBhayibhelini, owake wabhaphathizwa, wabhaphathizwa eGameni lika “Jesu Kristu.” Akukho-muntu emBhalweni, owake wabhaphathiza kulezoziq zika “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Futhi wonke umuntu owabhaphathizwa eGameni le—le “Nkosi uJesu Kristu” wabhaphathizwa eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele.

²⁴⁶ Wonke owabhaphathizwa, iziqu zika “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele,” akabhaphathizelwe-gameni nhlobo; isiqu, njengomfundisi, umfundisi-ohlomphekile, udokotela, nanoma yini okunye; uyise, indodana, nomuntu, unkosikazi. Iziqu!

Wathi, “Akwenzi mehluko.”

247 Khona-ke bhala isiqu sakho eshekeni lakho, futhi kungabi yigama lakho, bese ubona ukuthi liya kuphi. Ehhe. Uthi, “Ngisayina lelisheke egameni likankosikasi wekhaya.” Awu, lokho kwenza nje umqondo impela njengokungathi ubungalikhholwa ngokungesikho iZwi likaNkulunkulu sibe isambulo silele lapho ngqo phambi kwakho. Impela bekungaba njalo. Niyabo? Impela. Kulungile.

248 Kufanele kuLikhholwe ngendlela uNkulunkulu aLisho ngayo. ALiziphikisi. Uma Likwenza, woza ungikhombise. Ehhe. ALiziphikisi, nhlobo. USathane angahle aLiphikise kuwe, kodwa angeke eZwini. Qhabo. Ngakho, iZwi ngeke lakumela lokho. Qhabo, mnumzane. Leyo yinto esibekhona isikhathi eside kakhulu, futhi bekucatshangwa ngayo, kodwa ayikaze ifakaziswe namanje.

249 Asilandele lemithombo emibili, noma lokho eningahle nikubize ngezimo zendawo, futhi sibone ukuthi idalani. Asiyilandele imizuzu embalwa. Isimo sendawo; yomibili lemithombo iyodala isimo sendawo.

250 Ngifuna ukunibuza into ethize. Senake naya ebandleni. . . ngi—ngikusho lokhu ngenhlonipho yokuzithoba manje, futhi, awu, ukwenza iphuzu nje; Qha nakanye. Senake naya ebandleni lapho umelusi eyisitashi ngempela na? Inhlangotho iyindlela efanayo. Kunjalo. Niyabo? Kuyini na? Kuyilesosimo sendawo esakulethayo. Yana endaweni lapho khona umelusi ethi, “Manje, ake nime kanncane, ayikho into enjengalowombhedo. Angikholelwa entweni enjengokuphiliswa ngokukaNkulunkulu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele.” Niyazi, niyobabona bonke, bona, inhlangotho. Uma bengal. . .

251 Uma kukhona ukhozi phakathi lapho ndawondawo, luyophuma, phakathi kwalesosigejane sezinkukhu. Ehhe. Impela luyophuma. Yiqiniso ngempela. Luyoyishiya. Ya. Ya. Impela luyokwenza. Lungeke lwakumela lokho. Lulukhozi. Luyinyoni eyakhelwe ukuba ngeyasesibhakabhakeni, hhayi isibuya. Yebo, mnumzane. Manje, nantu.

252 Futhi manje siyathola, ukuthi, lezozimo zendawo. Futhi ungena noma yikuphi i. . . lezozinto, lapho ukukholwa kufundiswa khona ebandleni, niyothola ibandla likulesosimo sendawo.

253 O Nkulunkulu! Ake—ake ngifinyelelise lokhu kini, ngakho, nina, uma ningakubona. Niyabo? Hamba. . . Yingalesosizathu abantu befika phakathi kwabangcwele lapho bekhuleka khona, amakholwa. UPawulu wathi akafumananga muntu emzini, uThimothewu kuphela, owayenokuKholwa okufana nayenakho, niyazi. Bonke abanye babo bonke bangosomahlelo. Niyabo? Kodwa ngenkathi engena kulesosimo sendawo, niyabo, yena, uthola izinto zenzeka, isimo sendawo esizidalile. Uthola abantu bephila ngokukholwa uma ungena endaweni lapho

okuthi khona, “He, ngani, iBhayibheli liqinisile. UNkulunkulu uyaphilisa.” Uhamba ujikeleze inhlango yabo, uyathola, “Ngani, ngangibulawa ngumdlavuzwa. Ngaphiliswa.” “Ngake ngaba yimpumputhe. Ngiyabona.”

254 Oyisihambi uthi, “Hwewu! He! Ini, uqonde ukuthi...? Kwakuyini indaba ngawe na?”

255 “Ngizokukhombisa erekhodini lami. Woza ekhaya nami. Woza, udle idina nami futhi ngizokukhombisa into ethize. Nginerekhode enhla lapho. Omakhelwane bami bayazi ukuthi ngangikuloluhlobo lwesimo. Ngakhubazeka, iminyaka. Ngakhulekelwa.” Niyabo? Kuyini na? Lelo—leloZwi kulelobandla, leloqembu lamakhohla, lidale lesosimo sendawo.

256 Manje, likanjani iZwi, ebululeni baLo kodwa nokho ekuphelelisweni kwaLo, liyoke limile kanjani endaweni lapho ukwazi kusibekela Lelo futhi kuthi, “Lingeke labanjalo”? Niyabo? Lingeke. Ngakho, lapho ukwazi kushunyayelwa khona kususelwa ekholiji, abantwana bayafa.

257 Lapho ukukholwa kushunyayelwa khona kususelwa eZwini, abantwana bayaphila. Amen. Yilowo umehluko, ukuPhila nokufa nje.

258 Into efanayo yenzeka ensimini yase Edene. Yilokho impela okwenzeka kubo; izimo zendawo ezimbili lapho. Ngenkathi uEva esuka Kwelungileyo, waba kwengalungile, wafa. Niyabo? Kuyokwenza, ngaso sonke isikhathi.

259 Ngakho, bangehlale. Uma ibandla lakho linalolohlobo lwesimo sendawo, o, mntwana, uma ufuna ukuphila, ukholwa iZwi.

260 Manje, lapha kuzothi ukuba yisitinyeli esincane manje. Futhi angikuqondile ngokwendlela yokukhahla. Nje ngi... Lokhu ngukufundisa. Uzofanele, uma ushaya lezizindawo, ufanele utinyele futhi ushise, kancane, niyabo.

261 Manje ake nilinde. Njengokushaya uphawu ithole ngokulishisa nje. Ngangikuzonda ukwenza lokho, ukushaya uphawu ithole ngokulishisa; umfo omncane bandla. Sasigijimela phandle lapho. Futhi angazi noma nake nalibopha ithole ngentambo, noma qha, bese—bese—bese—bese uwabopha. Uwabophe imilenze yomine, uyabo, kunqume kabili. Nomfo omncane bandla! Ugijimela ezansi lapho, uthathe lensimbi yokushaya uphawu eshisayo, uyishaye kulo. O, mfowethu, kwakubukeka kwesabeka. Uma usukuma, ngempela laliba nesikhashana sokugijima. Lalibaleka nje futhi likhahlele, futhi limpongolozwe futhi likhale, futhi liqhubeke. Kodwa, ngiyakutshela, ayazi, kusukela lapho kuqhubeke, ukuthi lalingelikabani. Kunjalo. Ayazi ukuthi lalingelaliphi—liphi idlelo. Akusekho-hlaya-ke ngalo.

Ngakho, asishaye uphawu ngokushisa. Asishaye uphawu ngokushisa. Yebo, mnumzane.

²⁶² Ngenkathi bethi, uyazi, i. . . Nina, abaningi benu, ufundile noma—noma wacula elithi *Ukuzindla kweKhawa*, niyabo. Nokweduka phakathi konyaka noma emibili, uma belifaka, ekugcineni lapho, ekuqoqweni; ukweduka phakathi konyaka noma emibili, benza isobho nje ngalo, ngoba alinaphawu olushisiwe kulo, nhlobo. Futhi ngakho onke amanye awo liqhubekela emadlelweni awo uqobo. Kodwa ubasi wokuqoqwa uyazazi izinkomo zakhe, ngakho uma u. . . Ukushaya uphawu ngokushisa kuyalimaza.

²⁶³ Manje bukani. USathane wayengafakazisa ngokwesayense, ngokuhlakanipha kwakhe. . . Manje ngizodlala ingxenye kadokotela lapha, imizuzu embalwa. USathane wayengafakazisa ngokwesayense, ngokuhlakanipha kwakhe, ukuthi umhlabathi ayezowunikezela, ukuba isintu sikhulele kuwo, wawunamavithamini. Impela wawunawo. Wayengafakazisa ngokwesayense. Bangafakazisa ngokwesayense noma yini abafuna ukuyifakazisa, cishe impela. Niyabo? Impela.

²⁶⁴ Wawunovitamini I, “injabulo, ukuthandwa ngabantu.” Lelo likuwo. Lelo litemhlabathini wokuhlakanipha kwakhe. Impela. Impela. Yonke injabulo yokwezwe, zonke izithombe zamabhayisikobho, yonke imidanso, konke, noma yini, “Qhubekani. Yilokho kuphela. Ngeke kulimaze lutho. Impela.” Niyabo? Ukuthandwa ngabantu, “O, nilibandla elikhulu kunawo onke elikhona edolobheni.” Kulungile.

²⁶⁵ Wawunovitamini K kuwo, abhekisela kuwo njengoku “khalipha.” “Kwenza ukuzindla, uyabo.” Ya.

²⁶⁶ Wawunovitamini I kuwo, okwakuchaza “imizindlo.” Ya, wayekwazi ukuzindla. Kodwa, niyabo, lokho ngeke kusebenze.

²⁶⁷ Wawunovitamini nontandakubukwa, U, kuwo, okuchaza “ubuhle.” USathane muhle. Isono sihle. Futhi njengoba isono siqala ukuya ngokuya nangokuya, siya ngokuba sihle.

²⁶⁸ Ingcono kakhulu kangakanani indlu esinayo namhlanje kunendlu yezingodo na? Ibukeka ngokuthe xaxa kakhulu kangakanani na? Babukeka kakhulu kangakanani abesifazane bakithi namhlanje kunoma babenjalo na? Niyabo? Ibukeka kakhulu kangakanani iFlorida, ekubeni yayinjalo manje, nangendlela uNkulunkulu ayidala ngayo na? Niyabo?

²⁶⁹ Unobuhle. Bangaki owaziyo ukuthi uSathane ungubuhle na? Futhi wayefisa ubuhle, futhi wazama ukudala ubuhle, omuhle kakhulu umbuso, nokunye nokunye. Impela. Siyakwazi lokho. USathane usebuhleni.

Manje qaphelani. Wayenovitamini M, okungu “mzindlo.”

Uvithamini B, okungu “buhle.”

270 Uvitamini M, okuyisi “manje.” “O, ufuna ukuba yisimanje.” Thatha ukwazi kwakhe nje bese uthola ukuthi awuzikholwa yini lezozinto. Kuyomila ngqo kuwe. Lowovitamini uyokhuphukela ngqo lapho ohlezi khona.

271 Omunye umfo uyasukuma, akunike okunye kokwazi kwakhe, “Manje bukani, bangani. Bekuyoba njani uma sithathe leli elikhulu, ihlala-bhishobhi elithandekayo lapha futhi saba nokuninginingi ukudazuluka, nokukhala, nokukhuluma ngezilimi, futhi kugijinywa kwehliwa kwenyukwa nephansi lendlu, kukhihlizwa amagwebu emlonyeni njengezinja ezihlanyayo na? Futhi—futhi nicabanga ukuthi imeya yedolobha ibiyothini, ibhodi yabadikoni, uma sivumele izinto ezinjengalezo ukuba zingene lapha na?” O, impela, yisimanje.

272 “Nicabanga ukuthi abantu bakithi bebeyoma ezansi lapho emgwaqeni, nesigujana esiyisicaba itamborini esandleni sabo na? Futhi bekuyokwenzani ukuba odadewethu bebeyofika nezinkulu, izinwele ezinde zilenge zabheka phansi na? Nabo bonke abesifazane bebandla bedabula edolobheni elincane, ‘Awubheke laphaya. Awubheke laphaya.’ Ngani, umengameli walelibandla, kumbe noma ngabe kuyini, niyazi, ‘Awu, awubheke, awubheke laphaya. Ubukeka njengemoto eyimodeli endala, akanjalo na? Ithayi lakhe eliyisipele liba yisicaba ngemuva.” Niyabo? Niyazi, into ethize efana naleyo.

273 “Sifuna ukuba yisimanje.” Niyabo? Lokho ngukuhlakanipha kukaDeveli. Kumila lokho-ke. Lowo nguvitamini osemhlabathini, ophuma emkhiqizweni olikhiqizayo. Qhubeka, Jezebele wesimanje. Kulungile. Abesimanje, njengabesifazane banamhlanje. Impela. O, abesimanje. “Awu, abantu besimanje kakhulu impela bedolobha elincane bazoza ebandleni.” Impela. Line. . . Ngani na? Bakhulu kulowovitamini wesimanje.

274 Ivatamini ezindlayo, kulungile, bamila kulokho. Niyabo? Kuyilokho-ke, umzindlo. Kodwa uthi nje ungaqala ukumila kulokho, ufile eZwini. Uzofanele uphike iZwi ngaphambi kokuba ube yilokho. Niyabo?

275 Indlela kuphela ongake uze ube yisoni ngayo ngukuphika iZwi likaNkulunkulu. Yini isono na? Ukungakholwa. Ukungakholwa kukuphi na? IZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Uzofanele uphike iZwi, kuqala.

Manje, o, ngisenamanye futhi amavitamini cishe ayishumi abhalwe phansi lapha.

276 Kodwa nangu uvitamini oyedwa ehluleka ukubatshela wona. Wayenovitamini U phakathi lapho. Lowo nguvitamini omkhulu kunabo bonke phakathi lapho, imiphumela, “ukufa.” Niyabo?

277 Yisigejane esibukeka kakhulu kunabo bonke sabantu abagqokile, isimanje kakhulu impela esikhona, ibandla elihle kakhulu impela, inhlango enkulu kunazo zonke, niyabo, isimanje kakhulu impela esasikhona, esihle kakhulu impela

esasikhona, izinto ezinomqondo ophusile kakhulu impela ezingashiwo. “Kungani kunge . . .”

278 “Uma uNkulunkulu asenza isidalwa saKhe, kungani Ebengagxeka laba besifazane ngokubukeka bengcono kakhulu, ukuba babe nezinwele ezimfishane na? Kungani Ebengagxeka ukuzipenda ubuso okuncane na?”

279 Awu, Wayenoyedwa eBhayibhelini owakwenzayo, futhi Wamphakela izinja. Ngakho cabangani ngalokho nje, niyabo. Kunjalo impela.

280 “Kungani ebengakwenza—kungani uNkulunkulu ebengakwenza na? Kungani, he, Akasibhekile ukuba siphile ngaleloBhayibheli.” Impela wayesibhekile. Watshela uEva ufanele aphile. . . Noma, Watshela . . .

281 UJesu washo, ukuthi, “Umuntu uphila ngawo onke amaZwi, onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Ubani owasho lokho na? UJesu. Kunjalo na? Wathi, “Uma noma yimuphi umuntu esho noma yini ehlukele, makabe ngonamanga; iZwi laKhe libe yiqiniso.” “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze.” Nakho lapho okhona.

Ngakho uvitadini U ubekwe endleleni yakhe yokwenza, isimanje. Kunjalo.

282 Manje, kodwa, imbewu-Zwi yeBhayibheli ingeke yamila emhlabathini onjengalowo. Umuntu ubengaya kanjani kwelinye lalawo mabandla esimanje manje na? UMoya kaNkulunkulu ufika phezu kwalo, futhi ba—bafuna ukumpongoloza, “Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!”

283 Niyazi ukuthini? Ngani, ubuyokwenza umshumayeli ayigwinye intshumayelo yakhe. Ngani, ngiyakutshela. Sengi—ngiyambona nje ethi, “Mm.”

284 Nalabontamende lapho, belule leyontamo bejika, niyazi, baqalaze, ukuba babone. “Awu, yini esho lokho na?”

285 Bese kuthi-ke, imizuzu embalwa, umshumayeli uyothi, “UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.”

“Udumo kuNkulunkulu! Kunjalo.”

286 “Mm,” badikoni. Hha! Wena, usemnyango, emizuzwini embalwa. Bayokuphosa phandle ngqo. Niyabo?

287 IZwi lingeke lamila lapho, nje lingeke lakwenza. Qhabo, nje lingeke lakwenza. Niyabo? Impela kalula nje Lingeke. Niyabo?

288 Bese eyafika-ke, efafaza uphoyizeni wakhe phezu kwaLo, ukuzama ukubulala imbewana yokuPhila phakathi kuwe. “Manje kuneqembu labantu ezweni namhlanje, elikholwa ukuthi uNkulunkulu uyaphilisa. Ngani, kusobala, siyazi, umqondo osile uyakhombisa ukuthi uNkulunkulu wasinika odokotela, ukuba baphilise.”

289 Manje, buza okahle, udokotela osile uma engumphilisi. Uyokutshela, “Qhabo, mnumzane. Ngingalikhapha izinyo, kodwa ngeke ngayiphilisa ingoxe eliphuma kuyo.” Kunjalo. “Ngingayihlela ingalo, kodwa ngeke ngayiphilisa.” Impela kunjalo. “UNkulunkulu unguMphilisi.” Niyabo?

290 Manje, izoke ize imile kanjani into ethize ezintweni ezinjengalezo na? Lingake lize limile kanjani iZwi-mbewu kokunjengalokho na? Nje ngeke lenza. Lingeke lamila kulolohlobo lwesimo sendawo. Impela nje alikwenzi.

291 Kodwa ukukholwa kumila kuphela evitaminini elilodwa. Kunevitamini elilodwa kuphela. Akudingi ukuba kube nayiyiphi ingxube, nhlobo. Ukukholwa kumila evitaminini elilodwa, lelo yiZwi. Yileyo nto kuphela ukukholwa okungamila kuyo, yiZwi. Nendlela kuphela okungamila ngayo yingoba kukholwa iZwi, futhi kuzofanele kuthathe lonke iZwi futhi kukholwe ukuthi Liqinisile. Nevitamini lokukholwa lipelishwa ngegama lezinhlamvana ezine, ukuP-h-i-l-a, “ukuPhila.” Kunovitamini P, ukukholwa kunawo. Ukukholwa kunovitamini P.

292 Ukuhlakanipha kunovitamini I; uvitamini Z; injabulo; novitamini kuzindla; uvitamini, onke lawa amanye amavitamini. A, ukukho-...phinda-...Ukwazi kunakho konke lokho. Niyabo? Ukuhlakanipha kunakho konke lokho, kuyakuzindla kuphume.

293 Kodwa ukukholwa kunento eyodwa kuphela: ukuPhila. Yilokho kuphela okuyohlala. “IZwi laKho lingukuPhila. IZwi laKho liyiQiniso. UyiZwi, iNdlela, iQiniso, ukuKhanya.” Ukukholwa kulenga khona lapho kuphela. Yilokho kuphela. Futhi ngeke kukuthathe. UkuPhila kukaMoya oNgcwele, ukuPhila okuPhakade, yilapho ukukholwa okumila khona phakathi: iZwi, Zoe, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo. Yileyo ndawo kuphela ukukholwa okungasebenza kuyo, yingenkathi ukukholwa kuzwa iZwi futhi kukholwe ukuthi LiyiZwi likaNkulunkulu. Manje-ke, kuleyoZoe, Kuyamila futhi Kuveza iZwi elakusho.

294 UNkulunkulu, Walenza kanjani izwe na? Niyakholwa ukuthi izwe lalisimicabangweni kaNkulunkulu na? Impela, lalikuyo, lalifanele. Walenza kanjani na? Wavele washo nje.

295 “Uzozitholaphi izinto na?” Ubungake uze uzindle kanjani noNkulunkulu, uthi, “Nkulunkulu, Wawungayitholaphi impahla, ukwe-ukwenza ngayo amadwala na? Wayitholaphi na?” Avela kumagesi. “Wawungayitholaphi igesi, Nkosi na?” Niyabo? “Wawungaze uwenze kanjani amanzi na? Yiyiphi indlela yokwenza na? I H₂O. Wawungayitholaphi ihayidrojini, ioksijini na?” Niyabo? Yilokho-ke. Niyabo? Akusile nje.

296 Wathini uNkulunkulu na? Kwakusemicabangweni yaKhe. Nemicabango yaKhe yiZwi laKhe, ngaphambi kokuba Lizwakaliswe. Kwase kuthi-ke ngenkathi imicabango yaKhe

ithi, “Makube-khona,” futhi kwaba-khona. Yilokho-ke. Kulele lapho-ke ukukholwa.

²⁹⁷ “Ngo...ku...” AmaHeberu 11 athi, “Ngokukholwa izwe ladalwa.” Izwe lenziwa ngokukholwa. “UNkulunkulu wenza izwe ngezinto engabonakali.” Ngokukholwa uNkulunkulu wakhuluma izwe laba-khona, ngoba kwakuyi—kwakuyiZwi elalihloswe ngaphambili. Kodwa wathi Angalisho nje, liba ngukuphila.

²⁹⁸ Manje ungahle uthi, “Ngiyalikholwa Lelo, Mfowethu Branham.” Enhliziyweni yakho ungaLikhholwa. Bese-ke ulizwakalisa, “NgiyaLikhholwa.” Ungalokothi uLiguqule, nhlobo. Hlala naLo ngqo. Qaphela ukuthi kuyomilani kulo. Liyoveza iZwi, ngoba ngokukholwa. Niyabo? Ukuhlakanipha kuyakususa. Ukukholwa kukuletha kuLo. Niyakubona lokho na?

²⁹⁹ Lokho kusika kukhiphe sonke isivumokholo esenziwe ngumuntu, kusika kukhiphe zonke izikole zokufunda, zesayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu, kuzishaya nje zibande. Nampo-ke, uprofesa wabo, iD.D., iPh.D., iL.L., iQ.U.D., nabo bonke lababafo uzofanele aye esikoleni futhi afunde isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo nazo zonke lezi ezinye izinto. Yinye kuphela Into ayishiya ngaphandle. Ukuthi ufanele azethule kanjani yena uqobo ngesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, nokuthi hlobo luni lwezingubo ukulugqoka, nokuthi ufanele ukusho kanjani ukuthi “amen” kanjalo nje, futhi, o, umbhedo! Ake i . . .

³⁰⁰ Holwani nguMoya oNgewe. Amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu, hhayi ukuhlakanipha kwekholiji. Kodwa uMoya kaNkulunkulu uhola amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Impela. Yiqiniso. Amen.

³⁰¹ Manje, kukhipha zonke izivumokholo, zonke izikole zokufunda, yonke isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo eyenziwe ngumuntu. Akumangalisi bengeke bakholwa; akukho lutho phakathi lapho lokuba Lona limile kukho. Niyabo? Banovitameni U, umzindlo, esifanele ukuwulahla. Uvitamini wokuthandwa ngabantu, uvitamini wenjabulo, “Kufanele nje kube nokuzijabulisa okuncane.” Hlobo luni lokuzijabulisa na? “O, uphume bese uthola ukudakwa okuncane, kanye ngasikhathi, niyazi. Nibe nokuzijabulisa okuncane nje; akuyikwenza-noma yimuphi umehluko otheni.”

³⁰² Niyazi, izinto ezincane njengalokho lapho, ziyilokho zonke nje, yonke leyovitameni. Niyabo? Futhi luzokwenza kanjani lolohlobo lwevitamini ukuba luze lumile lube yiZwi, oluphika leyovitameni na? Uzokwenza kanjani na? Niyabo? IZwi liyakuphika lokho. “Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini,” kwasho iBhayibheli. Niyabo? Ngakho likanjani e—likanjani

elikaNkulunkulu. . . Lizomila kanjani iZwi likaNkulunkulu phansi kwamavitamini anjalo na?

303 Kuthatha ivitamini ethize emhlabathini ukuveza uhlamvu. Lufanele lube sohlobweni olukahle lomhlabathi. Sifinyelela kukho, kancanyana nje. Niyabo? Luzofanele lube nohlobo olukahle lomhlabathi, kungenjalo lungeke lumile uhlamvu. Uthatha imihlaba ethize, ungeke umile *lokhu*, futhi uyomila enye into ethize. Umhlaba onesihlabathi, ivitamini ehlukile, kanjalo kanjalo, kumila izinto ezithize. Uma ungakwenzi, ngani, awunalo, ungeke nje umile lona. Yilokho kuphela.

304 Manje, ukhula luyomila cishe impela nomaphi, noma yiluphi uhlobo lomhlaba. Akunjalo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ukhula oludala lwehlelo luyomila nje nomaphi.

305 Kodwa, ngiyakutshela, mfowethu, uma ufuna ukuveza izithelo zokuPhila, kuzofanele kuvele eZwini. Kunjalo. Kunjalo. Impela. Kulungile.

306 Ngithemba ukuthi anginithathi sonke isikhathi eside kakhulu, kulokhu ukusa. [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Niyabo? Manje, ninga. . . Niyabo? Kulungile.

307 Akumangalisi bengenakukholwa; abanalutho lokuphila kulo. UJesu wakhuluma ngabo kuMathewu isahluko 13 nevesi 1. Asiphenye ngapha nje futhi sibone ukuthi uJesu washo kanjani ngakho, lezizinto esikhuluma ngazo. UMathewu isahluko 13, nasevesini 1.

Ngalolosuku uJesu waphuma endlini, wahlala phansi ngaselwandle.

Kwase kubuthana kuye izixuku, waze wangena emkhunjini, wahlala phansi; uquqaba lonke lumi ogwini.

Wakhuluma kubo izinto, futhi wakhuluma kubo okuningi ngemifanekiso, wathi, Bhekani, kwaphuma umhlwanyeli ukuyohlwanyela imbewu;

Ekuhlwanyeleni kwakhe, ezinye imbewu yawela ngasendleleni, kwafika izinyoni zazidla zaziqeda:

Kepha ezinye zawela emihlabathini edwaleni, futhi ngenkathi yayingenamhlabathi omningi khona: nangayo zamila masinyane, ngokuba zingenamhlabathi oyizinjulo:

Kodwa seliphumile ilanga, zahamuka; na kwafika. . . nangokuba zingenampande, zabuna.

. . . ezinye zawela emeveni; ameva akhula, aziminyanisa zaphuma:

...ezinye yawela emhlabathini omuhle, yathela enye, yathela isithelo, enye ngekhulu, ... amashumi ayisithupha-... na ngamashumi amathathu.

Onezindlebe zokuzwa, makezwe.

308 Hhayi ukuhlakanipha. “Izindlebe,” niyabo, kulungile, “ukuzwa.” Kulungile.

309 Qaphelani. Wathi enye yaphuma, ngenkathi iMbewu iphuma, kushunyayelwa iZwi.

310 Enye yawela ngasendleleni; njengamanzi nje emhlane wedada, avele esuleke.

311 Enye yawela phezu komhlabathi onamadwala, onamatshe, wawunothuli oluncane nje olwaluphephuka lapho. Yamila masinyane, kodwa yayingenampande, ingenandawo yokufaka izimpande zayo. Manje ngizokwenza izifanekiso lapha, futhi ngithemba ukuthi angilimazi-mizwa. Niyabo?

312 Lelo kwakuyibandla eliKatolika. Athi akhelwa phezu kwedwala. Ngizovumelana nawo. Impela ngizovumelana nawo. Kunjalo. Kunjalo. Akukho-mhlaba phansi kwalo, nhlobo, akukho-mhlaba phezu kwalo ukumila kuwo. Ngani na? Lalingeke liveze i... Ayengeke aveze ivitami leBhayibheli, ngoba awakholelwa ngisho nakuLo. Imfundiso yawo yizimfundiso ezingaphikiswa, kunjalo, imfundiso engaphikiswa yamaRoma, akukho-Zwi kuyo, nhlobo. Niyabo? Yawela phezu kwamadwala; lokho kwakungukuhlakanipha okukhulu. O, mfowethu, ngiyakutshela, ayenakho ngendlela enkulu. Ayethula ngendlela yesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, nezakhiwo ezinkulukazi, nengubo enhle, abukeka njengonkulunkulu abangcwele, babapristi nayo yonke enye into.

313 Bangaki abezwa lobo bufakazi baleyondela encane eyaphuma nje na? Ninabo lapha na? Ngifuna lobo budlalwe ngobunye ubusuku bangoLwesithathu lapha ebandleni, futhi wonke umuntu lapha ufanele abe nobufakazi. Abanye babo bangilandela isikhathi eside. Ukuthi bakanjani. . .

314 Ngehlela lapho eMexico, qobo lwami, futhi ngayibona lowomgodi womcako, imigodi lapho lezozingane zezindela; ngenkathi abapristi babebanazo ngazo, izingane; lapho ezazishiselwa khona emigodini yomcako, nezinto ezinjalo. Yilokho okwenza ubukhomanisi buqubuke eMexico. Awuhlakaza lowombhedo. Yilokho okwenza ubukhomanisi buqubuke ngaleya.

315 Ningabesabi neze ubukhomanisi. UNkulunkulu usebenzisa ubukhomanisi. Angikholelwa kubo. Bungobukadeveli. Kodwa uNkulunkulu uthatha udeveli bese ejika ebuya ngqo, njengoba Enza iNkosi uNebukadinezari, futhi uza ngapha wayesethola uIsrayeli. Niyabo? Ya. Bhekisani futhi nibone uma iBhayibheli lingakufakazisi. Ngolunye lwalezizinsuku sizongena

kukho. UNkulunkulu wabuvusa bama mpo, ukuphindiselela abantwana bakaNkulunkulu, kulesosifebekazi esidala. Yilokho impela iBhayibheli elakusho. Ya. Lathi, “Bayosishisa ngomlilo, futhi siyofika ekupheleni kokulahlwa kwaso.” Yilokho impela okuzokwenzeka kuso, futhi. Naso.

³¹⁶ Yileyo eyawela phezu kwamadwala, nje omncane kakhulu womhlabathi into yaze ayangabe isamila. Yafa. Manje-ke, lokho kwakungukuhlakanipha okukhulu.

³¹⁷ Manje-ke enye yawela emhlabathini wamaProtestane, kodwa, emva kwesikhashana, ukuhlakanipha okukhulu kwamahlelo amakhulu kwayiminyanisa yaphuma, kwaminyanisa uMoya waphuma. “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. UDr. uS’bani-bani wathi *ukuthi-no-kuthi*. Niyabo? Ayikho into enjalo.” Nje kuphelele, kwaminyanisa yonke. Kwaminyanisa konke okuyini kwaphuma? Kwaminyanisa kwakhipha uMoya, kwenzelwa ukuhlakanipha. Niyabo?

³¹⁸ UMoya oNgcwele wehla ngezinsuku zikaMartin Luther. UMoya oNgcwele wehla ngezinsuku zikaJohn Wesley. UMoya oNgcwele wehla ngezinsuku zebandla langasekuqaleni lePentecostal. Kodwa enzeni amahlelo na? Ngokuhlakanipha kwawo, aWuminyanise awukhipha. Aminyanise akhiphani na? IMbewu. Yini iMBewu na? IZwi. “Alichazi khona Lokho. Lichaza *lokhu*, lapho.” Niyabo? Bakuthola . . .

³¹⁹ Manje, amadoda amaningi anhliziyo-ziqotho zalabo befundisi, ngihlangane nabo, ngahlala phansi futhi ngakhuluma kubo, ngisho nangendaba yombhaphathizo nezinto eziningi. Ngicele noma yimuphi umuntu ukuba eze, ukuba sikuxoxe. Bathi, “Mfowethu Branham, uma besingenza lokho, ibandla lethu belizosikhiphela ngaphandle.”

³²⁰ Ngathi, “Ubani na? Ubani osemqoka kini, iZwi likaNkulunkulu noma ibandla lenu na?” Anisoze naqhubekela phambili, kulolothuli lwehlelo. Niyabo? Niyabo? Kulungile. Uma liphika iZwi, linephutha. Niyabo? Likhombisa ukuthi lingukuhlakanipha okwenziwe ngumuntu.

³²¹ Manje, amaProtestane aminyaniseka aphuma. Laminyanisa uMoya waphuma ngqo kuwo, ngenkathi eqala ukuthatha ukuhlakanipha esikhundleni sokukholwa eZwini; ukuhlakanipha enhlanganweni, ukuhlakanipha kwenhlangano esikhundleni sokukholwa eZwini. Wonke lowo okuqondayo lokho, akathi, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—umhl.] Niyabo? Ukukholwa kulokho i—kulokho iqembu lamadoda, leMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, amaEvangelical, nawo onke ahlangu ndawonye. Futhi athi nje esezobumba umfelandawonye webandla, okuyoba “ngumfanekiso kuso isilo.” Futhi siyoba namandla afanayo kulesisizwe, iZambulo 13:11, ababenawo laphaya; futhi siyobangela ukuhlushwa phezu kwabangcwele, njengoba nje benza ekuqaleni, i—ibandla

lamaRoma. Niyabo? Yilapho eliqonde khona phezulu ngqo manje.

³²² Futhi yingakho iZwi lihlwanyelwa khona manje, ndawo zonke, “Dedani kukho. Phumani kukho.” Niyabo?

³²³ Manje, ukuhlakanipha kwakuminyanisa kwaphuma. Ukuhlakanipha kwabo uqobo kwaklinya uMoya oNgcwele wadeda kubo. Ake ngikufakazise kini, eBhayibhelini, iZambulo, isahluko 3; lapho esisanda kuqeda khona iminyaka yebandla. UJesu wayekade eklinywe eBandleni laKhe, futhi wayengaphandle; ezama ukungqongqotha emnyango, ukuba abuye angene. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti—Umhl.] Ehhe. Yilokho impela eLakushoyo. “Ngimi emnyango futhi ngingqongqotha. Uma umuntu eyokoma, uma nje eyoNgivumela ngingene, Ngiyakuza.” Kodwa akukho muntu owavula umnyango. Niyabo? BaMkhipha. Kwakuyini na? Babene. . . IMbewu yawela kubo. Niyabo? Niyabo?

³²⁴ Kodwa enye yawela esigodini sokuhlushwa. Enye imbewu yawelela esigodini sokuhlushwa. Manje, esigodini yilapho othola khona amanzi, umhlabathi omuhle kunawo wonke. Uma uthatha omunye umuntu okade eshaywe wavithizwa aze abe nayo yonke isayense yezenkolo ishaywe yakhishwa kuye, wahlekwa, kwahlekiswa ngaye, lapho ekade edlule ezigayweni futhi yagaywa yakhishwa yonke kuye, kuze kuthi okusansimbi sekulungele ukuthi kusebenze, uzothola ukuthi kukhona umswakama ngapho. Kunjalo. Esigodini, lowomfo ugebiselwe esigodini, wakhahlelwa wakhishwa ehlanganweni yakhe. U “phansi emgodini wezibi,” bakubiza kanjalo. Niyabo? Hhayi umgodi wezibi, kodwa “isigodi,” siyafundiswa. Phansi esigodini, niyazi, umila lapho-ke uMnduze, nawo, niyazi. Ehhe. Ehhe. Kunjalo, niyabo, “Esigodini.” Kulungile. Enye yawela esigodini sezinhlopheko, ukuvivinywa okunzima. Enye yalezoMbewu yawela phakathi lapho, isigodi sezinhlopheko, izivivinyo ezinzima, ubizwe ngayoyonke into njengoba uMnduze wabizwa ngokuthi, “Belzabule,” kwahlekiswa ngawo.

³²⁵ Kodwa kulesisigodi yimifula yamanzi. AmaHubo 1, athi, “Ubusisiwe umuntu.” Ake ngikufunde nje. Ake ngikhombise ukuthi yini ekulesisigodi. Ini, amaHubo. . . Bengicabanga ukuthi benginegeke ngibe naso isikhathi, kodwa nje sizothatha isikhathi, niyabo, ukuba sifunde lokhu, niyabo, ukuba sibe nalokhu lapha. Sizofunda lokhu futhi sibone ukuthi lomuntu uyini ezansi lapha, yilapho nje atshalwe khona. Uma etshalwe e. . . phezulu edwaleni lasogwadule olunezintuli, lapho okungekho khona mhlabathi nhlobo, noma ngabe utshalwe esigodini na? Kulungile.

*Ubusisiwe umuntu ongahambi ngeziluleko,
ukuhlakanipha. . .*

Amen. Amen. Amen. Amen.

...ongahambi ngeziluleko zababi, ...ngemi endleleni yezoni, ...hlali enkundleni nabaklolodayo.

Kepha okuthokoza kwakhe kusemthethweni weNkosi, iZwi; ozindla ngomthetho, iZwi, imini nobusuku.

Yena woba njengomuthi otshaliwe ngasemifuleni yamanzi, ...

326 “Imifula.” Yini leyo na? Iziphiwo eziyisishiyagalolunye zokomoya. Imifula ya “Manzi,” awodwa, uMoya owodwa. AManzi awodwa, kodwa evela emandleni ahlukene ayisishiyagalolunye, imifula yaManzi. Niyabo?

...mifuleni yamanzi, othela isithelo sawo, isithelo sikaMoya, ngesikhathi sawo; omaqabunga lawo lingabuni; nakho konke akwenzayo, kuyakubanenhlahlala kukho.

327 Niyabo, enye yawela phansi kulesosigodi lapho, lapho lemifula ikhona. Futhi zathela...Niqaphelile yini? Ngifuna ukuthola enye into ethize. Kwenzani na? Yawela phansi, emfuleni...

328 Ayihlelelwanga. Uyakuba njengomuthi o “hlelelwe, waguqelelwa usuka ku *lokhu* uya ku *lokho*”? Wa “tshalwa.” Ini? Wamiselwa ngaphambili. Lowomcabango kaNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wambeka lapho. Niyabo? Akananyatheliswanga, hhayi ngeshansi; kodwa wa “tshalwa,” wamiselwa ngaphambili (ini?) emifuleni yaManzi. O!

329 “Impande yawo ayiyikubuna.” O, haleluya! “Nakuba efa, Ngiyakumvusa ngomuhla wokucina.” Kunjalo.

330 Umiselwe ngaphambili ukuba abe Lapho, hhayi ngeshansi nje. Wamiselwa ngaphambili ukuba abambe leloZwi ngenkathi Lalihlwanyelwa. Kuchaza ukuthi, bayoba khona lapho. Uma kunamathela, ulapho. Utshaliwe, akahlonywanga nje phansi. Utshalwe ngempela. Kunjalo. Okuninginingi ukwehluka: ukuhloma induku emhlabathini, kunokutshala into ethize. Kwehlukile. IMbewu yatshalwa; Yathola imigodi yezimpande zaYo uqobo. Nxa aManzi eqala ukungena futhi aveze ukuPhila kwayo, uMoya, kuqala ukuthi...

Wena uthi, “Kuneziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye.”

Wathi, “Amen.”

“UJesu, nguyena izolo naphakade.”

“Amen.”

“Usaphilisa njengoba nje Wayehlale njalo ekwenza.”

“Amen. Amen. Amen.” Niyabo?

331 Utshalwe ngasemifuleni, imifula ivela macala onke, imifula yaManzi. Akumangalisi angeke abuna. Akumangalisi, utshaliwe. Ezinye zalezombewu zawela laphaya. Angefe. Isemifudlaneni yokuPhila ngqo. Ilokhu iveza. Kunjalo. Idonsa

ukuPhila kwayo kuleyomifula, “imifula,” iTestamente eLisha, iTestamente eLidala. Amen. Iyondliwa nje, kuqhubeke njalo! O, mfowethu!

NizoMthanda na? Amen.
 NizoMdumisa na? Amen.
 NizoMkhonza na? Amen.
 Amen. Amen.

³³² Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. O, ngiyakuthanda lokho! Anikuthandi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yebo.

...uthela esawo, uthela izithelo sawo ngesikhathi sawo;... (Genesisi 1:11)

³³³ “Uthela izithelo zawo.” Zithelo zini na? Izithelo zani na? Izithelo zaKhe. Zithelo zini na? Izithelo zaKhe uQobo. Kuyisithelo sini na? IBhayibheli. Niyabo? Konke okwaLo kulapha. Isithelo, uthando, kulapha eBhayibhelini. Ukujabula, lapha eBhayibhelini. Amandla, uMoya oNgcwele, zonke lezizinto lapha, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, izithembiso zikaNkulunkulu, lokho yizithelo. *Nakhu* lapho Okukhona. Futhi uma etshalwe kuLokhu, lokhu kutshalwe o—ohlobweni olukahle lomhlabathi, ekukholweni. Kwenzani ukukholwa na? Ukukholwa kuqala ukuKumilisa, amen, kuqala ukukhuphula. Niyabo? Yilokho-ke; kuyakukhuphula. Impela. “Woba njengomuthi otshaliwe ngasemanzini; uthela isithelo sawo ngesikhathi.”

³³⁴ Manje, hlobo luni lwesithelo oyoluthela na? UJohane 14:11, uJohane 14:11, Wathi, uJesu wathi, “O...” Ngikholwa ukuthi ngu 14:12. NoJesu wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza.” Ngani na? IZwi elifanayo likuye. WayeyiZwi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Futhi uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, celani enikuthandayo.”

³³⁵ Ngangikhuluma kuMfowethu Evans emuva lapho, kungekudala. Wenyukela lapha. Ushayela ibanga elide kangako! Walahlekelwa yimoto yakhe. Wahlala laphaya kwaMiller, washiya ukhiye kuyo, kufika omunye wayeseyeba. Wayenayo yonke into ayenayo, kuyo. Uyenyuka. Yena, yena noMfowethu Fred, noMfowethu Tom, abanye babo, benyukela endlini. Base bethi... Awu, wayebukeka njengenganyana ethathelwe uswidi wayo kuyo; yena, nje ebhaxabulwe konke, niyazi. Wathi, “Angazi nje ukuthi ngizokwenzenjani.” Ngathi, “Awu...”

³³⁶ Manje kuyini na? Manje, bayeza, yini into yokuqala na? Ukuya eZwini; sicele uBaba. “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo.” Ini? Hlalani neZwi, hlalani nje ngqo neZwi.

³³⁷ Ngathi, “Asikhuleke.” Saguqa phansi kwiphansi lendlu, sase siqala, sikhuleka.

³³⁸ Futhi siselapho, sasikhuleka, ngathi, “Baba, ngiza kuWe, ngeGama leNkosi uJesu. Nangu umfowethu ochitha, osebenza izinsuku ezimbalwa nje ngeviki. Izandla zakhe, zonke zishayekile, ngokulungisa izimoto ezindala ezivithikile nezinto ezinjengalokho, ukuba athole imali eyanele ukuba ashayele amamayela angamakhulu ayishumi nane kuya kwayishumi nanhlanu njalo ngeSonto, ukuba eze angene emihlanganweni. Unesigejane sabantwana ukuba abondle. Kumbiza cishe, lapha emadoleni angamashumi amane noma angamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ngeviki, ukwenza lolohambo, ukuza ebandleni nje. Niyabo? Kunjalo. Wenyukela lapha, ezama ukuzwa iZwi, njengoba sizama ukulinga ukuLilwela.” Ngase ngithi, “Manje, omunye umuntu omubi webe imoto yakhe.” KwakuYini na? Ngathi, “Manje, Nkosi, ngikhuleka kuWe, mbuyisele imoto yakhe, ngeGama likaJesu Kristu.”

³³⁹ Ngenzani na? Ngabeka leloZwi, lesosithembiso, phambi kukaNkulunkulu, ngaLinamathisela ngophawu ngeGama likaJesu, ngase ngithumela iZwi. Lasuka Laqonda ngqo ezansi nomgwaqo, laphumela le, layithola indawo lapho kuqale khona; njengenja yokuzingela emkhondweni kanogwaja. Niyabo? Nangu Efika, ezansi ngqo nomgwaqo, ekhala njalo. Wehlela lapho, cishe nje ibanga elinguhhafu ukuya eBowling Green, eKentucky. Yini eyabhobokayo na? IZwi lamthola.

³⁴⁰ Ngaleyonkathi nje umbono washwibeka wabuya. Ngayibona indoda, ifake iyembe elibukeka limpofu, ishayela, umfo osemncane, owake waba ngumKristu. IZwi lamshaya. “Wenza okungalungile.” IZwi lambamba. Wathumela iZwi laKhe, niyabo, niyabo, lase limbamba. “Uzobanjwa kulokhu, ngoluny’usuku, nomthetho uzokuthola ngokwende lokhu. Jika uyibuyisele emuva.” IZwi lamthola. Wayekade eke waba ngumKristu. Ngambona eyenyusela lapha, wayibeka eceleni kwesitaladi.

³⁴¹ Ngathi, “Manje, bazalwane, phumani nje ngqo, indlela ethize *lapha*, uzoyithola imoto yakho. Linda lapha isikhashana, nokho, aze ayibuyise. Manje, ubunethangwe eligcwele likaphetroli na?”

“Yebo,” washo.

³⁴² Ngathi, “Akuzukubakho noma yini ekhathazayo. Kodwa kuzobakhona uhhafu walowophetroli, ngoba ithatha uhhafu wawo, ukuhamba. Wayesenebanga elinguhhafu ukuya eBowling Green, cishe—cishe amamayela ayikhulu awo asebenzile.”

³⁴³ Ngenkathi eyithola, yileyondlela eyayihleli ngayo, ngokuyikho ngqo yona. Kwakuyini na? IZwi lahamba lamthola.

³⁴⁴ Uyabuya wayesethi, kungekudala emva kwalokho, enye indoda yathenga imoto kuye. Yanyamalala futhi ayangayikhokhela. Niyabo? Wathi, “Mfowethu Branham . . .”

³⁴⁵ Ngacabanga, “Indoda ezihluphekelayo!” Yayimkweleta amadola angamakhulu amane. Ngathi, “Ngiyakhuleka.” Ngathumela iZwi. IZwi lahamba, laba semkhondweni wayo, layithola.

³⁴⁶ Ngenkathi, sehla ukuba siyithole indoda. Yona, ingesuye neze umKristu, niyabo, yenza—yenza...Yahleka. Bayicela, ukuba iye ebandleni, ngesinye isikhathi. Yathi, “Awu, umshumayeli esashumayela, ngizocinga abesifazane abanwele zimhloshana ababukekayo.” Ngakho, niyabo, ungeke uthole... Ya. Lowo ngu—lowo ngu—lowo ngudeveli, lowo nguye, niyabo. Ngakho iZwi alikwazanga ukubamba kuyo.

³⁴⁷ Kodwa lenzani iZwi na? Lalilokhu liyibhekile. Niyabo? Nje unga...UMfowethu Welch wayelokhu ebambebelele nje, wathi, “Kuzolunga. Kuzolunga.” IZwi layilandela. Niyabo? “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo.” Niyabo? IZwi lafika emva kwayo.

³⁴⁸ Into yokuqala niyazi, oyedwa wabafana bakhe wayehamba eshayela, ezansi lapha emgwaqeni, futhi kwaba lapho-ke. Wayibona indoda emotweni, wathatha inombolo yayo, wajika, wajika wangena, kuMfowethu Woods. Bayishayela, bathola ukuthi kwakukuphi. YayiseBowling Green.

³⁴⁹ UNkulunkulu eZulwini uyazi, angizange ngizwe nelilodwa izwi ngakho, ngingazi lutho ngakho.

³⁵⁰ NgeSonto eledlule, kwase kwedlule iviki, ntambama, ngenkathi sesiqedile ukushumayela lapha, ngenyukela lapho ngase ngishintsha izingubo zami, ngase ngilungela ukuya eFlorida, ngenzela u...noma ezansi...UMfowethu Welch, ukwenzela umhlangano ngalobobusuku obulandelayo. Sengingena emotweni, ngayibona leyondoda. Ngathi, “Mfowethu Welch...” Angimtshelelanga, manje. Uyena ozokwenza umnyakazo, qobo lwakhe, niyabo, njengoMeda nje wayefanele enze isinqumo sakhe lapho. Niyabo? Ngathi, “Sizokwedlula eBowling Green.”

Wathi, “Lokho kuthi akube amamayela angamashumi amathathu ukuphuma endleleni.”

³⁵¹ Saqhubeka sehla ngomgwaqo. Ngacabanga, “O, yena—yena, uzo—uzoyithola. Niyabo? Uzoyithola. Niyabo? Uzofanele ayithole nje.”

³⁵² Saqhubeka sehla. UDadewethu Evans nami...Futhi emva kwesikhashana, wathi, “Uyazi, Mfowethu Branham,” wathi, “kade nginekhanda eliwugqinsi yini?” Wathi, “Uthe iBowling Green, esikhashaneni esedlule.”

“Ya.”

³⁵³ Wathi, “Uyayazi leyondoda enemali yami, yabaleka nayo na?”

“Yebo.”

354 Wathi, “IseBowling Green. Bengicabanga ngakho. Nje... Nginento lapha. Ngizokuphendula, ngithole ukuthi ikuphi. Ngizobe-ke sengijika...” Ngathi...

355 Ngathi, “Ungenzenjani na? Ungaqhubeka wehlele lapho, uthole imali yakho na?”

356 Manje, niyabo, uma ngimtshela, khona-ke... Niyabo, unento ethize afanele ayenze, qobo lwakhe. Niyabo? Unento ethize afanele ayenze. Angikwazanga ukumtshela. Uma ngakwenza, kwakuzobhidliza umbono khona lapho. Niyabo? Ngakho ngadingeka ngidedele... Niyabo? Kufana nje ne...

357 Wamelani uJesu lapho, athi kuMariya noMarta, “Susani itshe”? Ngani, WayenguNkulunkulu. Wayengathi, “Litshe, ungabe usababikho,” futhi lalingeke libe lapho. Kodwa wayenento ethize ayefanele ayenze.

358 Wamelani lapho, abuke phezu kokuvuna na? Niyakholwa ukuthi WayeyiNkosi yokuvuna na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wathi kubafundi baKhe, “Nxusani iNkosi yokuvuna, ukuthi Izothumela izisebenzi ekuvuneni kwaYo.” Ngamany’amazwi, “Celani Mina ukuba ngenze eNgizokwenza.” Niyabo?

359 Singoshomi. Si—si... YiBandla. Sinento ethize esimele siyenze, qobo lwethu. Ninento ethize enifanele niyenze. Nanti iVangeli, ngiyaLazi, kodwa nje uma nihlala lapha futhi ningaLishumayeli, yini enhle eLizoyenza na? Niyabo? Ninento ethize enifanele niyenze. Nifanele nenze umzamo. Nifanele... Wena uthi, “Awu, ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaphilisa, kodwa nje angazi.” Sukuma futhi udedele leloZwi libe yizwi lakho. Likhohle. UngaLizindli; Likhohle nje.

360 Ngathi, “Awu...” Ngangazi, uma wayengahambanga, wayezolahlekelwa yiyo. Ngathi, “Uma bekuyimi, uma bekuyimi, bengiyohamba ngiyilande imali yami khona manje.” Futhi wakwenza. Ngenkathi evusa indoda embhedeni, yayinemali ethize. Yavele nje yabizela neno umakhelwane, yathola yonke eyayo esele, yayikhokha yonke.

361 Kuyini na? YiZwi. Niyabo, uma Lingathola indawo, Lingajika. Manje, into efanayo ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu.

362 Manje, uma-ke uMfowethu Welch wayethe, “Awu, angicabangi ukuthi ngizokwehla; ngicabanga ukuthi nje ngizohamba ngenye indlela.” Uma-ke lowomfo ethi, “Awu, angiyi phandle lapho lapho leyomoto ingekho”? Niyabo? Ngeke kwenzeke.

363 Kodwa ufanele ukholwe. Ufanele ukukholwe. Futhi lokho yi... Khona-ke lokho kuwela esimweni sendawo yokukholwa, futhi kufanele kukuveze. Kufanele nje kube njalo. O, lokho yi...

³⁶⁴ Senake nacabanga ngokuthi, ngenkathi othize evuswa kwabafileyo, kwenzekani na? Senake nacabanga, eFinland lapho, lesosikhathi lowomfana omncane evuswa kwabafileyo na? Umoya wakhe wawungasekho kuye. Manje, iZwi lifanele liphume, lidabule emkhathini ongenakuphela ngaleya, lase licosha lowomphefumulo omncane lase liwubuyisa ngqo. Lingakwenza kanjani na? YiZwi, “Uphilise abagulayo. Uvuse abafileyo.” Niyabo? Uzokwenza kanjani na? Kuzofanele kufike ngeZwi eliniselweyo. Wayekhombise umbono, futhi kuzofanele kwenzeke. Nakho kwakulele umfana. Nanso yonke into ilele lapho ngendlela nje Ayisho ngayo, iminyaka emibili ngaphambili. Futhi nakho kwakulele. Yingalesosizathu ngisho ngebhere lehla egqumeni, noma ngabe kwakuyini: kuzofanele kwenzeke, kuzofanele kube njalo nje. Niyabo? Lenzani na? IZwi!

³⁶⁵ Ngathi, “Baba waseZulwini, emazweni endabuko, Washo kimi, cishe eminyakeni emibili eyadlula, ukuthi lomfana omncane uyovuka kwabafileyo. Ngakho-ke, phezu kwezisekelo zeZwi laKho, isithembiso saKho. Okokuqala, iZwi lathi, ‘Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.’ Wathumela abafundi baKho phambili, Wena, wase ubatshela ukuba ba ‘philise abagulayo, bavuse abafileyo, bakhipe amademoni.’ Manje-ke, ngombono, Wangikhombisa ezweni lendabuko ukuthi owalomfana omncane. . . wayezobuye aphile futhi.”

³⁶⁶ “Ngakho-ke, kufa, ungeke usambamba isikhathi eside. NgineZwi leNkosi.”

³⁶⁷ Hhayi mina; angisilo iZwi. UyiZwi. Niyabo? Uma ngangiyiZwi. . . Munye kuphela uMuntu owayengaba yiZwi, lowo kwakunguJesu. WayeyiZwi likaNkulunkulu elikhulunyiwe, ngokuzala kwentombi. Mina ngiyimpendukezelo, niyabo, ngi—ngiyimiphumela yokuhlanganiswa phakathi kukababa wami nomama. *Lokhu* kuzofa; *lowo* yimi, niyabo, umzimba ozoza.

³⁶⁸ Kwakungenjalo, ngoJesu. WayeyiZwi. Wazalwa, intombi. Mfowethu, akekho owesifazane, owesilisa, noma lutho olunye, lwalungezihlanganise ngalutho naYe. Owesifazane wayengumshini wokuchamusela, kunjalo, futhi Wancela ibele lakhe, nokunye nokunye. Lokho kungahle ukuba kwakuyiqiniso ngalokho. Kodwa, ake nginitshele, WayenguNkulunkulu. Yilokho AyeYikho. Kwakungekho-cansi ngakho, nhlobo. Wadingeka abe ngokhululekileyo ocansini, ukuze aveze ukuPhila ngaleloGazi; njengoba sizofinyelela kukho, emizuzwini embalwa. Bese kuthi-ke, bukani, WayeyiZwi.

³⁶⁹ “Kodwa iZwi leNkosi. . .” Abaprofethi wayengesilo iZwi. “Kodwa iZwi leNkosi leza *kubaprofethi*.” Hhayi. . . Babengesilo iZwi. IZwi leza *kubo*.

³⁷⁰ Yileyondelela eLisenza ngayo thina namhlanje. Ngenkathi iZwi lifika ngalowomfana omncane, kwakuyini na? Umbono.

Kwakuyini ngebhere na? Kwakuyini ngalezi ezinye izinto na? Konke, umbono. YiZwi leNkosi, leza kukho. Manje-ke kwenzani na? Kubambelela lapho.

³⁷¹ Manje, kufanele kukhulunywe, kuqala. “Kufa, mbuyise. NgeGama likaJesu Kristu, ngithumela leloZwi.” Liyabamba, njengoba nje Labamba lowomfana ehlela lapha eBowling Green, naleyomoto eyebiwe. Nanti Liwelela *lapha* futhi libamba futhi. Lenzani na? Libamba lowo—lowomoya omncane, liwubuyisela ngqo lapha, futhi liwethula emzimbeni, njengoba nje iZwi lathi Laliyokwenza. Nakho. Kwenziwa yini na? Ukukholwa, hhayi ukwazi.

³⁷² Wena uthi, “Manje ake sibone. Umoya wenziwe ngokuthi-*no-kuthi*. Kune esidi engaka. Kunegesi engaka. Kunokukhanya kwezulu nomhlaba okungaka. Ngingakufanisa lokho. Futhi mhlawumbe uma ngi . . .” O, u—u . . . Udlala ngesikhathi.

³⁷³ Hhayi ukuhlakanipha; ukukholwa! Hhayi ukuhlakanipha; kuzokutshela ukuthi kungeke kwenziwa. Ukukholwa kuyafakazisa ukuthi kuyenziwa, niyabo, kunjalo, kukhombisa ukuthi Nguye izolo, namuhla, naphakade. Kulungile.

Asisheshe manje. Sifanele sisheshe.

³⁷⁴ “Uthela izithelo zohlobo lwaKhe.” UJohane 14 uyasho, ukuthi, “Owenza eyaMi . . . Okholwa yiMi, imisebenzi, izibonakaliso eNgizenzayo . . .”

Manje, wena uthi, “Ngabe lokho yizibonakaliso Azenzayo na?”

³⁷⁵ Waya endlini lapho intombazane encane, kuyiyona kuphela indodakazi yomfundisi, yayilele; ifile, ibanda, iphaphathekile, ilaliswe phandle. Mhlawumbe kwakukade sekube ngamahora athi awabe mabili ifile ngaphambi kokuba Afike lapho. Babeyilalise embhedeni omncane, belungiselela ukuyithatha, bagqumise isidumbu sayo ngemithi. UJesu wahamba wangena ngqo ekamelweni lapho eyayikhona, kunjalo. Babelila futhi bekhala kunjalo. Wabakhipha bonke, wathi, “Phumani lapha. Phumani.” Wathi, “Woza lapha, Petru, James, noJohane. Ngiyazi niyakholwa.” Wathi kubaba, “Ukholiwe, kungenjalo ubungeke uze emva kwaMi.”

Nomama wathi, “Nkosi, ngiyakholwa.” Niyabo?

Wathi, “Yimani lapha.”

³⁷⁶ Wabuka. Phandle lapho kwakumi intombazane encane—encane. Wathi, “Thabitha,” okungukuthi, “ntombazane.” Haleluya! Akadingekanga ukuba akhuleke. WayeyiZwi. Ehhe.

³⁷⁷ Angidingi ukuba ngikhuleke, uma ngingabona umbono, ngoba iZwi selivele lilungiselele. Ngidingeka ukuba ngikhuleke, ukuba ngithole iZwi, ngithole okushiwo nguNkulunkulu. Khona-ke sengingalikhuluma, emva kokuba sengithola ukuthi Utheni.

378 Kodwa WayeyiZwi. Amen. “Ntombazane, Ngithi kuwe, vuka.” Wayisukumisa, ngesandla. Yilokho-ke. Niyabo? O, he!

379 Lokho ngukubonakaliswa. “Iveze inhlobo yayo.” UJesu wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza.”

380 Ngakho, lezi, niyabo, zonke lezizinto zalamahlelo nezinto, zinezinto ezinjalo ezisesibumbatheni esinjalo senkucunkucu nesono, njengesizalo somhlaba nje sinokudaliweyo. Kunjalo. O, he! Kungenzeka kanjani na? Lingamila kanjani iZwi likaNkulunkulu leqiniso kulaba abaphungule izinwele, abagqoka izikhindi, ababhema usikilidi, abaphanyeki bomdlalo wasenkundleni evalekile webhola ibhawuli, abajoyini bamabandla na? Lingakwenza kanjani, nxa abathanda injabulo abanjalo,-abafuna izixuku ezinjalo, baveze obala futhi bathande izinto ezinjengalokho, nokuthandwa kwezwe na? Lungangena kanjani uthando lukaNkulunkulu na? Ingamila kanjani iMbewu kaNkulunkulu emhlabathini onjengalowo na? Ayisoze yathatha-mpande. Ayisoze yalettha noma yikuphi ukuPhila kuyo. Iyolala lapho kulawomadwala amadala ehlelo anezintuli futhi ibole, kodwa ayisoze yalettha ukuPhila. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane.

381 Abafuni benjabulo, “Abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu.” Kuyesabeka! Nokho, bakhaliphile. Bakhaliphe ngokuphindwe kabili njenge—njengelinye izinga. Impela. Bakhaliphile, bafundile, abafuni-bokuhlakanipha, njengoba wayenjalo nje uEva, futhi banethamo lomuthi ofanayo ayenawo, impela nje. YiQiniso.

382 Ubungaphila kanjani umnduze, iMbewu yomnduze iphile futhi imile, lapho izabalaza emanzini amaningi, imile kwelinye lalawomahlelo anezintuli na? Ubungakwenza kanjani, lapho uzabalaza eManzini. AManzi nguMoya. “Banesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha baphika amandla kaMoya.” Niyabo? Nakuba iZwi liwela kubo, Lingeke lamila. Lingeke lamila. Njengoba nje iZwi lalikuEva, kodwa aLikwazanga ukumila. Ngani na? Wemukela ukuhlakanipha, ukuhlakanipha kukaSathane. IZwi liza kubo. IZwi liwela phezu kwabo. Impela, Liyakwenza. Yebo, mnumzane. Limila...Lona, Liwela kubo. Bangalizwa iZwi lishunyayelwa.

383 Senake nababona abantu behlezi ebandleni, abasoze benze umnyakazo na? Ushumayeke kwabesifazane ngezinwele eziphunguliwe; unyaka nonyaka, wedlule, basalokhu benezinwele eziphunguliwe. Ukhulume kwabeselisa ngokubhema, abesifazane ngokuphuza; baphuza baqhubeke ngqo, ngokufanayo nje. Njengokuthela amanzi emhlane wedada. Alinandawo yokumila. Niyabo? Kuyilokho-kufuna injabulo okudala, ukuthandwa ngabantu, “Awu, bonke abanye besifazane mabakwenze kuqala, ngizobe sengikwenza-ke.”

Angikhathali ukuthi benzani. Ngumsebenzi omiselwe wena ukulandela iZwi likaNkulunkulu. Kunjalo. Niyabo?

³⁸⁴ Nakuba iZwi liwela kubo, Lingeke lamila. Ukuhlakanipha kukaSathane, niyabo, ngakho kuba wuthuli lwehlelo nje. Bangeke bakholelwa kumaHeberu 13:8, bonke bakhukhumaliswe ukuhlakanipha, akukho lutho kwaLo ukuba limile kukho. Niyabo? Bangawakholwa kanjani amaHeberu 13:8, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade”? Bebengeke bakwenze. Niyabo?

³⁸⁵ O, bathi bayaLikhola. O, ubatshela Lelo, bathi, “Impela, siyaLikhola.” Manje-ke ngikhombise izithelo zakho. Angikubone. Angikubone kwenziwa. Angibone ibandla oshumayela kulo, lenza lokho abakwenza eBandleni lokuqala lobaphostoli ngaleyonkathi, abalikhola iZwi.

³⁸⁶ Nisonta imibhaphathizo yenu. Nisonta ubufakazi benu obuningi obubonakalayo. Nibenza bufanelane nolunye uhlobo lwesivumokholo; esikhundleni sokuthatha iZwi, iZwi malithele isithelo saLo uqobo. Nenze olunye uhlobo lwento enifanele niyenze, ukunilethela ubufakazi obubonakalayo baLo. NoSathane angahumusha bonke ubufakazi obubonakalayo ofuna ukubuveza. Impela, angakwenza, angakwenza ngempela. Kodwa angeke aliveza iZwi. Yileyo nto eyodwa emshisa imqede. Angeke nje akwenza lokho. Yebo, mnumzane. O, ya.

³⁸⁷ Manje bukani uKayini noAbela. Bobabili wayeqotho. UKayini wathatha, ngokuhlakanipha kwakhe, emva kwebandla elingunina, uEva. Lowo kwakungunina. Bangaki owaziyo ukuthi uEva wayengunina kaKayini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Kulungile. Njengonina, wathatha umzindlo, niyabo, ukuhlakanipha, ukuhlakanipha kwakhe uqobo. Umhlathshelo omuhle; wayenezimbali. Wayenesithelo sensimu. Wathi, “Awu, manje, ngempela, niyabo,” wathi, “UNkulunkulu. . .” Kwakunjengoba nje uSathane wathi ku—kuEva, “Ngempela, ngempela. . .” “Ngempela uNkulunkulu uzowemukela umhlathshelo wami. Ngakhe ialtare elithandekayo. Nginalo elibukeke kakhulu. Lihlotshiswe kakhulu.”

³⁸⁸ Njengoba nje leliPhasika lizoba njalo, bazochitha izigidi zamadola, esizweni sonke, ukuba babeke izimbali zePhasika phezu kwamanye ama altare. Ialtare alenzelwanga izimbali; lingelomhlathshelo. Niyabo? Kukhombisa nje lowomoya omdala ofanayo kaKayini, niyabo, omdala ofanayo—omdala uDeveli kusukela eEdene. Niyabo?

³⁸⁹ Kwe—kwenzekani na? UKayini wacabanga, “Ngempela. . .” Niyazi indoda yayiqotho, ngoba kwakusho ukuPhila noma ukufa, kuyo.

³⁹⁰ Futhi, labobantu, angicabangi ukuthi bangabazenzisi. Baqotho. Wena uthi, “Manje-ke, babengaba qotho futhi babenephutha na?” Impela. Indoda ibingaphuza umuthi

ongubuthi, ngobuqotho icabanga ukuthi iphuza ukhasta oyela noma into ethize, enye into ethize. Niyabo? Ukuba qotho; lokho akukwenzi. YiQiniso, hhayi ubuqotho. IQiniso!

³⁹¹ Labo besifazane laphaya eAfrika, banikela ngezingane zabo ezincane konkulunkulu, izingwenya ama aligetha. Niqotho kangako na? Qhabo. Bangaki ababo abamayo, amaShayina, ephula amathambo awo, konkulunkulu basekhishini! Futhi kanjani ngabakaModamede naphezulu phakathi lapho, nabahamba emlilweni na? Futhi babeke izinto, o, ahhuke inyama, emiloniyeni yabo, bese bethunga umlomo wabo ngci.

³⁹² Nabanye babo babeka induku... Nginesimiso phezulu lapho, isithombe esincane, indlela anikela ngayo kunkulunkulu wakhe, ukucabanga ukuthi uyoya eZulwini. Umpristi ufaka induku emloniyeni wakhe, ayizongolozele ekhanda lakhe, ngeketango; ehle, abeke izandla zakhe emva kwakhe, abophe ngeketango izinyawo zakhe. Akakwazi ukuphuza, akhulume, adle, nanoma lutho olunye, aze afe.

³⁹³ Niyawabona noma yimaphi amaKristu enza umhlatshelelonjengalowo na? Ungeke ulikholwe ngisho neQiniso, iZwi. Niyabo?

³⁹⁴ Manje, “Ubuhle,” wathi, “ngempela uNkulunkulu uzomukela. Buka ukuthi ialtare lami libukeka kanjani.”

³⁹⁵ Niyawubona lowomoya ofanayo namhlanje, wokuhlakanipha na? “Awu, uma sakha lelihlelo elikhulu, ngempela uNkulunkulu uzosemukela.” Akayikwemukela lutho kodwa iZwi laKhe. Qhabo. Niyabo?

³⁹⁶ “Awu,” bathi, “manje, buka, Mfowethu Branham, uma si—uma sikhapha abashumayeli abaningi kangaka unyaka ngamunye. Uhlelo lwethu lwezithunywa zenkolo, ngonyaka odlule, lugijime lwedlula amadola ayizinkulungwane eziyikhulu.” Lokho kungahle kubekuhle kakhulu nanini, mfowethu, kodwa ufile uze uvume leloZwi futhi uze kuLo. Kunjalo impela.

³⁹⁷ “Ngani, Mfowethu Branham, ibandla lethu! Ucabanga ukuthi uyini wena, ingqondo encane nje engangeyekinati ezansi lapho na?”

³⁹⁸ Lelo yiqiniso. Manje, lokho kunjalo impela. Lelo yiqiniso. Kodwa, noma ngabe ngiyini, angihlale naleloZwi. Liyomila libe yinto ethize, ngoluny’usuku. Niyabo? Hlala naleloZwi nje, akunandaba ukuthi kuyini. Asinalutho kodwa lelitabernakele elincane lapha. Lelo likhulu nje njengoba sidinga, ngaso lesisikhathi samanje, indawo nje yokuhlala, ngoba sibheke uJesu ukuba afike.

³⁹⁹ Asifuni-hlelo elikhulukazi ukuba sichithe izigidi minyaka yonke, ezakhiweni nezinto ezinjalo; nabantu bezama ukushumayela iZwi, behlupheka phandle lapho, bengenalutho

abangaludla, nezinto ezinjalo. Yini indaba ngabantu na? Aku . . . O, kubukeka sengathi abantu bebengaphaphama.

⁴⁰⁰ Kodwa, noma yimuphi umuntu obengemukela ubuKatolika, ubengaba yimpumpithe ngokwenele ukwemukela noma yini. Ngizonitshela iQiniso. Noma yimuphi umuntu oyodedela lokho kwehle ngentamo yabo, bekunga—bekunga . . . “Izihlakaniphi,” akumangalisi, iBhayibheli lathi, “ngisho namakhosi omhlaba aplingile naso.” Nezihlakaniphi, ukwazi, niyabo, futhi ziyakwenza, labobapristi, amadoda akhaliphile. O, ndoda, ukhuluma ngabafundile na? Mfana, bafanele babe neminyaka, ngeminyaka, ngeminyaka.

⁴⁰¹ Bathi abahlali nalezozindela. Manje-ke ngifuna ukunibuza into ethize. Abazitheni ngani pho? Ehhe. Ehhe. Ehhe. “BanguMlobokazi, lokho lapho. Izindela zinguMlobokazi. Nalowo nguMyeni, kusobala, niyabo.” Kunjalo. UMphathi wesiGodlo uzibulala ngokuzincish’umoya lezozingane bese ezifaka emgodini womcako. Anikukholwa na? Lalelani kweyangempela, eke yaba phakathi lapho, ifakaza ngakho. Uthi, “Manje unephutha, umthetho awungibophe.”

⁴⁰² Futhi bathi, “Sizokwenza into efanayo abayenza eRashiya, into efanayo yenziwe eMexico. Sizoyiqhumisa leyonto ivuleke nge, uma sekufika kuhulumeni.”

⁴⁰³ Kodwa nizokwenza kanjani manje sibe sinenhloko yakho khona lapho kwahulumeni na? Niyabo? Niyabo? Lokho ngukuthi leloZwi lizofanele ligcwaliseke, “Bahlela umfanekiso ngapha, kulesosilo esasihlezi lapho. Futhi bobabili baxoxisana ndawonye bese benikeza amandla kulesisilo, ukuba sikhulume.” O, mfowethu, leloZwi lizoma khona lapho. Akusibo ubukhomanisi obuzokwengamela, kodwa ubuRoma buzokwengamela. Ehhe.

⁴⁰⁴ Manje bukani lapha kulokhu. UKayini wathi, “Ngempela Uzowemukela umhlatshelo wami.” Kodwa hlobo luni na? Wathi “Ngenze umhlatshelo.” Kodwa hlobo luni lomhlatshelo olwaluyilo na? Ukuphila kwezithombo: izitshalo, izimbali, imifino. Ukuphila kwezithombo, (ini?) akukho-kuhlupheka kukho, akukho-nhlawulo.

⁴⁰⁵ Abantu abafuni ukuhlupheka. Yileyo indaba namhlanje. Bayeza, beza khona manje bese bekhola leliZwi, uma bebengezukuphuma ebandleni labo, uma bebengezukuphela, kuhlekiswe ngabo. Qhabo. Bafuna ukuphila kwezithombo, olunye uhlobo lokuhlakanipha. “Awu, lokhu ukuphila kuhle nje njengaLokho.” Akunjalo. Ngizonikhombisa lapho lokho kuvela khona, emzuzwini nje, iNkosi ithanda.

Kodwa, “UAbela, ngokukholwa.” Udumo!

⁴⁰⁶ UKayini, ngokuhlakanipha, wathi, “Ngempela uNkulunkulu uzokuvuma lokhu. Nanti ialtare. Nginebandla.” Liyilokho-ke ibandla, ialtare, indawo yokukhonzela. Kulungile.

“Ngine altare. Ngizokhonza ngobuqotho nje njengomfowethu. Futhi nginento ethize enhle lapha yalo. Ngempela uNkulunkulu uzowemukela.” Leyo yinto efanayo uDeveli ayitshela unina; amanga afanayo, ukuhlakanipha.

⁴⁰⁷ Manje, uAbela. AmaHeberu 11 athi:

Ngokukholwa uAbela wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshele omuhle kuna lowo kaKayini, . . . nangakho kusakhuluma, noma efile.

⁴⁰⁸ Niyabo? “UAbela. . .” Ngani na? Ukuhlakanipha na? Ngesayense yezenkolo na? “Ngokukholwa wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshele omuhle.” Ngokukholwa kukuphi na? Ngokukholwa kukuphi na? Ngo. . .Wayenakho kukuphi ukukholwa kwakhe na?

⁴⁰⁹ Lapho, uyise nonina nje, yena nomfowabo ingxenye, kwakungaba kanjani ezweni na? Wayenga—ngakutholaphi na? Wayenokukholwa kukuphi na? Ukukholwa ezithombweni, ukukholwa kulokhu na? Qhabo, mnumzane. Wayenokukholwa eZwini. Imbangela, wayefuna ukwazi ukuthi kungani wayengaphandle kwaleyonsimu. “Sakhishelwani na?”

⁴¹⁰ Umama wayezothi, “Ngoba ngalalela amanga kaDeveli. Ngoba lomfana lapha wazalwa ngendlela *enje-na-kanje*, yingakho uNkulunkulu asikhipha.”

⁴¹¹ “Awu,” wathi, “Ngeke ngisho ngafika ngasesangweni. KuneKherubi lapho, linenkema, lilinde lowoMuthi wokuPhila.” Ngakho, ngokukholwa!

⁴¹² Niyabo, ngokuhlakanipha, uKayini wanikela, niyazi, engalazi iZwi, kodwa nje wacabanga, ngokuhlakanipha. Wenza indawo enhle, futhi wayenza yabukeka futhi yayinhle.

⁴¹³ Kodwa, “UAbela,” akukho-muntu owamtshele, manje, umfana nje, “ngokukholwa wabona ukuthi kwakungesikho ukuphila kwezithombo; kwakuludaba locansi, ngegazi.” Nakho lapho okhona, mfowethu. Gxambuza ngaphezu kwaLokho, kanye.

⁴¹⁴ Ngokukholwa abantwana baKhe usakubona. Akazange akufundise ngokuhlakanipha okuthize manje. Akuveli ngokuhlakanipha. Kuvela ngokukholwa. IBhayibheli lathi, “UAbela, ngokukholwa.”

Wanikela ngani na? Igazi, elivela ekuphileni okuphilayo, ukuphila kwesilwane.

⁴¹⁵ Siyisilwane, uqobo lwethu. Siyisilwane esigazi-lifudumele. Lokho kunjalo impela. Uhlobo oluphakeme kakhulu, isilwane esiphakeme kunazo zonke, kodwa kunomphefumulo phakathi lapho. Kuyilokho-ke ukuphila.

⁴¹⁶ Manje qaphelani. Ngokukholwa uAbela wabona isambulo, umbono, wayeseletha eliphilayo, igazi elihambayo, ngoba ukuphila kwakusegazini.

417 Ukuphila kusesiqwini se—sembali. Futhi ngukuphila kwezithombo, okungenakuzwela. Bengisemathembeni ukuthi lokho bekuzocwila. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

418 “UAbela, ngokukholwa,” ehlala neZwi. Ngokukholwa, hhayi ngokuhlakanipha. “Ngokukholwa wabona ukuthi kwakuwucansi, igazi.” Inggamuzana legazi livela esiliseni. Indoda inengqamuzana legazi esidodeni. Umbala obomvu ezinhlayiyeni zegazi yigazi, liphuma ngesilisa. NoAdamu wazi ukuthi kwakungesiwo ama apula, namapentshisi, namazambane, kumbe noma ngabe kwakuyini, okwabakhapha ensimini yase Edene, okwabangela isono. Kwakuwucansi, igazi, futhi wanikela ngokubuyisa igazi. Ngokukholwa ukwenzile, hhayi ngokuhlakanipha.

419 Izokwenza kanjani indoda, ngokuhlakanipha, ikuqonde, libe iBhayibheli lonke neBandla likaNkulunkulu lonke lakhelwe phezu kwesambulo sobuNkulunkulu, ngokukholwa na? “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi.” Niyabo?

420 Ha! “O,” bathi, “impela, siyalikholwa Lelo.” Pho kuphi ukuPhila kukaKristu kulezizimo na? Kuphi ukuPhila kukaKristu na? Okwesibili... Nifuna ukubhala eminye yalemiBhalo phansi. Niyabo? Kuphi ukuPhila na? Uma... Bathi, “Awu, siyakholwa. Siyakholwa. Siyakholwa.” Uma nikhholwa, pho... .

421 UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyaku,” hhayi ukuthi zingahle, “ziyakubalandela abakholwayo.” UJesu wathi, “Uma umuntu ekholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina, naye uyakuyenza. Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza.”

422 Angeke nje ahambe edlala. Uyokwenza. Kungenzeka kanjani na? Ngoba, nakho khona impela ukuPhila okukuKristu, kukini. Akuyikuveza noma yikuphi ukuhlakanipha; akuyikumila kukho. Kuzofanele kuphike ukuhlakanipha, ukuba kuthathe uku—ukukholwa. Ukukholwa eZwini, hhayi ukuhlakanipha eZwini. Ukukholwa eZwini!

423 USathane unokuhlakanipha okuningi kuleloZwi kunoma yimuphi, bonke abashumayeli bedidiyelwe ndawonye, abapristi nayo yonke into.

424 Unokuningi ukuhlakanipha, kodwa angeke aba nokukholwa. Ukukholwa kuyoLenza liphile. Ukukholwa bekungamenza aphenduke, kuyomenza asuke enhlanganweni yakhe. Mm! Unokuhlakanipha, ngakho uhlala nakho nje. Kulungile.

425 “Kodwa uAbela ngokukholwa wabona ukuthi kwakuyisenzo socansi, wayesenikela ngegazi, ukuphila kwegazi, noNkulunkulu walemukela.”

426 Manje, kuThimothewu wesiBili 2, 3, kwathi i...IZwi liza kubo manje. Liyowela emhlabathini omubi, ledlule. Niyabo? “Banesimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa amandla akho bayawaphika,” amandla kaMoya. UThimothewu wesiBili 3, uma nikubhala phansi. Kulungile. “Banesimo sokumesaba uNkulunkulu.”

427 Izibonakaliso zikaMoya oNgcwele zokuPhila okuPhakade, bayakuphika Lokho. “Abantu abafanele bakhulume ngezilimi. Qhabo. Ayikho into ethiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lezozinto kwakungokwabaphostoli.” Benesimo!

428 UPawulu wathi, ekuprofetha. “Ngezinsuku zokugcina, izikhathi zokugcina, lezizinto ziyokwenzeka.” Hhayi ngezinsuku zabo. “NoMoya usho ngokuchachile: ngezinsuku zokugcina, zinsuku zakamuva, abanye bayodeda ekuKholweni,” nazo zonke lezizinto. Niyabo? Nakho, “Benalesosimo sokumesaba uNkulunkulu.”

429 Manje, zingamila kanjani izibonakaliso zikaMoya oNgcwele zokuPhila okuPhakade kulolothuli lwabefundisi, lapho ongekho khona uMoya wamanzi, nhlobo na? Niyabo? Ngeke lamila emasimini okudlala ehlelo, nokuhlakanipha, nokwesasa. Zingamila kanjani izibonakaliso nezimanga zikaNkulunkulu ophilayo kowe—wesifazane ongenabo ubuqotho ukuba aziphathise okwenenekazi na? Ngifuna ukunibuza lokho. Lingamila kanjani kowesilisa oyoma epulpiti futhi, ngethikithi lokudla elingasizi noma okunye ukuthandeka kwehlelo, edlule iQiniso likaNkulunkulu na? Zingakulandela kanjani lokho izibonakaliso zikamoya na? Ngeke zakwenza.

430 Lingamila kanjani—kanjani kumshumayeli oyothatha ihlelo lakhe alehlise, abahlubule konke, osebeni lapho na? Nalapha ngobunye ubusuku, endaweni ethize ngedlulile nje izolo ebusuku, esifundeni somfundisi esithize, futhi benomkhulu umdanso wokubhiyoza phakathi lapho, beqhubeka, zingamila kanjani izithelo zikaMoya endaweni enjalo njengaleyo na? Kusedwaleni labefundisi, kunjalo, futhi akusikho esigodini sezinhlopho, ukuba bahlekwe futhi kuhlekiswe ngabo.

431 Umnduze ukhandleka kanzima. Niyayikhumbula intshumayelo yami kungekudala, eminyakeni embalwa edlule, ngoMnu. Mnduze. Uyakhandleka. Lapho, uJesu wathi, “Ukuthi ukanjani...khandleka, awuphothi, kepha nokho Ngithi kini: ukuthi uSolomoni, bonke ubukhazikhazi bakhe, wayengembathisile okowodwa.” Ukuthi lowomnduze udonsa kanjani, ukuba uzenze ubukeke, (wenzelani na?) ukuba nje unikele. Odlulayo uhogela amakha. [UMfowethu Branham uhogela ngekhalala lakhe—Umhl.] Inyoni indizela enhliziyweni yawo ngqo bese ithatha lona impela uju ilususe ngqo kuye. Ulunikela ngesihle nje. Uyakhandleka, ukuba akwenze.

⁴³² Haleluya! Leyo yindoda yangempela kaNkulunkulu, uMelusi Mnduze, uMfu. Mnu. Mnduze, yebo, mnumzane, okhandleka eZwini, alale ngobuso bakhe futhi akhale kuNkulunkulu, “Nkulunkulu, angiboni lapho *lokhu* kuzohlangana khona *lapha, lapha*. Kuzofanele kufike ngeZwi.” Uma ukubona, noNkulunkulu akuphe khona, khona-ke hamba ngokukhululeka. Hhayi ukuba nomkhankaso othize omkhulu, “Uma ningiqinisekisa ngamadola ayizinkulungwane eziningi kangaka, ngizoza.” Kodwa, ngesihle, “Uma kuyiTimbuktu kumbe noma ngabe kukuphi, Nkulunkulu, lapho Ofuna khona ngihlwanyele iMbewu, NgizoYinikezela ngesihle.” Haleluya!

⁴³³ UJesu wathi, “USolomoni, ebukhazikhazini bakhe bonke, akambathisile okwawo.” Wathi, “Qaphelani umnduze.”

⁴³⁴ Umfo omncane bandla, ufanele ahlupheke njengayo yonke into, ukuba athole akutholayo, futhi ahlekwe futhi kuhlekiswe ngaye. Nabobonke abakhulu babafundisi bamkhahlela bamkhipha, futhi bambiza ngazo zonke izinhlobo zamagama angcolile. Kodwa uhlala ngqo naleloZwi, ekhandleka, imini nobusuku, alale esigodini. Ngani na? Use—usendaweni lapho angadonsa khona “emifuleni yaManzi.” Ekhandleka, (enzelani na?) ukuba anikezume ngawo. “Niphiwa ngesihle, nikelani ngesihle.” Yebo, mnumzane. O, he!

Ingamila kanjani kuleyonsimu yothuli kulelodwala labefundisi na?

⁴³⁵ Abantwana bakaKayini babengukuhlakanipha, ngokwesayense. Bhekisisani abantwana bakaKayini manje lapho bekhula. Ake sibabhekisise umzuzu. Abantwana bakaKayini, babeyini na? Abakhi, abaqambi, amadoda amakhulu esayense. Babenokuhlakanipha. Niyabo? Ba—ba—bakha ngisho nezakhiwo, benza nensimbi, base beqinisa izinto bezihlanganisa. Babengososayense, bekhaliiphile, befundile, futhi bekholiwe.

⁴³⁶ Kodwa savezani lesosithelo sokuhlakanipha na? Ukufa, esizweni sonke, ngenkathi izahlulelo zikaNkulunkulu zehla. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lenzani i—lenzani iqembu na? Laveza ukufa. Nakuba, kukho konke ukuhlakanipha kwabo nokukhalipha, kwenzekani na? Bafa. Bonke babhubha ekwahluleleni kukaNkulunkulu. Yiqiniso lelo na? [“Amen.”] UNkulunkulu washo njalo. Babekhaliphile, befunde kakhulu, bephucukile, bekholwa, bekahle kakhulu. Bekhaliphile, befundile, bethembele ekuhlakanipheni kwabo, futhi basibulala sonke isizwe sabantu.

⁴³⁷ Into efanayo abayenzayo khona manje, amabhomu abo ama atomu nezinto, ukuthi lo ososayense abakhaliphile nezinto bayo—bayobhubhisa isizwe sonke. Banokuxabana khona manje. I—i... Usha amehlo akho aphume nje, ikunika umdlavuza, yonke into. Ba—badedela okwenele kwayo,

olwandlekazi, abakwazi ngisho nokuphinde bayithole. “Uma idedelwa, iyobhubhisa izwe lonke,” bayasho. “Abantu bayosha bangqongqe, enyameni yabo uqobo.”

438 Akumangalisi, iBhayibheli lathi, “Nezinyoni zezulu ziyodla inyama yezinduna,” nokunye nokunye; zibole, ngokuxabana, yonke enye into.

439 Bayakwenza, qobo lwabo, ukuhlakanipha kwabo okukhaliphile. Yilokho okwabangela ukufa ukuba kufike: ukuhlakanipha okukhaliphile. Yiba lula, kholwa yiZwi likaNkulunkulu, futhi uphile. Thatha ukuhlakanipha kwakho, futhi ufe. Kulungile. Ukuvuna, isikhathi sokuphela, bayabhubha.

440 Awu, abantwana baka Abela babethobile, abalimi, abelusi bezimvu; abelusi, niyazi. Abelusi bezimvu, abalimi, abathobile, babengazisho ukuthi bakhaliphile, kodwa nje bahlala neZwi. Bavezani esikhathini sokuphela na? Umprofethi. Kwenza. Umprofethi, ezokwenzani na? Izibonakaliso zesikhathi sokugcina.

441 Ngenkathi uNowa ema kulowomnyango, akha kulowomkhumbi, wathi, “Iyeza, imvula.” Wayebizwa ngohlanya, kodwa wayengumprofethi. Amen. Wenzani na? Waletha insindiso kubo abakhohlwayo, nalabo ababefunda ukuphunyuka. Yilokho esithobole, isizwe esingafundile esakuzalayo, esasikholelwa ekukholweni. Abanye bakholelwa ekwazini, bazala ukufa, esizweni sonke. Benzani—benzani abathobile ngokukholwa na? Bazala insindiso, umprofethi weNkosi, owabanika isibonakaliso ukuthi isikhathi sokuphela sasesikhona.

442 Nicabanga ukuthi abafundile babeyokukholwa na? Bahhahhamisa ikhala labo futhi basuke bahambe, bathi, “Ivelaphi imvula na? Ngokwesayense ngifakazisele lapho kukhona noma yimaphi amanzi phezulu lapho.” Lowo ososayense, isigejane sabaqaphe ngokukhalipha, bezama, okwesayense kuyafakazisa akukho-Nkulunkulu. Bazame!

443 Ngenkathi *lesosithombe* sithwetshulwa, lokho kwabasusa ngqo esitulweni sabo ababehlezi kuso. Akaqondanga. Wathi, “Kunohlobo oluthize lokuKhanya okwashaya ilenzi ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya.” Nanto ithuluzi labo uqobo lesayense, lathwebula isithombe saKho, ikhamera. NjengoGeorge Lacy wathi, wathi, “Mnumzane,” wathi, “Iekhamera ingeke yayithatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. UkuKhanya kwashaya ilenzi ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya. Kwakulapho.” Wathi, “Ukuthi Kuyini, ngeke ngakutshela, kodwa Kulapho.” Wathi, “Ngizobhala igama lami kuso.” Wakwenza. Futhi unaso, qobo lwakho. Yebo, mnumzane. Leyo kwakukanye neFBI. Niyabo?

444 UNkulunkulu wethu, ngalolusuku lokugcina, akashiyi nelilodwa itshe lingagingqwanga, kodwa Akukhombisa lelizwe ngeke kwama. Ukuhlakanipha nokwazi kuqhubeka kumila, bentweza emoyeni njengezimpukane, ne—nezindiza amajeti, nokulwa phansi kwamanzi. Nazo zonke izinhlobo zenkohlakalo, futhi bephila esonweni, bezama ukwakha into ethize ezobavikela.

445 Kunento eyodwa kuphela: ukulunga kukaNkulunkulu kumi eMnyango woMkhumbi. Ubani uMnyango na? UKristu wathi, “NginguMnyango esibayeni sezimvu.” Ngiyifundile indikimba yami. “Izimvu zaMi ziyolizwa iPhimbo laMi. Umfokwazi azisoze zamlandela.” Awusoze wasonta neyodwa ekuzo zonke lezozinhlango phandle lapho. Iyophuma kuyo, impela nje njengezwe. “Ngiyozikhipha esibayeni, futhi Ngiyozihola. Ngiyohamba phambi kwazo.” Amen. “Ziyokwazi ukuthi yiMi. Akekho ongahamba njengaMi, akekho ongenza izinto eNgizenzayo,” Ubeyosho. Amen.

446 “Rabi, manje siyazi ukuthi Uvela kuNkulunkulu, ngoba akekho umuntu obengenza lezizimangaliso Ozenzayo uNkulunkulu engenaye.” Niyabo? Kunjalo. Ukuvuma kukaNikodemu. Yilokho-ke.

447 Lesosizwe esincane esithobile saveza umprofethi. Nalowomprofethi, ngezinsuku zokugcina zabantwana baka Abela, baveza umprofethi owakhombisa izibonakaliso zezinsuku zokugcina futhi unikeza isexwayiso.

448 Kuthi akufane nje manje, ngiyacabanga. “Onendlebe yokuzwa, makezwe lokho uMoya akushoyo kithi.”

449 Ngakho, niyabo, IZwi-Mbewu lokuPhila lingeke lamila kulolohlobo lwesimo sendawo yokuhlakanipha. Nje kungeke kwakwenza.

450 UMose noJoshuwa babenokukholwa eZwini. Abanye babefuna ukudansa nokuhlubula abesifazane; uKora, (ngani na?) ngokuhlakanipha kwakhe kwaseGibhithe. UMose wayengakufuni lokho.

451 Bukani labo bakaKora namhlanje, benza indlela elula, bedansa, amaphathi obusuku bonke; abesifazane: abaphungule izinwele, izingubo ezimfishane, noma yini. “Akwenzi nayimuphi umehluko. Lokho kulungile.” Akulungile. IZwi lithi akulungile. Kunjalo. Into efanayo. Niyabo?

452 Nakuba bonke babo babhaphathizwa, bonke, uKora nabo bonke wabhaphathizwa, kukhombisa ukuthi kukhona lolohlobo lwabefundisi futhi.

Wena uthi, “Babhaphathizwa na?”

453 KwabaseKorinte bokuQala 10:1 kuya kwele 2. Asikufunde nje. Si . . . Ngiyazi kuba leyithi, kodwa idina ngeke lische. Lelidina lingahle lhlale isikhathi esidana, uma iNkosi izolokhu nje

iqhubeka nokusiphakela. Niyabo? KwabaseKorinte bokuQala 10. Manje bukani lapha. KwabaseKorinte bokuQala 10:1 kuya kwele 2, nginakho. Qhabo, ngineyakwabaseKorinte besiBili. KwabaseKorinte bokuQala 10:1 kuya kwele 2.

Ngokuba, angithandi—angithandi bazalwane, ukuba ningazi, ukuthi abethu...okhokho bethu bonke babephansi kwefu, bonke badabula ulwandle;

Bonke babhaphathizwa kuMose efwini naselwandle;

⁴⁵⁴ UKora wayenombhaphathizo ofanayo bonke abanye ababenawo. Kodwa yini ayefuna ukuyenza na? Wadedela abesifazane badanse nje, futhi baphuza iwayini elincane futhi babanesikhathi esincane, babahlubula konke futhi babanokuphinga, futhi babanalokho. Niyazi iBhayibheli lathi bakwenza lokho. Bathatha labo besifazane base bebahlubula izingubo zabo, base bebenza ukuba badanse, nezinto ezinjengalokho. NoMose wabathukuthelela. Niyasikhumbula isikhathi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngani na? Babehambisana noDr. Kora, owayenokuhlakanipha. Wathi, “Ngizonibuyisela eGibhithe.” Yilapho ababeyoya khona, futhi.

⁴⁵⁵ Kodwa, uMfowethu Mose, ngenkathi ehla, kwakwehlukile. Yena noJoshuwa bahlala naleloZwi. UNkulunkulu wanikeza isithembiso; bahlala naso. Kulungile.

⁴⁵⁶ Abanye babefuna ukudansa futhi bahlubule izingubo zabo, futhi kusukela, ngokuhlakanipha kukaKora. Futhi wonke wabhaphathizwa, owodwa.

⁴⁵⁷ UIsrayeli noMowabi. O, nje ngi...wena...ngike ngedlula kulokho, kanye. Asikuthathi lokho. Ngifanele ngisheshe. Kulungile. UIsrayeli noMowabi, niyazi ukuthi kwakunjani lapho. Oyedwa, ekahle nje impela, oyedwa enokuhlakanipha, amahlelo amakhulukazi. Omunye, emncane, engakhethi-hlelo.

⁴⁵⁸ Manje-ke, ngoluny’usuku; lapho engifinyelela khona manje singakavali. Ngoluny’usuku, lemithombo emibili emikhulu, noma amandla, yahlangana kwelamanqamu eZwini likaNkulunkulu.

⁴⁵⁹ Manje sizofika kuvuthwondaba. Besingabuyela emuva. Bengingathatha idazini. Bengingama lapha iviki, ngingathinti ngisho ingaphezulu lakho, ukuthi ngingakufakazisa kanjani lokho khona lapho, engikhuluma ngakho. Kodwa ngiyethemba niyakuthola. Niyabo?

⁴⁶⁰ Ngoluny’usuku, kufika kwelamanqamu. Ukuhlakanipha nokukholwa kufika kwelamanqamu. UJesu noSathane banqwamana. Kunjalo. UJesu noSathane banqwamana. Lemibutho emikhulu emibili, ukuhlakanipha nokwazi, kwafika kwelamanqamu. Niyabo?

⁴⁶¹ Manje, bobabili basebenzisa iZwi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] O, mfowethu, lokhu kuza kahle, kimi. Niyabo?

Ningakugeji, manje. O! Thanini, “Nkulunkulu, vula inhliziyoyami.” [“Nkulunkulu, vula inhliziyoyami.”]

⁴⁶² Bobabili basebenzisa iZwi likaNkulunkulu, iBhayibheli elifanayo. Kodwa aLiyikusebenza emgudwini ongaphendukile. Impela aLiyikukwenza. Ngempela aLiyikukwenza. Bobabili basebenzisa iZwi likaNkulunkulu. Kodwa uSathane waLisebenzisa ngokwazi okuvela ekhanda, niyabo, ukwazi kwekhanda, futhi aLisebenzanga.

⁴⁶³ NginomBhalo lapha. Niyakhathazeka uma ngikufunda na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Asithathe amaHeberu, isahluko 4, ngokukhulu ukushesha, umzuzu nje. Ngifuna ukufunda lokhu. Kubukeke nje kukuhle kakhulu kimi, khona lapha, amaHeberu 4. Futhi asithole Heberu 4, futhi siqale, kwelo 1 kuya kwele 2.

Ngakho-ke masesabe, ukuba, kuthi kusekhona isithembiso... ukungena ekuphumuleni kwakhe, njengoba noyedwa kini obonakala esele emuva.

Ngokuba phela nathi sashunyayezwa iwangeli, njengabo: kepha izwi abalizwayo alibasizanga bona, lokhu lingahlangananga no (kwazi, kuhlakanipha na?) kukholwa kubo... lokho kukholwa kubo aba (ini?) lizwayo.

⁴⁶⁴ Ungaba nalo lonke iZwi, ungalazi leloZwi kusukela ku A kuya ku Z, futhi aLisoze lakusebenzela. Niwabonile amadoda ethatha leloZwi futhi ezama ukuLenza lisebenze, athi, “Mfowethu, udumo kuNkulunkulu”? Nje aLiyikusebenza. Ungeke wadlala ngeZwi. Qhabo, qhabo. Qhabo, qhabo. Akunandaba ukuthi uzisho ukuthini, iZwi lizifakazela Lona. Akunandaba ukuthi ushoni, iZwi linikeza ubufakazi. Kunjalo.

⁴⁶⁵ Manje, uSathane wayelazi iZwi. WayeLazi kusukela ku A kuya ku Z. Awu, niyazi ukuthini? Sengathi ngiyabona, ukuba wayengaba nesiqu, wayeyoba neziqu ezenele ukuzelulela emakhasini amane noma amahlanu ephepha, “Dr., Mfu., Mdala, Ph., L.L., Q.D.,” wonke unobumba ngandlela zonke. Isiqu sakhe sasiyoba kuleloBhayibheli. Wazi lonke iZwi laLo. Impela uyalazi. Niyabo? Ngakho, uSathane wathi, “Manje, ngiyalazi iZwi.” Ngiyazi ukuthi wayelazi iZwi ngenkathi efika kuEva. Ngakho, wayenaLo ngokwazi kwekhanda, kodwa Lalingasebenzi.

⁴⁶⁶ UJesu wayeLazi ngokukholwa, esambulweni seZwi likaNkulunkulu ekuPhileni kwaKhe uQobo okumiselwe ngaphambili. Udumo! Ngithemba ukuthi lokho kucwila kahle kuyongena enhliziyweni yakho. UJesu wayazi ukuthi WayenguBani. USathane wayemangala. Wayazi ukuthi Wayeyisidalwa sikaNkulunkulu esimiselwe ngaphambili, ukuthi uNkulunkulu qobo lwaKhe wabonakaliswa kuYe.

KwakungesuYe owenza imisebenzi. KwakunguBaba owayehlala kuYe. Amen.

⁴⁶⁷ UDeveli makandize nakho konke okwesayense yakhe yezenkolo. UJesu; uSathane wayeLazi. Wayelazi iZwi. Manje, wayekwazi ukucaphuna lowomBhalo, mfana, njengeBhayibheli elihambayo nje. Wayekwazi nje ukuLicaphuna *kanjalo*. [UMfowethu Branham ngokushesha ushaya umunwe wakhe izikhathi eziningi—Umhl.] Niyabo?

⁴⁶⁸ Kodwa uJesu wama wathula, ngokuba Wayazi lapho Ayemi khona. Wayazi ukuthi Wayemiselwe ngaphambili, “wayeyiWundlu elihlatshiwe ngaphambi kokusekelwa kwezwe.” Wayazi ukuthi WayeyilowoMuntu. O! O, mfowethu! “Onendlebe, makezwe.” Wayazi ukuthi Wayekumiselwe ngaphambili lokho, futhi yileyondelela Ayazi ngayo iZwi. Niyabo? Futhi Lasebenza. Impela.

⁴⁶⁹ USathane wayeLazi ngokuhlakanipha. Kwehluleka. Wacaphuna iZwi elifanayo uJesu alicaphunayo, iBhayibheli elifanayo. Wacaphuna emaHubweni. “Uyakunika... Kulotshiwe,” uSathane wathi, “Uyakuyala iziNgelosi zaKhe ngaWe, funa noma ngasiphi isikhathi Uqhuzuke ngonyawo lwaKho etsheni. ZiyakuKuthwala.”

Wathi, “Kanti kulotshiwe futhi...” O! Niyabo?

USathane wayeLazi ngokwazi.

⁴⁷⁰ UJesu wayeLazi ngesehlakalo. WayeLazi ngesambulo. Wayazi ukuthi WayeyileyoNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni. Wayekwazi ukuma kwaKhe. Wayazi ukuthi Wazalwa kulelizwe ngaleyonhloso. Futhi yingalesosizathu iZwi likaNkulunkulu lalikhwazi ukusebenza ngaYe, ngoba Wayazi ukuthi Wayeyini. Udumo! Nikubambile namanje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wayazi ukuthi Wayeyini.

⁴⁷¹ USathane, kwingemuva lakho, wayazi ukuthi wayeyini. Futhi wayazi ukuthi wayengenamsebenzi, nokuhlakanipha kwakhe, eZwini, ngoba iZwi lalinguNkulunkulu. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

⁴⁷² Manje, uma uJesu wayazi ukuthi WayenguBani... Wayeyisidalwa sesikhathi esimiselwe ngaphambili. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UJesu, umzimba, Wayazi ukuthi WayeyiZwi elimiselwe ngaphambili, uMuntu kaNkulunkulu owayezoma ngalolosuku, ukuba abe nguMhlatshelo ngesono. Futhi Wayesazi isitha saKhe. (Njengoba ngashumayela ngakho, emaSontweni athi awabe mabili edlule.) Wayesazi isitha saKhe; futhi Wayazi ukuthi WayenguBani. Ngakho-ke, leyomibutho emibili emikhulu iyahlangana, ukwazi nokukholwa. UJesu wayazi ukuthi WayenguBani.

⁴⁷³ USathane wayelazi iBhayibheli kahle nje njengoba kwenza uJesu, kodwa aLimsebenzelanga uSathane. Niyabo?

474 Akunandaba ukuthi kungakanani ukwazi onakho, akuyikusebenza. Manje, thatha lokho ukubuyisele kwezinye zalezi inhlango ezinkulu. Cabanga ngakho, umzuzu. Bathi, “Awu, sineZwi.” Angikubone kusebenza. Nina maKatolika, nithi ningabasekuqaleni. Asikubone. Ngikhombiseni imisebenzi yenu, ngaphandle kokwenu. . . Noma, ngikhombiseni imisebenzi yenu, ngo, noma, ngaphandle kokukholwa kwenu, futhi ngizonikhombisa eyami, ngokukholwa kwami. Niyabo? Niyabona ukuthi iZwi lathini.

475 Ningayitshala imbewu ingabonakalisi ukuthi iyini, uma imila na? Ningalutshala uhlamvu lukakolo ngaphandle kokwenza ukolo, uma lumila na? Ningalitshala izambane lingakhuli libe yizambane na? Ningayitshala imbali ingesilo lolohlobo lwembali na? Niyabo?

476 Manje-ke, uma uhlwanyelwe, neMbewu kaNkulunkulu isenhliziyweni yakho, Ifanele ikuveze Lokho. UJesu wathi, “Uyokwenza imisebenzi yaMi, uma eNgikholwa.” Uma ethi uyaLikhholwa, nalena ingamlandeli, ungumqambimanga. “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza; ngisho neminingi kunalo, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi.” Ngani, Linamandla! Uma bengashayeki nje endaweni eshelelayo neshibilikayo, phezu kwedwala elithize ndawondawo! Iwela phansi nje esigodini ukuze imimoya ingeke yaYiphephula, nezinyoni ngeke zaYithola, Iyomila.

477 Ifihle phansi enhliziyweni yakho. UDavide wathi, “Umthetho waKho ngiwufihle enhliziyweni yami,” ukuze kungabikho-hlelo elingaWukhipha, izinyoni ngeke zaWucosha. “NginaWo ufihlwe *lapha*. Ngizindla kuWo, imini nobusuku. Ulotshwe phezu kwemilenze yombhede wami nandawo zonke. NginaYo, nginaYo iboshelwe eminweni yami. Ise. . .”

478 NoJesu wathi, “Igama lakho lisentendeni yesandla saMi.” Ngakho, kanjani, kuzokhohlwakala kanjani na? Ingeke. Manje, kulungile.

479 Manje-ke, uma uJesu ahlula uSathane phezu kokukholwa, azi ukuthi WayenguBani, Wayeyisidalwa esimiselwe ngaphambili. Senilungele na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kuthiwani ngoMlobokazi kaJesu Kristu omiselwe ngaphambili manje na? Niyakholwa ukuthi uMlobokazi umiselwe ngaphambili na? [“Amen.”] UMlobokazi kaKristu omiselwe ngaphambili manje, iBandla, iZwi-Mbewu, nayo yonke into uNkulunkulu athembisa ukuyifaka eBandleni, kuLo khona manje. IkuLo manje. Yonke into ihlelekile. UMoya oNgcwele unikeziwe. IMbewu ihlwanyelwe. IziNkanyiso zakusihlwa kade zikhanya. Isibonakaliso saseSodoma, uJesu asethembisa, silapha, noMalaki 4. IBandla elimiselwe ngaphambili!

O, Develi!

⁴⁸⁰ Bandla likaNkulunkulu ophilayo, lapha nasetyipini, futhi, niyazi lapho enimi khona na? Niyazi ukuthi nabizwa nguNkulunkulu, ukuthi uMoya oNgcwele ubusa enhliziyweni yenu, nawo onke amaZwi kaNkulunkulu ayiwo ngempela kini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] O, mfowethu! Uzomelana kanjani uSathane nalokho na? Uzokumisa kanjani lokho ekumileni na? Uzozivimba kanjani lezozibonakaliso ekuLilandeleni na? Ngani, ubungabaphosa ejele. Bona, ukuba ubungakwenza, angikhathali ukuthi wenzani, sebevele bakuzamile. Babolela emajele. Banikelwa emabhusesini. Banqunywa ngesaha. Badluthulwa baba yizicucu. Ungeke waLibulala, kunjalo, iBandla elimiselwe ngaphambili. “Labo Ayebazi ngaphambili,” njengoba Enza kuJesu, “Ubabizile. Labo Ababizile, Ubalungisisile. Nalabo Ayebalungisisile, Usevele ubakhazimulisile, abamiselwe ngaphambili.”

⁴⁸¹ Futhi manje, ngezinsuku zokugcina, nayo yonke imbewu ihlwanyelwe; yonke into ihlelekile, izwe lisekuhlelekeni kwalo, isikhathi silolongekile, iBandla lisekuhlelekeni kwaLo, iMbewu, iziNkanyiso zakusihlwa, izibonakaliso zanjengoba Athi, “Njengasemihleni yaseSodoma.” INgelosi kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, wehla, uhamba, wenza izibonakaliso Azenza ngaleyonkathi. UMalaki 4 wethembisa ukuthi Wayezothuma, ngezinsuku zokugcina, Akwethembisa. Futhi sikubona konke okwalokho khona lapha. Kuphi na? Kuphi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Amen. Amen. Amen. Amen. Amen.
NiyaMthanda na? Amen.

⁴⁸² Impela, khona lapha ngezinsuku zokugcina, iBandla elimiselwe ngaphambili, bazi lapho bemi khona, behlwanyelwe ngeMbewu, uMoya oNgcwele eBandleni.

Sathane, qaphela.

⁴⁸³ Kwenzekani na? Umzuzu nje manje. Kwenzekani, ngayo yonke into ethenjiswa kuLo, ngisho nezithembiso zikaMalaki 4 na?

⁴⁸⁴ We—wenzani uSathane ngenkathi edibana noJesu na? Wandizela kuYe, ngawo wonke umfutho wezobufundisi ayenawo. “Ngiyalazi iZwi, nami,” wandizela kuYe. Lolothuli lwehlelo ayenalo! SaLijikijela kuye; kodwa wayengenakuKhanya. Wake wasuka wandiza! Udilika ngokuninginingi ukushesha kunoma andizela khona. Ngani na? Wazithela kuleyoNtambo kagesi enamandla ayizigidigidikazi eziyikhulu lapho. Wayobuka izimpiko zakhe. Udilika kuYe. Uphuma kuYe, ngoba leyoNtambo yayinamandla kagesi kuYo.

⁴⁸⁵ Khumbulani, uSathane wayenentambo, naye. Kodwa, akunandaba ukuthi intambo iyikhopha enhle kanjani, ayinakuphila kuyo, ifile. Ayiyikusebenza. Intambo efanayo.

⁴⁸⁶ Eyodwa izofanele ifakwe amandla avela emshinini iDynamo, nenze ayinakuxhumeka, nhlobo. Kunjalo. Yingalesosizathu Iyosebenza esitsheni esimiselwe ngaphambili. Yingalesosizathu iZwi liyosebenza lapho Lixhunywe khona. Lixhunywe kuphi, nehlelo na? Qhabo, mnumzane. Leyo yisokhethe efile, “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, amandla akho bewaphika.” Kodwa kuxhunywe neZwi, elingasoze ledlula, futhi lingaveza amandla afanayo Ayenawo. Kulapho-ke. Udumo!

Amen. Amen.

NiyaMthanda na? [IBandla lithi, “Amen.”—Umhl.] NizoMkhonza na? [“Amen.”] Amen. Impela.

⁴⁸⁷ Akusikho ukuhhukwa enhlanganweni ethize, kodwa uhhukwe e—e—e—emshinini iDynamo lapha. Mfowethu, ngiyakutshela, Iyasebenza lapho, ngoba Ihhukiwe, iZwi elifanayo.

⁴⁸⁸ UMowabi wayehhukwe phakathi, naye; noIsrayeli wayenjalo, futhi. UMowabi wayengenalutho kodwa iqoqwana elifile lezivumokholo nomprofethi wamanga.

⁴⁸⁹ Kodwa uIsrayeli wayenedwala elishayiwe, inyoka yethusi, iNsika yoMlilo, haleluya, izibonakaliso zikaNkulunkulu ophilayo. Amen. Kunjalo impela. Lasebenza. Ngani na? Kwakusekukholweni. Yebo, mnumzane. Hhayi ekwazini, isivumokholo somuntu othize; kodwa ekukholweni eZwini, iZwi qobo lwaLo. UkuPhila kuvela eZwini. “IZwi laMi lingukuPhila.” Lokho kuhamba kukagesi kuza ngeZwi.

⁴⁹⁰ USathane wehla lapho, ngokukhulu ukushesha. Uthuli lwakhe lwesayense yezenkolo aluhambanga kahle kakhulu khona lapho. Intambo kaSathane yayingenakho ukuhamba kukagesi kuyo. Kwakuyizivumokholo ezifile. Ayiyikukwenza. Ayiyikuhamba ugesi.

⁴⁹¹ Manje, niyabo, yintambo efanayo. UJesu wasebenzisa iZwi likaBaba; uSathane wasebenzisa iZwi likaBaba. USathane wayenguSathane. UJesu wayenguNkulunkulu, yilowo umehluko, lelo yiQiniso. Enye yisivumokholo, neNye yiZwi. Eyodwa iyiQiniso, nenze ingamanga. Enye izokuveza; enye ngeke yakuveza. Niyakuthola na? [IBandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uhlobo olufanayo lwezintambo, manje, lokho kunjalo impela, izintambo ezifanayo. AmaHeberu 2, sisanda kuthola . . . Noma, Heberu 4:2, sikutholile nje. Niyabo? Njenga, okwamahlelo, njengamahlelo athi, ngokuhlakanipha. Niyabo? Amahlelo, ngokuhlakanipha, lisho lokhu, “Izinsuku zokuhamba kukagesi selwedlule.”

NiyaMthanda na? Amen.
NizoMkhonza na? Amen.
NiyaMkholwa na? Amen.
Amen. Amen.

NgiyaMkholwa. Yebo, mnumzane. *Amen* kusho ukuthi “makube njalo.”

⁴⁹² Nkosi, omkhuleko wami, kulokhu ukusa, thatha wonke okholwayo ophakathi lapha bese umdonsele ekuhambeni kukagesi. O! Faka ukuPhila kuye, makabhuze futhi akhanyise inkazimulo kaNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Vula ukuhamba kukagesi.

⁴⁹³ Niyazi ukuthi yini engiyikholwayo na? IMbewu isihlwanyelwe (Niyakukholwa lokho na?) [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] YaleloBandla elikhulu. Njengezintambo nje endlalwe esakhiweni, onke amasokhethe ahlolwe ngeZwi, o, he, zonke eziphumela ngaphandle zihlolwe ngeZwi. “Ningamangali nxa kufika izilingo zomlilo. Kungokokunihlola.”

⁴⁹⁴ Kunoshodi omncane lapho, uzoshokhana, uqhumise yonke iswishi. UNkulunkulu akazifuni eBandleni laKhe. Akuzukubakho-swishi eqhunyiswayo nefyuzi eqhunyiswayo ngalolu izinsuku zokugcina. Qhabo, mnumzane.

⁴⁹⁵ Uyabuya futhi alishisele phakathi lapho kahle. Yebo, mnumzane. Kulungile. Onke amalambu alenga endaweni yawo. Into kuphela, kulindelwe uMnini emuva lapho ukuba avule iswishi. Kunjalo. Yebo, mnumzane. EZwini! Impela. Bekungaba khona manje, mfowethu. Uma udinga ukuphiliswa, thinta iswishi nje. Yilokho kuphela ozo fanele ukwenze, uma unentambo yangempela. Uma umhlabathi wakho... “Uma ulayini wakho ushokhana, nokuxhuma okuningi, futhi, kade ulahlekile kuJesu, tshela wena ukuthi yenzani.” Amen. Kunjalo.

⁴⁹⁶ Manje, ukuhlakanipha kwehlelo kuthi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule.” Akukho-kuhamba kukagesi ezintanjani.

⁴⁹⁷ Kodwa ukukholwa kwazi kangcono. Bayakuzwa. Bayakubona kusebenza. Bayakwazi ukuthi kuyakhanyisa. Bayazi ukuthi kwenzani. Ukukholwa kungukuhamba kukagesi, ukuhamba kukagesi, uMoya.

Nokuhlakanipha kuyizimo zehlelo.

⁴⁹⁸ USathane wazama ukulinga uJesu, ekukholweni eZwini likaBaba. Nakhu akwenzayo. Wazama ukuMkhombisa ezakhe ezinkulu, ezinkulu izinhlangano zobufundisi zomhlaba. Kodwa akakwazanga ukuMlinga. “Woza ngapha bese ujoyina ezami. Ngizokwenza umbhishobhi phezu kwazo zonke.”

⁴⁹⁹ “Kulotshiwe...” kwasho uJesu. Yebo, mnumzane. USathane akakwazanga ukuMlinga. Qhabo, mnumzane. Usekwedlule lokho. Kodwa, uJesu wayeyiZwi. Ukukholwa kwaKhe ekwazini kwaKhe uqobo, ukuthi WayeyiZwi.

⁵⁰⁰ NjengoMose nje. Ngani, uMose wayazi ukuthi wayengubani. UMose wayazi ukuthi wayeyinceku kaNkulunkulu, azi ukuthi wabizwa nguNkulunkulu. Wayazi ukuthi wayezokwenzani.

Yingalesosizathu wayengesabi ukuthi uSathane wathini. USathane wazama ukumlinga, amesabise aphume kukho. Kodwa, qhabo. UMose wayazi lapho ayemi khona. Kunjalo.

Manje ngifanele ngisheshe. Ngiyeqa, ikhasi nekhasi, lapha.

⁵⁰¹ UPawulu. Into eyodwa engifuna ukuyithola lapha, ngaphambi kokuvala. UPawulu wakucacisa kahle engxenyeni yakhe yoMlobokazi ayoyisa. UPawulu uyoyisa ingxenye yoMlobokazi. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UPawulu wakucacisa kahle engxenyeni yakhe yoMlobokazi ayomyisa kuJesu Kristu ngezinsuku zokugcina, mayelana nokuhlakanipha noma ukukholwa.

⁵⁰² Asithi nje ukufunda kancanyana. Ngifuna niphenye kwabaseKorinte bokuQala, isahluko 4. KwabaseKorinte bokuQala, isahluko 4, siyafunda nje. Futhi sizovala nje e—emizuzwaneni embalwa, iNkosi ithanda. KwabaseKorinte bokuQala, isahluko 4, futhi ngifuna ukufunda ivesi 18 kuya kwelama 20. Kulungile. Nakhu lapha esikhona.

*Kepha abanye bakhukhumele, ngokungathi—
ngokungathi angiyikuza kini.*

*Kodwa ngizakuza kini masinyane, uma iNkosi ivuma,
ukuze ngazi, angisho amazwi anoma yibaphi alaba
abakhukhumeleyo, kepha amandla abo.*

⁵⁰³ Niyazi, kungathatha. . . Manje, lelo kwakuyibandla lamaRoma liqala ukuza, khona phakathi lapho, liqala ukuza. Niyabo? Wayazi ukuthi oku. . . Niyazi, iBhayibheli lathi, “Baphuma kithi, ngoba babengesibo abakithi,” niyabo. Kunjalo.

*Ngokuba umbuso kaNkulunkulu awuzi ngezwi, kepha
ngamandla.*

⁵⁰⁴ Niyabo, “Hhayi ngeZwi.” Uthi nje, “Awu, mina, ngifundile, mfowethu. Nginemfundo engaphezu kwale oke ube nayo. Ngingu—ngingumpristi. Ngingu. . .” Lokho akuhlangene nangokukodwa naLo. Kusho ukuthi akungaphezu kokuthi uyi “ngulube,” noma noma yini enye; niyabo, niyabo, akuhlangene ngalutho naLo. Niyabo? UDeveli wayenenqwaba yokwazi, naye. Niyabo? Kulungile. Niyabo?

*Ngokuba umbuso kaNkulunkulu awuyi. . . zwi,
kepha. . . mandla. Niyabo?*

*Pho nifunani ke? ngize kini ngiphethe induku, noma
ngize nginothando, noma nomoya omnene na?*

⁵⁰⁵ Manje, isahluko 2. Ngifuna ukuqeda lokhu, umzuzu nje, ke, singakavali. Isahluko 2; phenyani ngale ikhasi. Asiqale khona lapha kwelo 1. Manje niyabona ukuthi ini, uPawulu, akutshela uMlobokazi manje. Uzoyisa lengxenye yoMlobokazi kuKristu, futhi ufuna bazi. Manje, khumbulani, uPawulu wayeyoba nolunye uhlobo lokukhalipha. Wayekhaliphile, wayenakho, kodwa wa “dingeka akukhohlwe,” washo. Wayenazo zonke

izinhlobo zeziqo nemfundo, kodwa wadingeka akukhohlwe, manje, bukani, ukuze afunde uKristu.

Nami, bazalwane, ekufikeni kwami kini, angifikanga, fiki ngobungcweti bokukhuluma noma ukuhlakanipha. Niyabo? Angifikanga nokuhlakanipha, ngimemezele kini ubufakazi bukaNkulunkulu.

506 “NginguDr. uS**’**bani-bani, futhi nginakho konke. Ngi... Siyafundiswa emakholiji, *kanje-na-kanje*”? Qhabo, qhabo. uPawulu wathi, “Angifikanga kini kanjalo, nokuhlakanipha.” Manje, nani. . .

Iyini indikimba yami na? *Ukuhlakanipha Kubhekene nokuKholwa.* Niyabo?

507 “Angifikanga kini ngokuhlakanipha,” uPawulu wathi, “ngininike ubufakazi bukaNkulunkulu ngokuhlakanipha, ngithi, ‘Manje bukani lapha. Ngizonitshela. Sifundile ekholiji ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Siyafunda ekholiji ukuthi lezizinto ngempela zazingaqonde khona *Lokhu*.’” Wathi, “Angifikanga kanjalo, bazalwane.” Manje wathini na?

Ngokuba nganquma ukuthi angiyikwazi okunye phakathi kwenu, kuphela uJesu. . . lowo obethelwe.

Futhi (uma) mina ngangikini ngobuthakathaka, nangokwesaba, nangokuhlupheka okukhulu nganginani.

Nokukhuluma kwami nokushumayela kwami akubanga-ngamazwi ahungayo okuhlakanipha komuntu, . . .

508 Ha? Njengoba uBooth Clibborn wathi, “Halo?” Ubani owangqongqoza-ke na?

Angifikanga kini nokunye okwasekholiji *ukuhlakanipha, kepha kwaba ngesibonakaliso sikaMoya nesamandla:*

Ukuze (ukuk-h-o-l-w-a) ukukholwa kwenu kungemi ngokuhlakanipha kwabantu, kepha ngamandla kaNkulunkulu.

509 [UMfowethu Branham ushaya ikhwela—Umhl.] Amen. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”]

Ukuze ukukholwa kwenu akungemi ngokuhlakanipha ngenye inhlango, kepha ngamandla kaNkulunkulu.

510 Ukukholwa ngamandla kaNkulunkulu! Amathemba enu awa. . .

511 Lemithombo emibili ubulwa kusukela eEdene; ukukholwa kukaNkulunkulu kumelene nokuhlakanipha kukaSathane. UNkulunkulu ufakazisile, kuyo yonke iminyaka, ukuthi Akuyikuxubana. Kufanele kwehlukaniswe, ukuba kumile.

512 Manje, masinya, ake ngigijimele ngale nje—nje izwi noma amabili, kulowo ngamunye, ngithathe nje izinto ezimbalwa enginazo zibhalwe lapha.

513 UEsawu noJakobe kwakungumfanekiso ophelele: bobabili, bekholwa; bobabili, amawele.

514 UEsawu wayewuhlobo lobufundisi. Wayeyindoda eyayikhaliphile. Wayeno—nokuma kokuziphatha okuhle nezinto ezinjalo, kodwa wayengenakho ukusetshenziswa kwalobo buzibulo.

515 UJakobe wayengakhathali ukuthi wayedingeka enzeni, uma nje ethole ubuzibulo. Futhi inqobo nje uma babesendawonye, babengeke baveze. Kunjalo na? Omunye wayemelene nomunye.

516 Nikubambile na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen. “Phumani phakathi kwakho. Nizahlukanise,” usho uNkulunkulu. “Futhi ningathinti okungcolile kwabo. Ngiyakunamukela.” Niyabo?

517 UJakobe wadingeka azehlukanise nomfowabo wehlelo ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze ambusise. UNkulunkulu watshela uAbrahama into efanayo.

UIsrayeli; noMowabi.

518 Abaprofethi abangamakhulu amane bakwaIsrayeli bama phambi kukaMikaya. NoMikaya wazehlukanisa nabo, futhi wathola iZwi leNkosi, futhi ubuya naLo.

519 UMose, noKora, into efanayo, babengenakuxubana. Babefanele behlukane. Yiqiniso lelo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

520 UAbrahama; noLoti. ULoti wayeyindoda ekholwayo, umfanekiso webandla eligcina umthetho ngamehlo nje. Kodwa inqobo nje uma uLoti wayesenoAbrahama, wahamba iminyaka naye. Kodwa Wayeyo... UNkulunkulu wayengambusisi waze waMlalela ngokugcwele wayesezahlukanisa noLoti, ibandla lehlelo. Kwase kuthi-ke, wathi nje uAbrahama angazehlukanisa futhi aphume, ukuba ahambe yedwa, uNkulunkulu wathi, “Manje, Abrahama, sukuma. Bheka empumalanga, entshonalanga, enyakatho, eningizimu.” Wathi, “Lonke lingelakho.” Kodwa Akakwenzanga waze wazehlukanisa ngokugcwele. Kunjalo impela.

521 UNkulunkulu wayengenakumbusisa uSeti waze Wamehlukanisa noKayini. Wambeka uphawu uKayini wayesemthumela ezweni lakwaNodi. NoKayini, nokuhlakanipha kwakhe okukhaliphile, babangososayense nayo yonke enye into, batshala ukudla okusanhlamvu kwalokho. NoSeti, phansi kokulunga kwakhe, nothando nokukholwa eZwini likaNkulunkulu, watshala okusanhlamvu okwaveza umprofethi owexwayisa izinsuku zokugcina, kunjalo, wasindisa lonke ikholwa. Nokuhlakanipha kwababhuhisa bonke. Bona,

bonke, bafa. Bonke, akunandaba ukuthi zingaki iziqu nesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo ababenayo, yonke enye into, babhubha ezahlulelweni zikaNkulunkulu.

⁵²² Nayoyonke into engaphandle koweqiniso, ozelwe ngokusha uMoya kaNkulunkulu, okholwa yilolonke iZwi laLelo futhi ame kahle kuLo, uyobhubha ezahlulelweni zikaNkulunkulu. Niyababona laba abancane abatshikizayo behla ngomgwaqo, nakho konke lokhu kuqhubeka, futhi beqhubeka kanjalo, khumbulani, akulutho ezweni kodwa ifolishi lokwahlulelwa. Kuyobola. Kuyofanele. Kubophezelekile nje. Besifazane, phaphamani.

⁵²³ Nginobufakazi obuncane, kodwa anginaso isikhathi sokubuxoxa, ngenenekazi elincane lapha kungekudala, eCalifornia. Ngangigibele ngenyuka ngomgwaqo, ngilindele ukuba ngibizelwe ethendeni. Kugijinywa ngalapho, encanyana... Ku—kuyihlazo. Akungabazeki, intombazane encane ebukekayo. Futhi yayihamba ngapho, itshikiza, ifake lesisigqoko esincane samakhawa, amabhuzu nemileceza ilenga, itshikiza yenyuka ngomgwaqo. Bonke abesilisa beyikhuzela, futhi bevayizela, bonke kanjalo.

⁵²⁴ Ngacabanga, “Bengifanele ngime nje, ukuba bengingesuye umshumayeli. UMeda ebekhona, bengiyoma. Ngithi, ‘Buka, dade, kukhona engifuna ukukutshela khona. Ungahle ubukeke. Ungakufakazisa lokho. Uyabo? Ungahle ukwazi ukwenza izimoto zishelele amabhuleki, futhi utshikiza ngapha, nabafana bashaye amakhwela njengezimpisi, yonk’into. Kodwa ngolunye lwalezizinsuku, lowomzimba omncane, izilokazane nezibungu zizohuquzela kuwo futhi ziwudle ziwuqede. Futhi mhlawumbe emavikini ayisithupha kusukela manje uzoba ngaleyondlela, ubolile, ulele lapho ethuneni. Kodwa lowomphefumulo okuwe, uzondla ngaleyonkanuko, uyohlala esihogweni sikadeveli i—iminyakanyaka ezayo.’”

⁵²⁵ UMose; noKora. ULoti; uAbrahama. UJohane umBhaphathizi; nabathelisi. UJesu; namabandla amahlelo angezinsuku zaKhe. Niyabo? Ukukholwa; ukuhlakanipha.

Awu, labobapristi babengasukuma, bathi, “Si. . .”

Wathi, “Yebo.”

“Sinalokhu. O, ubaba wethu, senza *kanje-na-kanje*.”

⁵²⁶ Wathi, “Yebo. Nina, ngamasiko enu, niyenze ize imiyalo kaNkulunkulu, nifundisa isiFundiso esiyimiyalo yabantu.”

⁵²⁷ Bathi, “Awu, ungubani Wena, ukuba usifundise thina na? Wavela kusiphi isikole na?”

⁵²⁸ Wathi, “Imisebenzi eNgiyenzayo, ifakaza ngaMi. Uma Ngingenzi imisebenzi kaMesiya, khona-ke ningaNgikholwa. Futhi uma Ngenza imisebenzi kaMesiya, khona-ke niyazi,

kholwani imisebenzi.” Wathi, “Ifakaza ngaMi. Uma Ngingenzi imisebenzi, khona-ke ningakukholwa.”

529 Wayenalabo bamahlelo, futhi, emuva lapho, nokuhlakanipha kwabo. UJesu wayenokukholwa. Ukukholwa kukuphi na? Ukuthi Wayeyini: iNdodana kaNkulunkulu. Niyabo? Kulungile.

530 UMartin oNgwele; nebandla lamaRoma, ngezinsuku zenguquko. Kodwa ngiqonde ukuthi ngenkathi, bona, ngenkathi bengakangeni eRoma lobuhedeni, ngenkathi liqala ukuba yibandla lamaRoma. UMartin wama phandle lapho futhi wabhikishela leyomfundiso engenakuphikiswa yalelobandla eliKatolika; wenze izibonakaliso, nezimanga, nezimangaliso. Na—namabandla akhe, onke awo, akhuluma ngezilimi, futhi aprofetha, nezinto ezinkulu. Namandla kaNkulunkulu ayenaye. Wavusa abafileyo futhi waphilisa abagulayo, nayoyonke enye into. Futhi kwakukhona lelobandla eliKatolika laphaya, limbhikishela kanjalo, futhi lizama ukuba limshise, nayoyonke enye into. Kwakuyini na? Ukuhlakanipha; ukukholwa. Kuyafana manje.

531 Ake sizwe isisibekelo sakho konke okwakho. UZakariya 4:6 yilapho engizovala khona, khona lapha. IBhayibheli lathi, “Kungabi-ngempi, kungabi-ngamandla, kepha kube-ngoMoya waMi, isho iNkosi. Kungabi-ngokuhlakanipha, kungabi-ngokwazi, kungabi-ngokuphakanyiswa, kepha ngoMoya waMi Ngiyaku (ini?) lifaka amandla iZwi laMi.” Abafundi babenaLo lhlwanyelwe kubo, khona-ke uMoya ufikela ukufaka amandla iZwi. Niyabo? “Kungabi-ngempi, kungabi-ngamandla, kungabi-ngokuhlakanipha, kungabi- ngokuqonda, kungabi-ngalokhu, kungabi-ngalokho, kepha kube-ngoMoya waMi Ngiyakulifaka amandla iZwi laMi. NgoMoya waMi, isho iNkosi.” NgaManzi eZwi lokukholwa afaka amandla iZwi likaNkulunkulu futhi aLenze lisebenze.

532 Yikuphi okuzowina na? Kubukeka sengathi, khona manje, kusobala, lokho kuhlakanipha kuzosebenza. Kodwa, kungeke. Kungeke.

533 Kubukeka sengathi, khona manje, ukuthi iBandla elincane elikholwa yiZwi likaNkulunkulu eligcwele ngempela li—lisedlanzaneni. Kodwa ningakhathazeki. IBhayibheli lathi, “Ungesabi, Mhlambi omncane. Kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso.” Ehhe. Kunjalo. Niyabo? Futhi ningesabi. Hlalani ekukholweni nje. Hlalani neZwi ngqo. Ningalishiyi iZwi. Hlalani neZwi.

NiyaMthanda na? Amen.
NizoMkhonza na? Amen.
NizoMkholwa na? Amen.
Amen. Amen.

Asilicule.

NiyaMthanda na? [Ibandla lithi,
“Amen.”—Umhl.]

NizoMkhonza na? Amen.
NiyaMkholwa na? Amen.
Amen. Amen.

NiyaMthanda na? Amen.
NizoMkhonza na? Amen.
NiyaMkholwa na? Amen.
Amen. Amen.

⁵³⁴ O, ngiyaMthanda! Aninjalo na? [Ibandla lithi,
“Amen.”—Umhl.] Kuyini na? Ngokukholwa, kungabi-
ngokuhlakanipha! “Ngokukholwa sisindisiwe.” Kunjalo na?
[“Amen.”] “Kungabi-ngokuhlakanipha, kungabi-ngokwazi;
ngoMoya waMi, isho iNkosi.”

⁵³⁵ Manje Awacwile phansi kuleloBandla. Leyontambo
yekhophha, leso yisedlulisi-gesi. Manje, intambo ye aluminiyamu
ayisiso isidlulisi-gesi. Niyabo? Ayisiso. Qhabo. Ipayipi lerabha
alisiso isedlulisi-gesi; liyisivimbela-gesi. Ukhuni luyisivimbela-
gesi. Asifuni zivimbela-gesi. Sinokuningi kakhulu kwaso
manje, futhi kwenza izehlukanisa. Ngakho si—sifuna . . . Sifuna
izedlulisi-gesi, abesilisa nabesifazane abazelwe ngokusha
abakholwa yiZwi likaNkulunkulu.

⁵³⁶ Manje, wathini umshini iDynamo na? “Celani kuBaba utho
eGameni laMi, Ngolwenza.”

⁵³⁷ Futhi wenzani na? Uyaxhuma. Amen. Kunjalo na? [Ibandla
lithi, “Amen.”—Umhl.] Xhuma nje, yilokho kuphela ofanele
ukwenze, nokuhamba kukagesi kuza kugeleza kwehla ngqo
ngolayini.

⁵³⁸ Kwenzekani na? IZwi liqala ukumila. “Futhi uyakuba
njengomuthi otshaliwe ngasemifuleni yamanzi; oqabunga lawo
lingayikubuna; nakho konke akwenzayo uyakuba nenhlanhla
kukho. Ongamesabi uNkulunkulu akanjalo.”

⁵³⁹ “Ongamesabi uNkulunkulu akanjalo.” Manje, ungashe
ukuthi, “isoni,” manje. “Ongamesabi uNkulunkulu,” niyabo,
yilowo ozishoyo, futhi ungongamesabi uNkulunkulu ngaLo,
niyabo. Kunjalo. “Ongamesabi uNkulunkulu akanjalo. Bangeke
bama ekwahlulelweni nabalungileyo.” Qhabo, mnumzane.
Impela bangeke.

⁵⁴⁰ Ngakho, isikhathi sesifikile. IMbewu iyahlwanyelwa, nokho,
labo abamiselwe ngaphambili. “Abamiselwe ngaphambili”
yiyona-ndlela kuphela lapho. Bengingathatha iZambulo 12,
khona manje, ne 13, futhi ngifakazise kini lokho, labo
nje. IBhayibheli lashi, ukuthi, “Lomphikukristu owayeza
phezu komhlaba wayezodukisa wonke,” (w, onke), “wonke
owayephezu kobuso bomhlaba, nalamahlelo nezivumokholo.
Wayeyodukisa wonke ophezu kobuso bomhlaba, bonke babo,
ngaphandle kwalabo ababemiselwe ngaphambi kokusekelwa

kwezwe.” Ngakho, mfowethu, akukho ongakwenza ngakho. Mpompoloza nje, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] O, he! Ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane.

NiyaMthanda na? Amen.
NizoMkhonza na? Amen.
NiyaMkholwa na? Amen.
Amen. Amen.

⁵⁴¹ Ngifuna nizejwayeze lelo kancanyana ngapha, nina nonke. Ngiyalithanda lelculo. Anilithandi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lelo lalingelethu ePhoenix, iculo lengqungquthela. O! Ngiyalithanda. Ngiyalithanda. Asilicule futhi.

NiyaMthanda na? Amen.
NizoMkhonza na? Amen.
NiyaMkholwa na? Amen.
Amen. Amen.

⁵⁴² Awu, ningalokhu niqhubeke njalo nje, niyazi. “NizoMkhonza na?” Futhi bonke nje belokhu beqhubeke njalo, bephindaphinda. He! Saliqalisa lapho ePhoenix; sithi asiqidabule indawo ibe yizicucu. Yebo, mnumzane. “Amen. Amen. Amen.”

Nixhunyiwe kulokhu ukusa na? Amen.
Vulani iswishi. Amen.
Ninakho ukuhamba kukagesi. Amen.
Amen. Amen.
Manje Lizomila. Amen.
Lithele isithelo. Amen.
NizoLikhombisa. Amen.
Amen. Amen.


⁵⁴³ O, akumangalisi lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen. Kumangalisa kakhulu. Ngiyaxolisa ukunihlalisa nonke lapha, sonke lesisikhathi, kodwa nje nginejubili, qobo lwami, isikhathi esimangalisayo nje. Kulungile.

NgeSonto elizayo, manje, wonke umuntu ongapha . . .

⁵⁴⁴ Manje, manje ngenyukela kwaMfowethu Littlefield, ukusabalalisa iZwi elincane, mhlawumbe ngithathe elinye laleliZwi lapha bese ngiLisakazela enhla lapho phakathi kwabo, ibandla likaNkulukulu, kanjalo. Futhi mhlawumbe ngizokhuluma nje ngento ethize engayenza lapha. Kusobala, nemukelekile ukuba nize. Kodwa banendlu yokukhonzela encanyana lapho, ihlalisa amakhulu ayishumi nanhlanu. Ngisanda kuyinikela nje, futhi cishe iminyaka ethi ayibe mibili edlule. Izominyaniswa. Kodwa ngamethembisa uMfowethu Littlefield. Ungumfowethu oyigugu. Nendoda iyasigcina isithembiso sayo uma ingahle iphumelele. INkosi ithanda, ngizokwenyukela lapho.

⁵⁴⁵ Kuzoba nebandla lapha etabernakele. Nina bantu nize khona lapha etabernakele, enikhona ngapha nezinto, futhi ningaphumelela. Nize ngqo ngaphambili.

⁵⁴⁶ Bese kuthi-ke, ngeSonto elilandelayo, khumbulani, uMfowethu Arganbright uzoba lapha manje noMfowethu Rowe. Impela nizomjabulela uMfowethu Rowe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kulungile.

⁵⁴⁷ Asibuyisele inkonzo manje kuMfowethu Neville, sibone ukuthi uzositshelani manje. INkosi inibusise. 

UKUHLAKANIPHA KUBHEKENE NOKUKHOLWA ZUL62-0401
(Wisdom Versus Faith)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Apreli 1, ngo 1962, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org